

# BAYEDE

## IPHEPHA LABOHLANGA

NJALO NGOLWESIHLANU

25 KUMANDULO / 01 KUMFUMFU 2020



**Ababulali benyathi balala ubucwayimbana: Sidalula itulo lokusoconga iMeya**

AMACALA ABUCAYI

**Amathongo anendlela yokuzibonakalisa kwabaphilayo**

UBUCIKO BETHU

# Izakhiwomahhovisi KwaZulu-Natal: Insengwakazi yamaNdiya nabelungu

■ Ngisho uHulumeni wesifundazwe uyisiqashi ■ Amabhizinisi aboHlanga athola izimvuthu

**nguZakhele Nyuswa**

■ OZUL' AZAYITHOLE

Kulabo ababelwela inkululeko okwabe kumqoka wukuthola amandla epolitiki kanjalo namandla ezomnetho. Kusuka ngonyaka we-1994 uHulumeni oholwa yi-African National Congress (ANC) ukutakutana neqhingasu elingaqinisekisa ukuthi lokhu kokubili kuyavezeka. Nokho kukhona umkhakha okubonakala esahluleka khona uHulumeni ukuhlelembela aboHlanga ukuze nabo bangene. Lona umkhakha wentuthuko yezaqhiwo. Lo mkhakha uhlukene kathathu; Imboni Yezakhiwo Zohwebo (Imboni Yezakhiwo Ezingamahhovisi, Imboni Yezakhiwo Zokuhiqiza, Imboni Yezakhiwo Zokuthengisa, Imboni Yezakhiwo Zokungebeleka). Kukhona Imboni Yezakhiwo Zokuhlala (Izindlu Ezizimele, Zokuqashisa, Nezihlala Imipakathi, Amafulethi, Izindlunzi nokunye), bese kuba noMhlaba Obekelwe Okuthile.

Ngokwezibalo zeRoyal Institute of Chartered Accountants, amaphesenti angama-70 emnetho emhabeni avela ebunini bezakhiwo. Ezweni elinjengeNingizimu Afrika imboni yezakhiwo ineqhaza elikhulu ekuthuthukiseni abantu ngokwemnontho. Ngokwezibalo zeSouth African Property Owners Association, zonyaka wezi-2015 zengeniso yemali ezweni (Gross Domestic Product) imboni yezakhiwo yaKwaZulu-Natal ifaka amaphesenti ali-16.46 emnethweni wezwe kanti uMasipala omkhulu i-Ethekwini khona ibifaka amaphesenti angama-8.67.



**ULUNGISA UKUKHULUMA: UMphathiswa uPeggy Nkonyeni ucacisa olukuqashwa kwezakhiwo nguHulumeni waKwaZulu-Natal oyisiqashi**

Isithombe: Igunundu Agency/nguNhlanhla Mtaka

Ophenyweni olwenzwi ngelaboHlanga ngalo mkhakha KwaZulu-Natal kuvele isithombe esishaqisayi nesive ukuthi aboHlanga bale emsileni manxa kuhulunywa ngokuzuza kulo mkhakha. Okunye okuvelayo yikuthi uHulumeni wesifundazwe usazoqhube ka nobuka yinsengakwazi yabelungu namaNdiya.

Izibalo zoMnyango Wezemisibenzi KaHulumeni okuyiwona obhekene nomsebenzi wokuqasha amabhili iduma iminyango yakaHulumeni idinga amahhovisi nomu izindawo zokugcina impahla kulesi

sifundazwe kunezivumelwano zokuqashisewa izakhiwo ezili-184 kanti kulezi zivumelwano aboHlanga banesabelo esili-15 rje kuphela. Noma kuhona lapho aboHlanga behlanganyele khona nabeyiniye izinhlanga, lezo zivumelwano zimbalwa. AmaKhali ahlomule ngesiyumelwano esisodwa, abamhlophe banezingama-41 abomdabu baseNdiya baneyumelwano ezingama-82. Uma lokhu kubekwa ngezibalo zemali amaNdiya ahlomula imali eyizigidi ezingama-R400, abamhlophe izigidi ezili-R115, aboHlanga bona bacosa kuphela

izigidi ezingama-R40. Labo abasebenzisanayo beyizinhlanga ezahlukene bona bacosa izigidi ezingama-R79.

**UHulumeni wesifundazwe yisiqashi** Ngokophenyo uma kufika kumahhovisi eminyango kaHulumeni eMgungundlovu, kunabantu nezinkampani ezingafike kwezinhlanu abaxebula umkhomo. Okukhala esabo isicathulo eNhlakodolobha yaKwaZulu-Natal nguDkt uMohamed kanye nenkampani iRebosis. UDkt Mohamed ungumnikazi weDavis Alexander Building lapho kukhosele

khona ikomkhulu lesifundazwe loMnyango Wokuhlaliswa Kwabantu, aphinde abe ngumnni weMain City Building ne-Old Mutual Building. Wonke la mabhili idaqashwe uHulumeni eqashese iSouth African Police Service VIP Protection and Security Services, uMnyango Wezemfundo, uMnyango Wezolimo, Ezezinhanzi Namahlathi besa kuba uMnyango Wezasekhaya.

Irebosis ingumnni weTrizon Towers eqashwe uMnyango Wezempi, iTreasury House eqashwe yiKZN Treasury, ibhili idliku-270 Jabu Ndlovu Street eliqashwe uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnetho, Ezokuvakasha Nezemvelo. Abanye abanamabhili idaqashwe uHulumeni yiCollins Group enamabhili idaqashwe uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnetho, Ezokuvakasha Nezemvelo noMnyango Wezemfundo, kube yiBillion Group ibhili idayo eliqashwe uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi kanye no-Alex Dube obhilidi lakhe liqashwe uMnyango Wezolimo, Amahlathi Nezinhanzi.

Ebuswa ngalolu daba, uMphathiswa Wezemisibenzi KaHulumeni Nokuhlaliswa Kwabantu, uMhonishwa UNeliswa Nkonyeni, uvumile ukuthi kunenkinga enkulule mboni. "Inkinga iqale ikakhulu ngonyawa wezi-2002 lapho uHulumeni waKwaZulu kanye neSishayamthetho bethathe isinquma sokuthi ikhayakhulu lesifundazwe kube yidolobha laseMgungundlovu. Labo abavelele sebenemali bathatha leli thuba ukuthi bathenge izindawo

■ IQHUBEKA EKHASINI 3

**IZINDABA KAFUSHANE**

**Baxoshelwe eye-UIF** Usizi ezisebenzini ezikhonjwe indlela yinkampani ngoba zibe ingxene yesiteleka zikhala ngemali ekhokhelwa abangasebenzi i-Unemployment Insurance Fund. IKHASI 4

**Ingxoxo noMaimane** UMnu uMmusi Maimane ugeqa amagula engoxwene ekhethekile nelaboHlanga lapho ebalule amasu angasiza iNingizimu Afrika uma sekudlule ukhuvetho. Uphindre abuke isimo sokupathwa kwaleli zwe. IKHASI 5

**Okusha ngolwakwaNtuli** Selungenelele inhhlangano elwa nokuhlukunyeza kwabesifazane olomfelokazi wesihlobo seMeya yaseNkandla. IKHASI 6

**Usengundingasithebeni** Kuthiwa isinzima impilo kowayenguSomlomo kaMasipala ovalaxaza i-Inkatha Freedom Party wajoyina uKhongolose osedlele nemoto. Kuthiwa izethembiso azifezwangwa. IKHASI 5

**Kusemyama kolukamalugaju** Luseyinkinga olokungcwatshwa kumalamugaju waseMthwalume isidumbu sakhe esisaduve emakhazeni. Thola konke okwenzeka kulolu daba ngaphakathi. IKHASI 6

**INKANTOLO ILAHLA i-ANC** Amanzi angena endlini kuKhongolose njengoba iNkantolo EnkuIlu isiwuyalele ukuba ukhokhlele inkampani eyawenzela umsebenzi wokukhankasela ukhetho izigidi zemali. IKHASI 18

**Kunzima kumankomane** Nakuba sekuvunyelwe ukuthi amankomane abuye eringini kodwa ngeke kuge lula kwabanye abaqhatha izimpili abasenezibazi zokhuvetho. IKHASI 19

**Ithemba kwabeChiefs** Kubhekwe lukhulu ngezinguquku ezenziwe kuKaizer Chiefs kulanlele ukwheleleka ukudla isicoco se-Absa Premiership kule sizini ngemizuzu yokugcina. IKHASI 20



## Akuliwe nokuhlukunyeza kwabesifazane nezingane

**ngu-Andile Moshoeshoe**

■ IZINDABA

UMengameli wakulelu uMnu uCyril Ramaphosa ukubeku kwacaca ukuthi akukabi bikho ukubusa ngentando yeningi uma abesifazane nezingane besaphila ngokwesaba ukudlengulwa kumbe ukuhlukunyeza ngabce silisa.

UMnu uRamaphosa ukusho lokhu ngesikhathi elakuleli ligubha usuku lwamagugu olugujwe ngendlela eyehukile kulo nyaka kusebenza ubuchwepheshe ngenhlosa yokulandela imibandela evimba ukuhlangana kwabantu ukuvikela ukubhebhethka kwesifo esingubhubhane ukhuvetho.

Unxene isizwe sonke ukuthi sibamele elikhulu iqhaza ekuwlensi nemikhuba yokuhlukunyeza kwabe sifazane nezingane njengoba liphezelu izinga

lokuhlukunyeza kwabe sifazane "Uma kusekhona abahlukumeza abesifazane nezingane, badlwengule baphinde babulule negeke sivumelane ngokuthi siphila ngokukhululela ngoba abesifazane basaphila ngosizi lokwesaba" usho kanje. Utthe ukuhlukunyeza kwabe sifazane kakuyonta into yabantu bakulelu nokuthi kakuyona isiko njengoba abanye benaleyo micabango ukuthi kufanele kubebesilisa abashaya imithetho eminjy yabo.

Utthe elakuleli lizwe alinothile ngezesintu njengoba linezilimi ezili-11 lapho abantu bala bekwazi ukuhlangana kumbe ukuxhumana ngokwahluhuna kwazo nokuthi bajabule kumbe badanze ndawone behlanganiswa imiculio efana noMaskhandi Kanyane Mapiano.

"Siyisizwe esingenise

ngomfutho emhlabeni jikelelo njengoba intsha nabadala base mazweni i-UK, iFrance, iJamaica, i-Angola nakwelamaPalestina eJerusalema imbalu bejabulela umdanso we#JerusalemaChallenge".

Enkulumeni yakhe uphinde washayela ihlombe labo abenza imizamo yabo yokuthola ikhambi lokulwa nesifo ukhuvetho besebenzisa isipilyoni sabo abanaso ngemithi yesintu njengoba elakuleli nalo liyingxene yamazwe azama ukuthola ikhambi lalesi sifo.

Elekuleli lingeline lamazwe aphambili ngabantu abanalesi sifo njengoba kulabo abazihlole lesi sifo kutholakale ukuthi bangaphezu kwama-600 000 abasulelekile.

Uphakamise ukuthi abantu abazijwayeza ukukhuluma izilimi zabo

njengoba lezi ezifana ne-N|uu, iNama, isiHlubi, iKhelovhedu nezinye zibhekene nokushabalala. Utthe okuhle nosoku lwamagugu ukuthi ligqquqzela ubumbano ngale kokucwasana nokuthi abantu bazazi imvelaphi yabo okuyinto ekufanele ihlale ihleli kubona kungabi ukuthi bayibungaza ngalolu suku kuphela.

Utthe abanye ekufanele

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

Ugqquqzela ukuthi abantu abajwale ukukhuluma izilwimi zabo zendabuko ukubuya isithunzi zabo nokupakamisa ukuhlonisa ngezomdabu ngokuhlukanwa kwabo.

babungazwe ngalolu suku uDr u-Ester Mahlangu, uMama Madosini Latozi Mpahleni noMama u-Ouma Katrina Esau abahlele bemile ekugqquqzeleni isintu ngaso sonke isikhathi.

Uthe uDr uMahlangu uyiwa ngemidwebo yakhe yesiNdebeli ekubikiswa ngayo emazwenni amaninge njengoba athola izindondo ngokuhlele akwenzayo.

Ubuye wancoma noMama Madosini indlovukazi yasePondoland ngomculo wayo ewudlala ngezinsimbi zendabuko.

# UMHLABA KULELI SONT

## Usekhankasa nangekhambi lokugomela ukhuvethu uTrump

### ngu-Anathi Mtaka

#### ■ EZASEMELIKA

Umholi weqembu lama Democrats ogaale isikhundla sokuba nguMengameli wase-United States of America (USA), uMnu uJoe Biden, usiphikise ngokusobala isiphamiso sikaMengameli uDonald Trump sokuthi umuthi wokugomela ukhuvethu ungahle ubekhona emasontweni ambalwa azayo wexwayisa izakhamu zaseMelika ngokuthi zingakwethembi okushivo uTrump.

"Umbono wokuthi kuzotholakala lo muthi wokugoma futhi yonke into izolunga kusasa awunangqondo," kusho uBiden.

uTrump ngeledlule ubike ukuthi ikhambi lokugomela ukhuvethu lingase likulungele ukusatthaliswa ngaphambu kokhetho lwangoLwezi.

Ongoti bezempilo abanangi, kubandakanaya noMnu uRobert Redfield, ongumqondisi weCenters for Disease Control and Prevention, bathi lili khambi kungenzeka lingaqale litholakale noma lisabalale kakhulu kuze kuge imaphakathi nonyaka wezi-2021.

uTrump usoole uBiden ngokusalalisa "izinkulumo ezilwa nokugoma" kanti yena uBiden uyaqhubezi nokugcizela ukuthi uzolalela ososayensi hhai uMengameli maqondana nokuphepha komuthi wokugoma. Ngalo futhi isonto eledlule uBiden ubelokhu ehlasale

uTrump ngendlela aphathe ngayo lolu bhuhane, kufaka phakathi nokuvuma okwenzwa nguMengameli entathelini uBob Woodward ukuthi wehlisa umnqamulajuqu waleli gciwane.

Ngalesi senzo sakhe uTrump uzithethelola ngokuthu wayezama ukugwema ukwethuka ezakhamu zini.

UBiden uphinde wathi akanawo amandla okuphoqelela igunya lokufakwa kwezimfonyo eweni lonke, okube ukubuyela emazwini awasho ngesonto eledlule lapho aphakamisa khona ukuthi uMengameli angakufaka ngokusemthethwini ukuthi kugqokwe izimfonyo ngokuthi lelizwe libhekene nesimo esibucayi. Kodwa ufunge wagomela ukuthi uzoqhubeka

nokugqgqzuela bonke ababusi ukuthi bakwenze impopo, lapho eqhubube nokugxeka uMengameli ngokugxeka noma ukubuza ukusebenza kwezimfonyo ngalesi sikhathi.

UBiden uphinde wasebenzisa ithuba lokuthi lo mcimbi ubudese kualpho ezaawa khona eScranton, ngokughathanisa indela akhule ngayo ebuinzimene kanye nemvelaphi kaTrump yase "Park Avenue".

"Abantu abafana nami ababa ngabokuqala emindenini yabo ukuya emakolishi... sisebenza njenganaoma ubani. Abantu abafana noTrump abazuza yonke into ngefa waphinde walispahaza lokho akuzuzile ngabantu engihale ngenenkinga nabo hhaiy abantu abasebenza kanzima," kusho uBiden.



## SASHENXA ISETHENJWA

### Indlovu isindwe umboko wayo

Kuleli sonto i-United Nations isamukelile isinqumo sokusula esikhundleni sikaNdunkankulu waseLibya kungakapheli inyanga kaMfumfu. UMnu u Fayed al-Sarraj obehola uHulumeni wesikhashana waleli zwo ozinze eTripoli, ememezelia isinqumo sokwesula kuthelevishini uthu uzungu lwangaphakathi kanye nolwangaphandle nezinye izithiyo okuthikameze ukusebenza kukaHulumeni wakhe.

# Insegwakazi yamaNdiya nabelungu KwaZulu-Natal

## LUSUKA EKHASINI - 1

namabhili. Ngaleylo ndlela bahambela phambili bonke abanye ikakhulukazi aboHlanga," kusho uNkk wakwaNkonyeni. UMPATHISWA uqhube wathi:

"Kulichilo ukuthi eminyakeni engama-25 kubusa uHulumeni wentando yeningi akukho guquko olwenzekile embonini. Asibandulului kodwa kufanele silikhulume iqiniso lokuthi abomdabu baseNdiya kanye nabamhlophe yibo abahlomulayo."

UNkk wakwaNkonyeni uthe abanye balabo abaqhoqhebole le mboni banamaqhinga okwethusa uHulumeni uma enza imizamo yokuthi kuholmule aboHlanga. "Elinye lamaqhinga abawasebenzisayo ukuthi uma ithenda inikwe owoHlanga bafake isicelo sokuphikisa isinqumo soMnyango Wezemisebenzi KaHulumeni kuBid Appeals Tribunal. Uma kuphuma isinqumo lapho babe sebedlule ezkintantolo lapho icala lithatha iminyaka ukuthethwa. Ngesikhathi icala lisathethwa uMnyango uzithola uphoqeleka ukuthi welulu isivumelwano sokuqashilena ngendawo esisuke sikhona ngoba uMnyango kaHulumeni osuke uyisebenza kungafanele uzithole usengandawo yokusebenzela," kusho uMPATHISWA uNkonyeni.

Mayelana nokuthi uHulumeni wenzani ngealesi simo, uNkk wakwaNkonyeni ubeki ngokuthi ngonyaka odlule uMnyango Wezemisebenzi KaHulumeni KwaZulu-Natal uqhamuke nenqubomgomgo yokugugula isimo saboHlanga. Ngokwale nqubomgomgo kunemiyalelo okufanele izisebenzi zikaHulumeni ziyilande. Le miyalelo ibandakanaya ukuthi uma kukhona umnyango onamahhovis angaphansi kwangama-900m<sup>2</sup> lesi sicelo sibhekiswe komastende boHlanga kuphela, ukugugquzelwa kwezivumelwano zokusebenzisana phakathi komastende abamhlophe okuyibo abanamandla kanye naboHlanga, kanye nokuvuselela kwamahbilidi kaHulumeni asesimweni esingesihle bese eqashiselwa aboHlanga. Le nqubomgomgo iphinde igqugquzele ukunikezwa



kwamathuba abameli bamatayitela boHlanga kanye nabathengisa izakhiwo boHlanga.

Uthe enye indlela okuqondwe ngayo ukulekelela aboHlanga abafuna ukuhlomula kule mbomi ukukhishwa kwencwadi ebophezelwa uHulumeni ekuqasheni ihibili kungakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu isinqumo sikhishi. Lokhu kuzosiza owoHlanga onale ncwadi ukuthi akwazi ukufaka isicelo sokuxhaswa yibhangue. Lokhu kwenziwa ngoba akwenzi umqondo ukuthi umuntu athenge ihibili ngoba efuna ukufaka isicelo sethenda ukuthi liqashwe. Uma engaphumelelanga esicelweni sakhe kusho ukuthi usehleli nebhili angazi ukuthi

uzolenzani, ibhangue libe lingqongqoza lifuna inkokhelo.

Okunye okuvela noMnyango nokungahle kulekelele aboHlanga ukuthi le nqubomgomgo iphoqa omastende ukuthi baqinisekisa ukuthi isigidi nesigidi esikhokhwa uHulumeni njengerenti kumele kuqashwe umuntu osemusha woHlanga oyedwa. Laba abaqashwayo kufanele baqeqeshwe kwezokuphathwa kwamahbilidi.

Ngokwale nqubomgomgo aboHlanga bazokwazi nokuthi bafake isicelo zamathenda eMnyangweni besebenzisa izivumelwano abanazo nomastende ezibavumela ukuthi baqashise ngawo. Lokhu kusho ukuthi akusadingeki ukuthi

owoHlanga abe nobunini bebhili. Ukuve afake isicelo sethenda yokuqashwa kwendawo noma ibhilidi. "Ngalokhu sithemba ukuthi owoHlanga osuke engene kulesi sivumelwano uyakwazi ukuthi abebe imali ukuze ngelinye ilanga azithengele elakhe ibhilidi. Okwenze siqhamuke nale ndlela ukuthi sibonile lapho aboHlanga beyingxene yenkompani yalow obevele ehlonula begcina bengazu luто kuze kuphela isivumelwano sokuqashisela. Lokhu kwenziwa ngoba lowo obevele ezuza eboleka imali enkulu ngamabomo ebhangue ukwenzela ukuthi ingabibikha esalayo uma sekukhkhelwe ibhangue nezinye izindleko zenkompani.

"Ngicela abantu bakithi basondele

## Izigidi i zamarandi ezingama-401: ziya emaNdiyen

## Izigidi zamarandi ezili-115: ziya kubelungu

## Izigidi zamarandi ezingama-40: ziya kwaboHlanga

## Izigidi zamarandi ezingama-79: ziya kuzinhlanga ezbambisene

## 82: izivumelwano namaNdiya

## 41: izivumelwano nabelungu

## 15: izivumelwano naboHlanga

## 01: izivumelwano namaKhaladi

## 09: izivumelwano phakathi kwabelungu naboHlanga

## 02: izivumelwano phakathi kwabamhlophe namaNdiya

## 08: izivumelwano phakathi kwabamhlophe, amaNdiya naboHlanga

ngoba kule mboni yilapho umnotho ukhona ngempela. Sifisa aboHlanga, abasha, abaphila ngokukhulubeka abesibhuda nezingwevu zombutho wempi baholomule. Yize kunezinhlolo zokwakha isizinda lapho amahhovisi kaHulumeni ezoba khona, lokho kusekude ukwenzeka njengoba izwe likunzikamnotho. Ngakho-ke amahhovisi sisazoding ukuwaqasha," kusho uMhlonishwa uNkonyeni.

ElaboHlanga libi selimbuza ukuthi umpsanka lo okhonja eMnyangweni ngethenda okuphanyiswe ukuba kunikwe uNks uXulu nebiza izigidi, ekutheni ngeke yini ungcilise imizamo kaHulumeni yokufaka aboHlanga kule mboni. Kulokhu uphendule wathi: "UMnyango ubusakhiphe isaziso seNhlosi Yokunikezelu Ithenda okuwumthetho wokuthenga kuHulumeni. Le nkampani efafe isikhalo ayizange ifike emhlanganweni oyimpopo wokuchazelwa ngethenda, ngakho-ke ayinasabole kulosi daba futhi ayinazo zonek izidingo ezibhalwe kuthenda njengoba kudingeka izinkulungwane ezili-15m<sup>2</sup> kanti inezinkulungwane ezili-11m<sup>2</sup>. Nezindawo zokupaka izimoto ezidingekeyo zingama-600. Inkampani kaNs walkwaXulu inazo kanti inkampani ekhalazayo inali-172 kuphela. Kufanele-ke kuge nomehluko emananini."

Uqhube wathi: "Kusawububhokolo nje lababo abebevele behlomula. Elinye iqhinga abalisebenzisayo ukuthi baqashwa abazokuphenya wena othole ithenda ukube bakusabise futhi basabise noMnyango. Kuhle-ke ukuthi lolu daba selusezithebeni zeBid Appeals Tribunal, thina njengoMnyango sizohlonipha isinqumo seTribunal."

Uqhube wathi njengoba sebeqalile nje ukusondeza aboHlanga akekho ozobasabisa: "Ububhokolo ngeke buphumelele. Asethuseki thina. Sizoqhukelka phambili nokuguqula imboni."

**Lalela ingxoxo ekhethekile noMhlonishwa uNkonyeni ngesonto kwiPhodikhasti yeBayede nakuNongoma**

# Ababulali benyathi balala ubucwayimbana

## Sidalula itulo lokusoconga iMeya yaseMthonjaneni

nguMandla Zulu noCelani Sikhakhane

### AMACALA ABUCAYI

Kubashele abebhelela itulo lokubulala iMeya kaMasipala uMthonjaneni ngaphansi kwasifunda iKing Cetshwayo ngenhloso yokuba kuphendelwe owestifazane isikhundla sokuhola lo Mkhandu.

Seuphelle amasonto amathathu leli tulo libanjwe kanti icali liphenyu ngamaphoyisa aseNkandla ngemuwa kubuka iMeya uSibonginkosi Biyela, idonswe ngendlebe ukuba iqaphele ngoba kukhona asebehlela ukuyiyisa kwagoqanyawo.

ElaboHlanga linalo igama lalovo odonse iMeya ngendlebe (futhi likhulumile naye) kanye nezinkulomo eziqoshiwe kuoxoxwa ngalolu daba

nokuvele ukuthi omunye uyinkabi esatshwayo eGauteng okuyiyo ebizobezenza abiyela kuthule du.

Imali yokuthenga inkabi kuthiwa yahlanganisela emzini wesinye sezikhulu zikaMasipala esinalo igama laso.

Owesilisa eligodliwe igama lakhe okunguye owaluma indlele abiyela netugulo lokusoconga uxoxe elaboHlanga ebelimthintile ngalolu daba, wathi akasathandi ukufakwa kulo kodwa

yena wayesiza uBiyela ngoba ungumuntu wangakubo. Nokho akasaneme ngokuthi ngokumxwayisa uBiyela usefaka naye enkingeni.

"Sengize ngabaleka mfowethu emakhaya ngayobhaca eGoli ngoba ngicasulwa yiMeya uBiyela ukuthi usefuna amaphoyisa akhulume nami kuge sengathi yimi engangihlela itulo lokumbulala. Mina ngamfonela ngamazisa ukuthi kukhona okungahambi kahle. Kunabantu abakuMasipala wakhe abafuna ukumsoconga futhi nemali isihlanganisive kwacelwa omunye umngani wami oseGoli ukuba kuge nguye owenza lo msebenzi wokubulala uBiyela. Ngokwenjalo uBiyela useyasa kuya usefuna ukuxova lolu daba alwenze ipolitiki ngoba ngizwe esesola abantu abanangi asefuna nami ngifakaze ngabo ekubeni ngamcasicela ukuthi mina ngitshelwe ukuthi bangaphakathi kuMasipala wakhe abafuna ukumshaya ukuze kufakwe esikhundleni sakhe omunye wesifazane (elaboHlanga lilihlganu igama lakhe)," kuchaza lo mlisa.

Uqhubeke wathi: "Ngisho abaseshi bangithinta ngabachazelka kahle baze bangithembisa ukuthi akukho mina lapho engizogaxelisa khona ngoba angingeni ndawo kodwa uBiyela usengifaka ngenkani kulolu daba usethi ngiseghulwini. Okungixakayo ukuthi kungani uBiyela engakhulumi ngalo muntu waseStanger owamfonela naye emvusa ukuba aqaphele kukhona abafuna ukumbulala, kunalokho usebekwa mina. Okokuqala uBiyela uyazazi izinkinga abhekene nazo eMthonjaneni manje angazi yini afune ukufaka mina

ekubeni ngangimsiza. Yijo le nto wena mfowethu eyenze ngabaleka ngayohlala eGoli ngoba ubesabisa nangokuthi uzongithumela ngoKlebe baseThekwini ukuze ngikhulume. Manje konke lokhu uyambona ukuthi usefuna ukuthi yimi inkabi ekubeni ngingahlanguen nalutho kodwa ngangimsiza ngimvusa njengomuntu engimaziyo," kuhkala lo mlisa.

**Inkulmo eqoshiwe**  
Enkulumweni eqoshiwe elaboHlanga elinayo, inkabi nayo igama layo eligodliwe ixoxa nalo mlisa obhoboze ithumba kuBiyela nasemaphoyiseni ithi: "Hheyi we (imusho ngegama) uyabona lo muntu uX (egagula ngegama ikhansela laseMthonjaneni) wonakale kakhulu loyo mfowethu. Njengoba nasekuqaleni wake waveza ukuthi ufuna kushayekwe wena nje, ngalizwa ibandalu ngakhulumisana nalo kwaba ukuthi liyangazi-ke nanokuthi nawe sikuwayele nokuthi akakhokhi kahle. Njengamanje kunenkulomo ayihlanganisayo yokuba kushawhe iMeya yaseMthonjaneni bathi uBiyela mina angiyazi-ke. Angazi noma uyalazi yini igama lakhe,

uyamazi lo mfo wayesebenza kwaloliwe kodwa ngiyakucela mfowethu ungazifaki kulezi zinto zamapolitiki....Ngithi angikuyale mfowethu ungalinge nje ungalinge. Inkulumo isikanjalo kumanje ibandalu lihlanganisa khona ukuba alimale uBiyela," kusho inkabi ocengwini.

Kwenye inkulumo eqoshiwe yeselula inkabi ibikhuluma nomisiza kaBiyela imazisa ngalolu daba isho nokuthi uza uZibandilela ngakho kumele kucace ukuthi lo msizi angabakhanyisiza ngani ngoba sebelungisela imali yokuphathela izingane izinto zikaKhisimusi.

Umqaphi kaBiyela ubencenga ukuba le nkabi ingasheshi ukuthukuthela kodwa yehlise umoya ngoba bezokhuluma noBiyela okunjeni abanike

okungapezulu kualokho osekukhishwe yileli khansela okuthiwa lalisebenza kwaloliwe lihlangene namanye nesinye sezikhulu sikaMasipala waseMthonjaneni.

Lo mqaphi kaBiyela ubekhala ngokuthi akathandi le nto ukuba yenzeke ngoba naye angaba sengcupheni yokulimala.

UBiyela ethintwa uthe akathandi ukuchaza okuningi ngalolu daba ngoba selusezandleni zomthetho.

"Udaba selusemaphoyiseni ngakho sekuyobu uphenyu lwavo oluzochaza ukuthi obani abayingxene yaleli tulo nokuthi

bahloseni. Mayelana nezokuphepha ningasho nje ukuthi konke lokho ngikuchaze emaphoyiseni. Icalu ngilivule emasontwi amathathu edlule futhi ngilivule eNkandla ngashiya iMelmoth ngoba ngingathembi ukuthi ubulungiswa bungenzeka yini. Isizathu ukuthi abantu abahlela leli tulo nabathintekayo balala khona eMthonjaneni manje kungacina sekuphazimekisa nophenyo yikho ngivele ngaya emaphoyiseni aseNkandla ngoba wona aqhele," kusho uBiyela.

Uthe akazi wenzeni futhi akafuni ukuchaza okuningi ngoba kuzolimala uphenyu.

Ngowezi-2015 amakhansela aseMthonjaneni akhipha owayeyiMeya ye-ANC esikhundleni, uNkk uShadile Dlangamandla.

Kwathi uma sekuzokhethwa uBiyela kwasuka isidumo kwathiwa kunebhomo elitshalwe ezakhwi kungacina sekuphazimekisa nophenyo yikho ngivele ngaya emaphoyiseni aseNkandla ngoba wona aqhele," kusho uBiyela.

Izidubedube azizintsha njengoba naye uMeya ye-ANC, uNkk uDlangamandla wathi ekhishwa kwabe sekubenezigabza eziningana zokuzama ukumsoconga. Esinye sazo senzeka emzini wakhe oseMelmoth lapho okwafika abantu ebusuku badubula ekamelweni lakhe ebusuku kodwa wasinda.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal, uColonel Thembele Mbele uthe bavule icala lokusabisa ngemuwa kokuba uBiyela ethole ucingo olumazisa netugulo lokumbulala ngoMandulo mhla zili-14 kwezi-2020 eMelmoth. Uthe bamatasa nophenyo ngaleli cala kodwa akukaboshwa mutu.

## Isiqephu sePhodikhasti esilandelayo

**Ipolitiki Yezomnetho:** Sibheka indima ye-Ithala kupolitiki yezomnetho yaboHlanga noSihlalo walesi sikhungo nophinde abe ngusomnetho, iNkosi uSibonelo Mkhize

KuPhodikhasti yeBayede

Ngesonto zi-4 kuMfumfu

[www.bayedenews.com](http://www.bayedenews.com)



B  
IPHEPHA LABOHLANGA

# Iqubula lomlilo lakwajika Joe lishiye izakhamuzi dengwane

**nguSiyethaba Mhlongo**

■ EZOMPHAKATHI

Ngesikhathi uMasipala uMsunduzi usezinhlleweni zokwakhela izakhamuzi zasemijondolo yakwaJika Joe eMgungundlovu, ngoLwesithathu malungu alo mphakathi asale dengwane kusha imijodolo yawo.

Kwenzeka lokhu nje uMkhandlu usemaphetheleweni okwakhwa kwalezi zindlu ezingamafulethe okuhloswe ukuba zisize izakhamuzi zakwaJika Joe.

IBAYEDE ihambele kule ndawo ngoLwesithathu emini yazitheli ezichishamlilweni zimatas zibhula umlilo kanti izakhamuzi beziqagele umhosha oseduze zethamele ilanga ezinye zilele phezu kwezimpahla ezikwazile kuphuma nazo zayothukusa othangweni lwenanxathela yeziyolo iBrookside Mall ehlukaniswe umgwaqo nale mijondolo.

Omunye ohlala kule mijondolo uMnu uWilfred Shoma obesadikile ngesikhathi ekhuluma naleyi phephandaba obelehi esiqhingini somgwaqo phezu kwezimpahla zakhe, uthe: "Angisakhumbuli nokuthi umlilo ugale nini kodwa bekusemini. Akeko nothi ubonile ukuthi ugale kuphi kodwa sisola ukuthi ukhona owushiye uvutha. Kunzima ukuphila kule ndawo, sikhwa ukuphuma nalokhu okubonayo kuphela. Angazi nokuthi ngizoqhubeka kanjani nge phambili, ngizoya konica ezhlotsheni kepha ngeke

ngisabuyela kule ndawo." Othi uwubonile umlilo uqala uNks uNolwazi Madlala uxuse uMasipala ukuba ubafake emafuletheni amasha awumxhaso kaHulumeni ngoba inkinga yokusha kwemijondolo isazoqhubeka.

"Ngiyazi ukuthi kuzogxunekwa amatende, abantu abafune matende, bawafaka nje sizowashisa noma uma beke basiyisa eholo lomphakathi ngoba nathi asisukwa emakhaya ngoba sithe sirozabulela ukhulala emikhukhwini, sizozama impilo. Futhi uma beke basifaka kuwo ngeke sisavuma ukuphuma."

Uthe kule ndawo kukhona nezingane ezingane nabantu abakhubazekile abangazizwa bephephile. Omunye oshelwe uMnu uSimphiwe Madlala uthe: "Ngishayelwe ucino ngisembenzini kwathiba kuyasha endlini. Akukho okunye engikufunayo ngapandle kokuyohlala efilethini uma behluleka ukukwenza lokho sizongena ngo dli."

La mafulethi abakhulumu ngawo akhelene nabo bahlukaniswe udonga. Abanye bathe sebegilwe yizigameko zomlilo ezingaphezu kwezili-10 selukho bafika kule ndawo eminyakeni ye-1990.

Ngonyanga edlule emhlanganweni woMkhandlu uMsunduzi obakhona njalo una kusongwa inyanga iMeneja kaMasipala, uMnu uMadoda Khatide, uxuse amakhansela ukuba avume isicelo sayo sokuba ikhiphe



**Ingxenye yemijondolo yakwaJika Joe eshile** Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

imali eyizigidi ezingama-R22 ukuba isetshenzive ukufaka ugesi kulezi zindlu ezakhiwayo ukwekelela abahlala emijondolo. Olunye udaba olwadingidwa olukuthi kuze kusungulwe ilokishi iFrance khona eMgungundlovu kwakususwa abantu bakwaJika Joe emikhukhwini, abathola izindlu zomxhaso kaHulumeni kukhona abazidayisa babuyela emijondolo abanye baqashisa ngazo. UMasipala uthi ngalesi senzo bazigwaza ngowabo ngoba ngeke umuntu ngamunye akwazi ukuthola izindlu kabilo.

Le mijondolo ihamba ize ime ngomgwaqo owuthelawayeka uN3.

Usomabhizini onenkompani ebhaka amakhike eMgungundlovu uMnu uSign Wartson uthe: "Kade sakhalo ngale mijondolo kunjalo nje bunigi nobugebengi obenzeka khona. Amanye amantombazane adayisa ngomzimba ahlah kule mijondolo, size sibalekelwe nangamakhasimende ngoba asaba le mijondolo, ikakhulukazi njengoba incikene nenxanxathela yeziyolo."

Uthe ngendlelo lo mlilo obunamandla ngayo ngisho nezisebenzi zakhe bezesaba ukuthi kuzothungela nesitolo sakhe zaze zamshayela ucino esekhaya.

"Okubuhlungu ukuthi kuzothiwa imbangela yomlilo ayaziwa futhi akeko nozozesa ngalesi senzo," usho kanje.

Nempela kuthiwe ayaziwa imbangela kanti namaphoyisa asaphenyi. Akeko oshonile kulesi sigameko kanti izingane ezintathu kubikwe ukuthi zihangulwe umlilo zaphuthunyiswa emtholampilo oseduze.

## Abaxoshiwe kwaPlaytex bakhala ngemali ye-UIF

**nguSiyethaba Mhlongo**

■ EZEZISEBENZI

Kuxoshwe izisebenzi ezingama-73 zakwaPlaytex eThekwini kulanlenda isiteleka sazo ngenyanya eyedlule lapho bezikhala ngokungakhokhela imali yokungasebenzi i-Unemployment Insurance Fund (UIF) ngesikhathi semvalelwakhaya ngoNhlanguala.

Lezi zisebenzi zithi azikwazi ukuthola le mali ngoba eMnyangweni Wevezisebenzi zitsihela ukuthi zisaqashwiwe.

Inyunyana iSouthern African Clothing & Textile Workers Union (SACTWU) ithi ukuxoshwa kwalezi zisebenzi akunuba ubulungiswe futhi izimisile ukulwa nalesi sinqumo. Le nkampani eqhikiza izimpahla zangaphansi, seyizivikele ngokuthatha kwayo lesi sinqumo futhi ithi udaba lokungakhokhwa kwemali ye-UIF lungaphazu kwamandla ayo.

Izisebenzi ezixoshiwe zithi inkinga iqale mhlala ziba yingxene yositeleka esasinezisebenzi ezbalelwema-800 mhlala zingama-23 kuya zingama-24 kuNhlaba kutelekelwa ukungakhokhwa le mali.



**Sebebhekene nosizi emuva kokuxoshwa emsebenzini genxa yesiteleka** Isithombe: Igunundu Agency/nguSiyethaba Mhlongo

"Izisebenzi ezingama-73 ezixoshiwe zenza izenzzo ezingaholela ekutheni zixoshwe ngaphandle kokuqulwa kwecala phakathi kwakho okubalwa ukulimaza impahla yenkompani, ukulohla izisebenzi kanye nokusabisa. Lesi senzo silandela uphenyo olunzulu kanye nolukalela icala okwenzeka mhlala zingama-30 kuNtlukazi," kusho le nkampani.

Iqhube yathi omele inyunyana

yezisebenzi wathatha isinqumo wasidluliselwa emkhandlwi kwase kuba nomhlangano wokubuyisana mhlala zili-14 kuMandlo. "Asikho isinqumo esathathwa kulo mhlango, udaba selidluliselwe kwabaphezelu kanti usuku lomunye umhlangano alukahelwa," kuqhubza isitimatinge sale nkampani.

iPlaytex ithe imali ye-UIF yangenya kaNhlanguala ibingakakhokhwa futhi lolu

daba lungaphezu kwamandla ayo. Iqinisekise ukuthi izicelo zokukhokhelia imali ye-UIF zalezi zisebenzi ezixoshiwe zisavela njengizesetshenzwa.

"Njengazo zonke izinkampani, iPlaytex ishyeke kakhulu ngenxa yokhuvethu nangesikhathi semvalwelwakhya okube nomphumela ongmehule emnothweni. Izigameko zakamava zenze kwaba nzima ukuthi inkampani ibuyise amandla," kusho isitimatinge.

UNobhala weSACTWU, uMnu u-Andre Kriel, ukuqinisekile ukuthi udaba selidluliselwe phambili. Ngodaba lokungakhokhwa kwemali yokungasebenzi uthe sebesebenza nehhovisi elikhulu le-UIF.

"Sesiqhuba kahle ngalolu daba. Ngeshwa ukubameleka kwe-UIF kuyaziwa eNingizimu Afrika akusiyona inkinga ebekene nathi sodwa, siyazi izisebenzi zakhokhelia imali kwaze kwaba uNhlabo. Sizoluphakamisa udaba lwavezi zisebenzi ebezengakwazi ukufaka icizelo ze-UIF,

sizokwenza lokho ngendlela yokuthi akuzophazamisa inqubo yokusebenza nendlela yokusebenza komthetho. Sikholwa ukuthi lezi zisebenzi zixoshwe ngokungemthetho kwasekuqaleni," kusho yena.

**KWEZINYE IZINGXENYE**

**Kugwetshwe abasolwa ngabucayi** Amadoda amane asolwa ngokubulala agixabewze ngodilikajeli kanye neminyaka engama-30 umuntu ngamunye. Laba uSandile Xulu (22), uSaziso Sphelele Buthelezi (28), uGadokwakhe Buthelezi (28) noMakhosonke Nyawo (34) bebevele eNkantolo yasoLundi.

Baboshwa nje ingoba babandakanyeka ezigamekweni eimbili zokubulala umuntu oyinyanga kanye nomnikazi wesitolo abebembamba inkunzi. Ngokwesitatimene samaphoyisa, laba babulala inyanga ememyaka yobudala engama-59 mhla zili-14 kuNhlolanja ngonyaka wezi-2018.

Ngayo leyo nyanga mhla zingama-28 ngowezi-2018 bahlasela uMnu u-Amos Xulu oneminyaka yobudala engama-76 eNkonjeni Reserve ngakhona Olundi. La madoda abanwa nezibhamu kanye nemali.

**Amaphoyisa akhiphe umehlokaboni** Amaphoyisa aseLimpopo akhiphe umehlokaboni olinganiselwa ezi-R250 000 kumuntu onolwazi ngokubulawa kwabesifazane ababili uLizette Deacon oneminyaka yobudala engama-55 nonina uHettie Deacon yena oneminyaka engama-70. Laba besifazane kuthiwa babulawe ngoLwesine negedlule ngesikhathi behlaselwa abantu abangaziwa.

"Ukuhlasela kwalezi zigebegu kwenzeka eWelgelegen ngaseCycad ePolokwane negezithuba zeles-18:30 ngoLwesine. Abasolwa bathumba la malungu omndeni wakwaDeacon base besebeniza imoto yabo ukuze bezokwazi ukuphuma endaweni yesigameko," kusho okhulume amaphoyisa uBrigadier Motlafela Mojapelo.

**Kuboshwe indodana kubulawa uyene** Amaphoyisa avelale umsolwa ovabulala uMnu uCharl Kinnear oneminyaka yobudala engama-52 obeyiphoyisa elihlonishwayo eCape Town ngenxa yemisebenzi emhile.

Umsolwa indodana yakhe uKinnear engadalulwanga igama. Le indodana iboshwe ngoKlebe negezikatheli zeles-22:00 isemzini wayo eSprings empumalanga neGauteng. Ithathwe yayophenywa ngokubulawa kukayise emva kokuhlaselwa ngaphandle kwasemzini wakhe eBishop Levis.

Lesi sigameko sokuhlaselwa senzeka ngoLwesihlanu olwedlule. Amacala uKinnear akade ewasebenza ahlanganisa nelokubulawa komnikazi wezithuthuthu uMnu uTim Lotter, noMmeli uPete Mihalik.



**UNgqongqoshe uBheki Cele** Isithombe: GCIS

UNgqongqoshe Wamaphoyisa uBheki Cele noKhomishana Wamaphoyisa kuzwelonek uGeneral uKhehla Sithole, bathembise ukuthi bazosebenzisa zonke izinsiza ukuthi kubanwe abenzi bobubi. Umphenyi ozimele uMnu uPaul O'Sullivan unikele ngesigidi-R1 ukuze kuphenywe leli cala ngempumelelo.

Kulesi sigidi kubandakanya nomehlokaboni kwabangakphisha ulwazi. Indodana kaKinnear izovela eNkantolo yeMantshi yaseGermiston namuhla ngoLwesihlanu, ngaphambili kokuthi idluliswele eKapa.

**ISARS nezisebenzi kolwamaholo** AbakwaSouth Africa Revenue Service (SARS) babhekene neziqizamehlo nezisebenzi zazo njengoba bethi ngeke bazinyusele imiholo yazo. AbakwaSARS bathe okwenza bengazenyuseli olushaye amabizinhizi amakhulu emhlabeni wonke. Kuthiwa loli daba luzosetshenzwa ngabakwaCommission for Conciliation, Mediation and Arbitration (CCMA) kusukela ngenyangayezo. Lokhu kudalulwe inlangano emelesi izibephakathi asebenziana namaphoyisa kodwa akukatholakali okutheni okungenza ukuthi kubekhona oboshwayo. Izakhamuzi zaseNewcastle zizimisele

## UMkhandlu waseNewcastle ufuni ibhokisi, isela nehoso yokweba

**nguSiyethaba Mhlongo**

■ EZOBUGEENGU

Sishaqise abanangi kwaba nezinkulomo ezaahlukene isigameko sokwebiwa kwebhokisi okufuka kulo icizelo zomsebenzi kuMasipala iNewcastle.

NgoMsombuluko lo Masipala ukhiphe isimememezelo esiphuthumayo emakhasini awo ezkundleni zokuxhumana unxusa umphakathi waseNewcastle ukuba welekelele ekutholeni umsolwa oshaye wachitha naleyi bhokisi esigamekweni okuthi senzeke nezihutha zile-10:30 ekuseni ngawo uMsombuluko.

Lo Mkhandlu uthi akukacaci ukuthi ngabe umsolwa ukwenze lokhu yedwa noma kukhona asebenziane nabo.

"UMkhandlu usola ukuthi umsolwa uhlose ukuqola imali labo abafake icizelo zomsebenzi

ngokubathembisa ukuqashwa," kusho isitimatinge salo Masipala osikhipe ngoMsombuluko.

Eskithathini esingekakanani kuvele lokhu izakhamuzi zaseNewcastle zizwakalise ilaka lazo emakhasini alo Masipala ezinkundleni zokuxhumana lapho umunye ozibize ngoKhayelile Lucky Mthethwa ephawule wathi:

"Kungenzeka ukuthi lo mliwa usebenzisa nemigulukudu ethumba abantu ngoba kunamakheli ezindawo zokuhlala alabo abafake icizelo zomsebenzi nezinombolo zomazisi eziveza iminyaka yobudala yomntu. Kungantshontsha nabesifazane abasebancane kulabulo abafake icizelo. Lolu daba lubucayi kungabonakala kuhlekisa nje kodwa kungaphetha kabi."

Abanye bebhethi nakuba kulahlele ibhokisi okufuka kulona icizelo zomsebenzi kodwa kuzobonakala sekunabantu abaqashiwe. UBongiwe

Ngcongo yena uthe: "Lokhu kungathatha njengeleya kephu udaba olumqoka, kunomazisi (amakhophi) babantu abafungelwe osekungezwakala sekuthiwa abantu banekwetelu ezingaziwa kanti kwasuka lapha."

Esinek isakhamuzi esizibize ngoCebisili sithe: "Sesizwa sekuduke ibhokisi ngesikhathi kusakhangiswa imisebenzi akukhishwangwa ezinkundleni zokuxhumana, akuqalwe phansi ikhangiswe."

Okhulumele uMasipala, uMnu uMlungisi Khumalo, ekhulumele neBAYEDE uthe ngenhanhla ngesikhathi kwebiwa leli ibhokisi isisebenzi sikaMasipala opikhweni lwakwaNdabazabantu besiqeda ukukhapha icizelo ebeziphakathi kulo lizisa emahovisalo phiko.

"Siyakuqinisekisa ukuthi ibhokisi belingenalutho."

ukusebenzisana nengalo yomthetho," kusho yena.

Ebuzwa uKhumalo ngokuzokwenzwa uMkhandlu ukuqinisekisa ukuthi isigameko esinjengalesi asiphindi, uphendule wathi: "Ibhokisi lihlezi liqashwi yingakho sisheshe sabona ukuthi selebiwe. Kusukela manje sesizqinisekisa ukuthi ligeinwa buqamama nomnyango futhi lisemehlwani ezisebenzi."

Uthe lesi sigameko singhlela noma iyiphi bathi yokebunye kubehela ukuthi wakabemba ukuthi lokhu kubo isifundo nakuzo zonke izindawo ezinamabokhosi okufaka icizelo. Uthe okubathokozisayo ukuthi akeko osefike emahovisalo wathi ushayelwe ucino edayisela umsebenzi.

"Sifisa ukwazisa izakhamuzi ukuthi umsebenzi awudayi ngakho umuka kuhona umuntu owerenza lokhu kufanele abikwe bese umthetho uthatha indawo," kushetha uKhumalo.

# UMaimane nesiphakamiso sekhasi elisha kuleli

**ngu-Andile Moshoeshoe**  
noCelani Sikhakhane

■ UBUHOLI

Njengabo bonke abafana besikhathi sakhe uMnu uMmusi Aloysias. Maimane wazalwa ezweni elabe libuswa nguHulumeni wobandlululo. Empeleni uzalwe ngeminyaka ye-1980 lapho isandala sonya lombuso wabandlululo lwabe lubonakala emalokishini nasezindaweni zaboHlanga. Le nsizwa izalwa yintombi yakwaXhosa nensizwa yaseNorth West, abahlangana kobantu eSoweto bonke bezama impilo ngaphansi kombuso wobandlululo.

Kuthe uma lo mbuso wobandlululo uguqa ngonyaka we-1994 kwakhona ithembu lokuthi zonke izinto zizoguquka. Njengeningi laboHlanga ngaleso sikhathi uMaimane wabe ehleli ethembeni futhi enesizathu ngoba uHulumeni owabe usuphethe ngowaboHlanga ababelwazi usizi olwabe lwembethwe abacindezelwa.

Nokho engxoxweni abe nayo nelabuHlanga uthu wonke amathemba ashabalala ngesikhathi ebona inhlupheko yowesifazane waseSoweto owayezimbela umgodi wendlu yangasese. Uthi lokhu kwamenya wangabaza ukuthi iqembu elabe lhlela inkululeko nelabe lhlohalo yingqwele yakhe umufi uMandela lizokwazi ukugcina izethembiso ezalenza kubacindezelwa. Lokhu uthi kwamsondeza egenjini eliphikisayo iDemocratic Alliance (DA) nacgina esengumholi walo. Sekuwumando ukuthi nakhona kuDA washya njengoba esehola inlangano engekho ngaphansi kukaHulumeni nengacheme naqembu i-One South Africa Movement.

"Impilo yaboHlanga uHulumeni wobandlululo wayenza ayangaba lutho. Okuthusayu ukuthi nangaphansi kukaHulumeni wentando yabantu akukho okusaguqukile," kusho uMaimane ngobuso obudumele. Uthi lokhu kwenza akholwe wukuthi leli lizwe lidingsi isiqalo esisha, lidingsi ukuphenya ikhasi elisha.

Lo mholi umile ekutheni amaqembu onke akhona epolitiki manje aekho esimweni esihle sokuguquka izingqinamba ezibhekene naleli kusuka enkohlhakalweni, kwezempi, ezemfundo nomnotho.

"Sinamaqembu angama-50 esinawo ezepolitiki kodwa wonke ayahuleka ukufeza izidingo zabantu nokubhekana neqembu elibusayo. Kunaloko amaqembu aphikisayo ngokuba nhlakanhlaka alekelela iqembu elibusayo ukuthi lighubeko nokuphatha nokwenza amaphutha, usho kanje.

Mayelana nenhangano ayiholayo kanye nomthetho wokhetho uthi: "I-One South Africa Movement, isungulelwu ukulwela amalungelo abantu nokuvumela labo abafisa ukungenela ukhetho ngokuzimela ukuba babeyingxenye yayo. Sifuna ukuba abantu bakithi babenethuba



**UMnu uMmusi Maimane** Isithombe: Current Affairs ZA

lokuzikhethela umuntu abamfunayo ukuba abahole. Sifuna abantu abakhethwayo umphakathi wazi ukuthi benzani uma sebekhethiwe. Lokhu kuzokweliukha kulokhu ngokuthi umuntu uma esekhethiwe angayi emphakathini kodwa abike egenjini lakhe. Yilokho esifuna ukukuqed," kuchaza uMaimane.

Okunye aphawule ngakho uMaimane wukuhubeka kokungahlionishwa kwamalungelo abantu kakuhulaki aboHlanga, uthi: "Alukho uguquko ekuhlonishweni kwabantu basemalokishini, isibonele nje eSoweto yize kuhona izindawo eziheba abavakashi njengoVikalazi Street kepha iqiniso lithi abantu baseSoweto abahlizinkelwa izidindo ezifana namanzi nokuthuthwa kwendle, ugesi njengalaba basezindaweni ezifana noSandton. Uyabona nje bengihamba kwenye ingxene yewoSoweto lapho bekugeleza khona indle, leyo nto ngeke uyibone eSandton."

Uma kufika kungqalasizinda ezindaweni zakobantu uthe eSoweto nakwenzinye izindawo zakobantu uHulumeni kachithi imali eningi.

"Sekushiwo wonke umbono wami uthi lo Hulumeni usabusa ngendlela eveza ukuthi impilo yaboHlanga ayibalulek. Akukhona nje kugesi kuphala kepha nasezintwensi ezmjqoka. Eshoweto uma abantu bakhona benezhkhala zokuthi ugesi abanawo babuzwa ukuthi bangaki abawukhkhelayo. Mina nje ngeline ilanga ngisekhuwa kuhambe ugesi, ngafonela u-Eskom ngifuna bazolungisa kodwa bangibusa ukuthi bangaki

abantu abawukhkhelayo ugesi. Okusho ukuthi abakhokhayo bajeziselwa izono zabangakhokhiyo.

"Akugcini lapho izikole zakhona ziyichilo. Umuntu ugula kuze kumeni engalutholi usizo. Le nto yenzwi uHulumeni wobandlululo yaba insila engapheli kuze kubemanje kubantu bakithi. Ezindaweni zaboHlanga ufika kuxhaxhaza amanzi endle emgwaqeni nokuyinte uge yiufice koSandton," kusho uMaimane.

Ube esenza isibonele sokungalingani waveza udaba lokuba khona kwamaphoyisa ezindaweni zakobantu. "Uma kumomuntu ofayo eSoweto kuthatha isikhathi namaphoyisa awekho. Emhlabetu jikelele kulindele ukuthi amaphoyisa abheke abantu abangama-350 iphoyisa ngalihkepha eDobsonville lapho ngidabuka khona iphoyisa eliodlu libheka abantu abayi-280, ngakho lokhu kufakazela ukuthi uma kufikwa ezindaweni zakobantu amaphoyisa mananci, isibala sawo sedluhwa yimigulukudu."

Ngale kokhuvethu UMaimane uthi okumqoka yikuthi izwe livuka kanjani njengoba liguqiswe wukhuvethu.

Kulokhu uthi kube yishwa ukuthi uHulumeni wakuleli akanzido izimpendulo, ubi eseqhamuka namaphuzu ayisithupha athi abengalungisa isimo ngale kokhuvethu. Okokuqala uthi kumele kuguqulwe indlela i-Eskom esebenzo ngayo, ithuthukiswe ikwazi ukuthi amazwe asesifundeni iSadie abanesindza esisodwa esiwaphakela ugesi ohlangene.

"Empeleni amazwe afana ne-Angola, iZimbabwe neZambia singakwazi ngokubambisana nawo sakhe i-Universal Grid nokungasiza ekubeni nogesi onamandla ngaphandle kwezingkinga," uso kanje

Okwesibili, uthi izwekazi i-Afrika okumele likwenze ukubeka eqhulwini ezolimo.

"I-Afrika idinga ukubeka eqhulwini ezolimo ikakhulukazi umkhakha wokwakha imithi ukuze izinkampani ezingamaPharmacy zizokwazi ukusabalalisa imikhiqizo yazo kubantu abayigidigidi bezwekazi. Lokho singakwenza kanjani na? Uma ubuka izinhla eziwumogogoda womnotho, kungaba ezokuvakasha nezolimo, yizinto lezi engabe sigxile kuzo ngesikhathi sokhuvethu ngoba lokho bekuzovulela amathuba nezinye izinkampani ezintsha ukuba zingene. Uyithathakanjani imali eyizigidigidi ezingama-R500? Kunalokho le mali ibingasetshenziswa ukudala amathuba amasha omnotho obekuyosiza sibe nezinkampani ezikhikiza izinsiza zokulhu nokhuvethu esikhundleni sokuba sibe nabantu abaholmule ngendlela enenkohlakalo.

Okwesithathu ukuguqulwa kwesimo sezemfundo esizokwazi ukuhambisana nesimo samanje iakhulukazi njengoba umhlabu ukuhungethe ukhuvethu nokuyinte eseqhulwini kuye ukubona ezemfundo zibekwa phambili kuHulumeni.

Okwesine, uthi bekumele kube yithuba lokuthuthukisa indlela okwakhelwa ngayo abantu izindlu ezingakwazi ukuthi bahlala kuzo bangahlali ngokuminyana ukuze kugwemeke ukuthelelenza ngezifo kalula.

Okwesihlanu yithuba leli lokubuyekeza indlela okubenza ngayo uHulumeni njengoba ukhuvethu likubeke obala ukuthi bangaki ongqongqopshe empeleni abasebenzayo nababalulekile ngokweminyango yabo.

"Sibenongqongqoshe abahlanu kuphela abebesebenza ngesikhathi sokhuvethu obekungowoMnyango Wezokubusa Nokubambisana Nezindaba ZoMdabu, oWezemibenzibeni Nokuqashwa, oWezemibenzibeni Nokuqashwa, Amancane noWezasekhaya. Lokhu kwenza uziwuze ukuthi ngabe laba abanye bebenzani kanti? Ngakho njengoba sibekene nesimo somnotho esintengayo lokhu kusifundise ukuthi singakwazi ukusebenza ngeKhabhinethi encane. Okunye sidinga kuguqulwe imigomo yezohwebo ezwenikazi i-Afrika ukuze ikwazi ukuhambisana nesimo somnotho esikuso njengamanje," kusho uMaimane.

Okwesithupha uthi ukhuvethu lufundise ukuthi kumele nemigomo yezohwebo nomnotho ezwenikazi i-Afrika iguquke ukuze ikwazi ukumelana nesimo esikhona njengamanje, kuphinde kuqiniswe kwezobuchwepheshes kwezemfundo nakwezamabhzinisi.

**IMeya ijezelwe ukushayela imoto yoMkhandlu uMzimvubu**

**ngu-Andile Moshoeshoe**

■ EZOHULUMENI BENDAWO

Isinqunyelwe ugwayi katiki yisigcawu samakhansela iMeya yoMkhandlu uMzimvubu eMount Ayliff e-Eastern Cape ukuthi ingaphinde izishayelele izimoto zikaMasipala nokuthi ikhokhe izindleko zemoto yoMkhandlu eyayishayisa engozini eyathatha umphefumelo wosesifazane ngakuQumbu Falls ngoMbasa nonyaka.

IMeya uSobane Mnukwa kwatholakala ukuthi yayivela ekhaya layo kuQumbu libangis eMount Frere ngesikhathi ishaysa imoto yoMkhandlu ewuhlobo lweMercedes Benz ML.

Kwenzeka lesi sigameko nje iMeya uMnukwa uwazi kahle umthetho woMkhandlu ukuthi kawuvumi ukuba izishayelele izimoto zikaMasipala kepha ihambu nomshayeli oqeqeshelwe ukwenza lokho.

Ukuvumbuka kodaba kulanlela incwadi kaMphathiswa Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu kulesiya sifundazwe, uMnu uXolile Nqatha, ayibhale ngomhla siyisi-8 kuMandulo nonyaka eyibhalela uSomlomo woMkhandlu uNkk uFlorida Ngonyolo ukuthi aziswe ukuthi kwenzakani ngophenyo lwemoto



**IMeya uSobane Mnukwa**

Isithombe: GCIS

eyashayiswi yiMeya.

Le newadi iBAYEDE enayo ineshiokweminyango yabo.

Ifundeka kanje: "Udaba olubalulwe ngenhla lunerefrence: Uzokhumbula ukuthi ngacela uMkhandlu ukuba ungazise ngokuqhukayeo ngophenyo olungenha. Ngaziswa ukuthi kwaqqokwa ozokwenha lolu phenyo bese enika uMkhandlu umbiko onezincomo ukuze ubhekwe uMkhandlu.

USomlomo uyanxuswa ukuba ahlinzeke ihhovisi lami ngokwakamuva mayelana nalolu daba olubalulwe ngenhla".

Noma kunjalo iBAYEDE inalo ulwazi lokuthi uphenyo olwenziva yinkampani ezimele lueva ukuthi yiMeya uMnukwa eyaba nobudedengu ngesikhathi kwenzeka le ngozi.

Isigcawu samakhansela ebesihleli ngoLwesihlanu olwedlule siphinde sayalela iMeya ukuthi ikhokhe amaphesenti ali-10 momakalo njengoba kuthiwa le moto ibiza ngaphezelu kwezi-R600 000 okusho ukuthi izokhokha imali engaphezelu kwezi-R600 000 ezinyangeni ezimbili.

Kuthiwa iMeya yatshele uMkhandlu ukuthi yayihambe ngokomsebenzi njengoba le ngozi yenzekwa ngesikhathi sokhuvethu yize indawo eyenzekwa kuyona ingaphansi koMkhandlu iMhlonhlo ongaphandle kwe-Alfred Nzo okuwoMasipala wesifunda iMeya uMnukwa engaphansi kwavo.

IMeneja yoMkhandlu uMnu uTobela Nota ithe udaba lusezandleni zamakhansela ngeke ikhulume kabanzi ngalo njengoba nencwadi uMphathiswa ayibhalele ihhovisi likaSomlomo.

USomlomo uNgonyolo ushayelwe ucingo kaningana elokhu ethi usemhlanganweni uma nje oshayayo ezichazwa ukuthi uyintatheli.

Kanti nayo iMeya uMnukwa ucingo lwayo belukhala lodwa lungabanja.

Okhulumela uMphathiswa uMnu Makhaya Komisa uthe ubengakahlangani noMhlonhwa ewzo ukuthi uMkhandlu usyuphendulile yini incwadi wabe esecela ukunkwana isikhathi sokuthi ahlangane nayo ngalolu daba ukuze atole iminininingwane egcwele.

Leli phephandaba lingakudalula ukuthi iMeya uMnukwa ubengaqla ukuba sezindabenzi ngodabu lwemoto yoMkhandlu njengoba kuthiwa ubengaqla ukukhuzwa ngokuthi ahlukane nokuzithathela imoto Masipala ahambé ngayo ngaphandle komshayel.

UNobhala we-African National Congress (ANC) esifundeni i-Alfred Nzo, uMnu uVukile Mhlembana, uthe bayasithakaselela isinquo smokhandlu ngoba bekungeke kwenze umehluko ukyimisa iMeya kepha lokho kuyisifundo kubaholi ukuthi aekho ongapezelu komthetho.

## OwayenguSomlomo kuthiwa akalibonanga izulu

**ngunCelani Sikhakhane**

■ IPOLITIKI

Idumela nenhlokomu okwamukelwa ngakho owayengumholi we-Inkatha Freedom Party (IFP) futhi enguSomlomo kaMasipala iNdumeni, eDundee, kubukeka sekuphenduke usizi njengoba eseyihlaya kwabanye ozakwabo kopolitiki ngoba kuthiwa izulu nomhlaba ayethenjiswe lona abaholi be-African National Congress (ANC) ukuze ayijoyine akaze alibone.

IBAYEDE inolwazi ukuthi uNkk uBongiwe MaMbatha Makhathini wajoyina i-ANC ngemuva komhlanguano okuthu wawushubile owabe usepulazini eliphakathi kweNquthu neDundee okwakuhlanganelwe kulo nabaholi be-ANC baseNkosi Bhambatha.

Ngemuva kwalokho kuthiwa wabemukela ubulungu be-ANC ngaphansi kwezivumelwano okwakubalwa kuzo ukuba anikezwu umsebenzi onesikhundla esiphezelu kuMasipala iNdumeni akelela iqembu ngenhla.

Kuthiwa wakwakungalo siwe ukuba abenesikhundla ku-ANC ngoba kugwenywa ukuthi igama lakhe lingene emibangweni yezikhundla, yingakho ayethenjiswa umsebenzi kuMasipala namabhinizini.

NgoNdasa wezi-2018 i-ANC yabanendumelzu yombuthano owawuselokhini iSithembile eGlencoe eduze kwaseDundee owawuhambisanwa nomkhaksu wokhetho lokuchibiyela.

Kulo mbuthano okwakuhkona abaholi abehlukene be-ANC abaphezelu, uMaMbatha wemukelwa njengolovukazi.

Kuthiwa imoto kaMaMbatha iFord Ranger Wild Truck isiyadiliwa ngoba engasenawo amandla okuqhubeke.

ayikhokhele. Okunye kuthiwa bekunomsebenzi abephendlele wona kuMasipala kodwa ugcine ekhala ngaphansi ngoba kunabesifazane be-ANC okuthi bebelwa bethi nabo bayafuna imisebenzi futhi kade bafika enhlanganweni ukwabu.

Omunye wabaholi be-IPF othe uMnu uXolani Msesezane uthi inkinga bavele banyusa obekudingeka kulesi sikhundla bafaka izinzewi zokushayela ngoba kwazwana ukuthi uMaMbatha akazane. "IbuHlungu le nto esiyenzenka kuBongiwe ngoba wahama eNkatheni engasayihloniphi wayozifaka kuKhongolose ngoba bemuhehe nezethembisa ezingekho. Namhlanje uhlala erenki yamatekisi eDundee badayisa inyama yenhloko nomunye usizi okuthiwa uMumsy. Akaze asebenze ngisho ezitolo zamaChina kodwa besebemzamelia isikhundla esiphezelu kuMasipala, bavele balwa omama be-ANC bethi angaqashwa kanjani ekubeni nabo beshaye ulayini belindile. IbuHlungu indaba yakhe ngoba nasemihlanganweni ye-ANC kuthiwa bamukhipha inyuzwane ngoba bethi uyiNkatha. Okwakhe ukuba akabuya azoxolisa kuMntwana waKwaPhindangene ngoba phela wadelela eseyi kuKhongolose esho nokuthi i-ANC wayithanda kudala," kusho uMsesezane.

Omunye umholi ocole ukungadalulwa uthi inhloso ye-ANC yafunwa ukuthi uMaMbatha uma imthatha ingamneke isikhundla sepolitiki kodwa imniwe ibhizini nomsibenza ukuze kungabi bokho ukukhuluma.

"Usizi wakwaMbatha uBongiwe sasizwe ukuthi bafuna angabi minningi ezikhundleni zepolitiki kodwa uzopphendlela umsebenzi ukuze akwazi ukuqhubeke nokuphila futhi angazitholi esegaxela emsindweni wemibango yangaphakathi. Nokho angazi nami ukuthi kwenzakaleni ngoba ayikhulunywa



## EZASE-AFRIKA no-Anathi Mtaka



UMnu uHenri Konan Bedie Isithombe: VOA/Reuters

## INkantolo YoMthethosisekelo e-Ivory Coast imvumele ofuna ihlandla lesithathu

## ■ E-IVORY COAST

Umphikisi omkhulu okhethweni lobumengameli e-Ivory Coast kanye namaqembu aphikisayo aphakamise ukuthi kube nomkhankaso womphakathi wokushaya indva umthetho ukuze kumiswe isicelo sikaMengameli uMnu u-Alassane Ouattara sokuba athathe ihlandla lesithathu ngenyanga uMfumfu. Lolu khetho luthathwa njengesiviviny esikhulu ekuqineni nasekuthulen ikuveli lizwe elisentshonala ye-Afrika selokhu kwaba nokhetho olwaluphikiswa olwagcina luholelele empini yezakhamuzi emfushane ngowezi-2010.

INkantolo YoMthethosisekelo yakuleli lizwe ikuvumelile ukuthi uMengameli u-Ouattara, owayenguMengameli uHenri

Konan Bedie nabanye ababili ukuthi balungenele lolu khetho.

UBedie utshele amalungu egembu eliphikisayo iPDCI abegcwele ihholo edolobheni i-Abidjan ukuthi amaqembu ngemuva kokuhlangana ngesonto eledlule asephuma nesinqumo sokuthi abumbane emizamweni yawa yokuvimba ukuthi u-Ouattara athole ihlandla lesithathu esihlalweni sobumengameli.

"Sekusele kuthina, konke okushiwo lapha kuwukuvikela uzinzo kuleli zwe," kusho uBedie engeza ngokuthi uma u-Ouattara ephikelela ngokufuna ihlandla lesithathu kuyobe sekusele isiqubulo esisodwa "ukungalale komphakathi".

Sebukulewe abantu abali-12 selokhu kwaqbuka udlame nemibhikiso ephikisana noMengameli ngenyanga edlule ngemuva kokumemzelwa kwakhe

ukuthi uzongenela ukhetho kulandela ukushona ngokuzuma kwalowo ayemqoke ukuba alandela yena athathethi lesikhundla.

Iqembu eliphikisayo lithe u-Ouattara, owakhethwa ngowezi-2010 waphinda nangowezi-2015, usephula uMthethosisekelo uma esefuna ihlandla lesithathu kulesi sikhundla. Lo Mengameli oneminyaka yobudala engama-78 uthi ushinksho kuMthethosisekelo lusho ukuthi sekuhlelwae kabusha umkhawulo wakhe wamahlandla amabili.

Ukuqubuka kodlame kwakamuva kwavusa iminjunju yangowezi-2010 lapho kwabulawa abantu abangaphezu kwezi-3 000 ngesikhathi sempi yezakhamuzi kuleli zwe elikhiziza kakhulu icocoo.

Abaholi bamaqembu aphikisayo basukume basekela umbono wokuzama

ukumisa ukuthi uMengameli u-Ouattara athathie ihlandla lesithathu ngokuthi kuqalwe imibhikiso nokushaywa indva komthetho umphakathi.

"Amaqembu epolitiki afuna sihoxiswe isicelo sikaMnu u-Alassane Ouattara okhethweni lobumengameli, ukuhlakazwa komkhandlu woMthethosisekelo, ukuhlakazwa kweKhomishini Yohetho ngexxa yokuhothamela kwayo iqembu elibusayo iRHDP party," Kusho umholi weqembu eliphikisayo uMnu uSaraka Patrice. Okhulumela uHulumeni akatholakalanga ukuba aphawule ngodabu lokushaya indva umthetho umphakathi okuzobe sekuchaza ukuphazamiseka kokuinzina kwezopolitki kuleli lizwe nokuvuleka kweisilonda abanangi ababethemba ukuthi siyaphola sokulwa kwezakhamuzi ngonyaka wezi-2010.

## KWEZINYE IZINGXENYE

EzaseBotswana: UMengameli uMokweetsi Masisi usebike ukuthi umuntu wesifazane oshadile kuleli zwe usezovumeleka ukuba abe nomhlabo wakhe nomnyeni wakhe okube ukuthuthukiswa kwabesifazane izinhlangano zamalungelo ezithe kade kwakufanele kwensiwe. Ngaphambi kokuchitshiyelwa komthetho, iNqubomgomu Yomhlabo yowesi-2015 yayikube kucace ukuthi akuvumelele ukuthi ovesifazane oshadile abe nomhlabo wakhe ngqo uma umnyeni wakhe enawo.

EzaseLibya: Umholi wasempumalanga yaleli lizwe uMnu uKhalifa Haftar uthu amabutho akhe azodedela ukukhizizwa kukawoyela kuqale kabusha ngemuva kwezinyanga eziyisi-8 kuviniwe. Usopolitiki omkhulu eTripoli ubike ukuthi kuzokwakhiwa ikomidi elizokwenza isiqiniseko sokuthi ukwabiwa kwemali engenayo ngenxa kawoyela kuneqiniso. Kodwake iNational Oil Corporation (NOC), esebezena emkhakheni wamandla waleli lizwe, ithe angeke ikiphe noma yehlise amandla ayo kuwoyela osuke iwukhipha kuze kususwe amasosa ezikhungo zikawoyela. Ibhange elikhulu kuleli zwe liveze ukuthi ukuvimba kwamasosha asempumalanga yaleli zwe sekuholele ekutheni izwe lilahlekelwe imali eyizigidi eziyisi-9. Lokhu kumiswe kokukhizizwa kukawoyela kuleli zwe kuge kubeyisithikamezi esikhulu emizamweni yezingxoxo zoxolo ngemuva kokuhlasela kwamasosha kaHaftar edolobheni iTripoli.

EzaseKenya: Amaqembu alwela amalungelo abantu besifazane abike ukuthi amaqembu alwa nokuhushulwa kwezisu kanye nabamasonto kuleli lizwe basabalala ulwazi olungalungle futhi olungelona mayelana nomthethosivivinywa wokubheka ukukhulelwa kwentsha nokushona kwabazali. La maqembu axwayise ngokuthi abenzi bomthetho bangathonywa futhi bagcine sebengawuwoteli. Umthethosivivinywa iReproductive Healthcare, okulindelele ukuthi uthunyelwe ePhalamende udingidwe ezinsukwi eizizayo ufa phakha ukufunda ngocansi ezikoleni, ukusiza kokukhulelwa kanyehokutholakala kwezinsiza eziphephile zokukhipha izisu lapho kudingeka khona.

EzeWorld Trade Organisation: Abesifazane abathathu, ababili babo abangasezwenikazi i-Afrika badlulele emzulisaneni wesibili wokukhethwa koMqondisi olanedelaye World Trade Organisation (WTO) njengoba uhlulwababekozkhethwa lwancishiswa lusuka kwabayisi-8 linya kwabahlanu. Le nhlango idinga umqondisi omusha ozongena esikhaleni sikaMnu uRoberto Azevedo oeweha esikhundleni ngaphambi kwezikathhi. Le nhlango eneminyaka engama-25 yabunja ayikaze iholwe ngumuntu wesifazane noma ngumuntu opuma ezwenikazi i-Afrika.

EzaseCongo: Alinganiselle ekhulwini amasosa amavukela mbuso abehlome ngezibhamu angene edolobheni iBunia elisempumalanga yaleli lizwe ephelezewa ngamaphoyisa ngesonto eledlule, obekuyindide layo yokukhombisa amandla ngesikhathi eyokhalaza ngokuphathwa kwabo ngesikhathi kughubeka iezingxoxo zokuthula kuleli lizwe. Abegqoko amabhande amhlophe asekhanza ukube bakwazi ukuzihlukanisa. La masosha aqhamuka embuthweni iCODECO azungeze ijole laseBunia efuna kudedelwe ozakwabo ababoshiwe.

EzaseNigeria: Inhlango elwela amalungelo ezingane i-UNICEF isikugxekile ukugwetsiwa komfana oneminyaka yobudala eli-13 iminyaka eyishumi ejele ngecaloka luhambalama enyakatho yaleli zwe. U-Omar Farouq utholakale enecala eNkantolo yaseSharia enyakatho yaleli zwe ngemuva kokusolwa ngokusebenza ulimi olungalungile ngesikhathi ephikisana nomngani wakhe ngo-Allah. Ugwetsiwe mhla zili-10 kuNewaba yiNkantolo efanayo naleyo esanda kugweba umlekelele wasestudiyo uMnu uYahaya Sharif-Aminu isigwebo sentambo ngenxa yokudelela uMphrofethi uMohammed

■ Umholi wenlangano yezezisebenzi kuleli soneto ubike ukuthi izinyunyana zezebenzi zizoqala isiteleka esingapheli ngesonto elizayo kukhalazelwa ukukhuphuka kwentengo kagesi nophethroli ngemuva kokuthi umhlango wale nyunyana noHulumeni emasontweni amabili edlule uphele ngaphandle kwezaxazulolo nokuvumelana. Inyunyana iNigerian Labour Congress, emele izisebenzi eziyizigidi emkhakheni eminingi yommotho omkhulu ezwenikazi i-Afrika, kufaka phakathi iezingxene zomkhakha kawoyela, ihlele isiteleka ngesonto elizayo ngokusho komholi wayo uMnu u-Ayuba Wabba. Esitati mendeni asikhophile uWabba uthu ukuguqulwa kokukhushulwa kwentengo kaphethroli ngesi ikhona kuphela okungasinqanda lesi siteleka. UHulumeni awutholakalanga uphawula mayelana nalesi siteleka. UMengameli uMuhammadu Buhari wayethe ukwenyuka kwemali kwakubalulekile ngenxa yokuthi leli zwe belingasakwazi ukukhokhela uxhaso.

## Luyiva olobulili ePhalamende nakuMengameli eKenya

## ■ EKENYA

UMehluleli Omkhulu eKenya, uDavid Maraga, usebhalele uMengameli waleli lizwe uMnu u-Uhuru Kenyatta, enoma ukuthi achithe iPhalamende ngokwehuleka kwalo ukushaya umthetho wokulanganishe kobilili.

Izincomo zikaMehluleli Omkhulu zilandele izicelo eziyisithupha ezazifuna lihlakazwe iPhalamende.

Ukushaya kwesiqondiso sokuthathu kokubili kwezbulli (two-thirds gender rule) kwakuphakathi kwemithetho okwakumele iPhalamende laseKenya liyenze kungakapheli iminyaka emihlanu ngemuva kokuphasiswa koMthethosisekelo ngezongena-2010.

Sebukulewe iminyaka eyishumi kodwa namanje lesi siqondiso asikafakwa futhi sekube nemizamo emine ezindlini zePhalamende yokusifaka kodwa yehluleka. Ngonyaka oditlo le mthethosivivinywa wehleleka ukuqhubekela phambili ngenxa yokungeneni kwsibalo samalungu ePhalamende.



UMehluleli Omkhulu uDavid Maraga Isithombe: Twitter

Kodwa iqiniso ukuthi konke sekusezandleni zikaKenyatta nakuba lolu daba lungelula njengoba lubukeka ngenxa yokuthi uma elihlaka iPhalamende kuzobekwakhe ukuthi ihlandla lakhe lesibili futhi lokugcina kulesi sikhundla

uliqeda kungakapheli isikhathi. Leli lizwe bekuhlelwae ukuba liye okhethweni ngonyaka wezi-2022.

Azikhoo izikhathi ezbekiwe zokuthi umengameli kumekle asebenze nini phezu kwalezi zincomo kepha umthetho uqukethe

inquo engajwayelekile yokuphoqelela ethi "uma iPhalamende lehleleka ukushaya umthetho uMehluleli Omkhulu kufanele eluleke umengameli ukuba alihlakaze."

ISigaba 81(b) soMthethosisekelo waleli lizwe ukubeka kucace ukuthi iezingxene ezimbili kwezintathu zomthetho wobulili zidinga ukuthi: amalungu angaphezu kwamibili kwamathathu kwekukhetha abe ubulili obufanayo.

Njengamanje izinombolo zobulili ePhalamende lakuleli lizwe zingaphansi njengoba abesifazane bebabalewa kumaphesenti angama-23. Ngemuva kwezincomo ezithunyelele uMengameli, uSomlomo wePhalamende, uJustim Muturi, wakubeka kwacaca ukuthi akunangqondo ukuthi iPhalamende lihlakazwe.

Lolu daba luzothanda ukuba yiva elikhulu ehlendeli likaMengameli uKenya ngesizathu esisobala sokuthi uma elhonipha iezincomo uzobe esebeka phansi isiqqoko sobumengameli ngenxa yomthetho ukubeka kucace ukuthi umengameli ukwazi ukuhlala esikhundleni amahlandla amabili kuphela.

## Izishoshovu zibhekene namacala obushokobezi e-Ethiopia

## ■ E-ETHIOPIA

Ummeli omkhulu wase-Ethopia ubike ukuthi leli lizwe selivulele icala lobuphekula uMnu uJawar Mohammed (oseshombeni) ongusopolitiki ophikisayo.

UJawar ongumsunguli we-Oromiya Media Network aphinde abe yilungu le-Oromo Federalist Congress, waboshwa ngoNhlanguana ngesikhathi kunezinxushunxushu ezasabala izwe lonke kulandela ukubulawa komculi wohlanga lwama-Oromo uHaacaalu Hundeessa.

Osekubiki ukuthi uJawar, izishoshovu ezingama-22 nomholi weqembu eliphikisayo lama-Oromo, uMnu Bekele Garba, babhekene namacala aphathelene nokwephula

imithetho elwa nobushokobezi, imithetho yokukhwabanisa ngetelecom nemithetho yeziqbhamu.

Kulabu ababekwe icala kuphinde kubalwe nezintatheli, abafundi nezazi. Kuzokhumbleka ukuthi uBekele ungumholi opezelu futhi omdala ku-Oromo Federalist Congress.

Kuphinde kwavela ukuthi bazovela enkantolo emasontweni ambalwa azayo ukuba bayoziphendulela ngamacala ababekwa wona.

UJawar wayengumngani omkhulu kaNdunankulu u-Abiy Ahmed njengoba aba neqhaza elikhulu emibhikishwani yabohlanga lwama-Oromo eyaholela ekutheni u-Abiy angene esikhundleni sobuNdunankulu ngonyaka wezi-2018.

Kodwa uJawar wajika waba ngumgexi omkhulu ka-Abiy emsola ngokwehuleka ukuvikela izintshisekelo zabohlanga lwama-Oromo.

Ummeli kaJawar, uTuuli Baayis, utshele abezindaba ukuthi bezwe ngamacala abekwe iklayenti lakhe ezinkundleni zokuxhumana njengoba amaphephwa asemthethweni ubengakawanikwa. Ugcine engaphawulanga ngalela cala.

Sekuvele nemibiko ethi abantu abayisi-9 babulewe esifundeni i-Oromiya ngase-Addis Ababa kulandela ukubambana ngezihluthu phakathi kwabekuphepha nababhikishi abebefuna ukuthi kukhululwe ababoli bohlanga lwama-Oromo ababekoshiwe.

Izinxushunxushu nodlame esifundeni i-Oromiya ziqhakambisa izinselero ebezibhekene noNdunankulu u-Abiy ngaphambi kokhethe obekufanele lube khona kuleli zwe ngoNewaba kodwa lwahlehliswa ngenxa yokubhebhethika kokhuvetha.



# BAYEDE

## IPHEPHA LABOHLANGA

25 KUMANDULO / 01 KUMFUMFU 2020

## AboHlanga ababe baningi namhla sekudliwa kuleli

*Amandla epolitiki awasho lutho uma awomnotho engabonwa empilweni yabantu*

Namuhla kulolo shicilelo sibika ngodaba olujulile oluthinta umnotho wezakhiwo nenhabath (property). Lona umkhakha oselokhu kwathi nhle ubacashele aboHlanga. Namanje phezu kokuphathe kwabo aboHlanga isithebe salo makhakha sisekude le naboHlanga. Lesi yisithome esishaqisay nesicasulayo futhi okusobala ukuthi senziwe ngabomu.

Yize abanye bangamtusa uHulumeni waKwaZulu-Natal ngaphansi koMphathiswa uNkonyeni uMaMlambo, lokhu kungesuse umbuzo othi bekulalelwani kungalungiswa lokhu. Ngeke sijabulele ukuthi abantu abayele inkomo yaphuma esibayeni sebezama ukuyibuyisa, singabu uku hiz iye iphume nje bekengue njani?

Isibalo zikhomba ukuthi lo makhakha usaphethwe ngabelungu namaNdiya. Iqembu elibusayo kumele lizisole ngalokhu. Kumele bazisole nje ngoba uma aboHlanga belinika amandla epolitiki leli qembu basuke belinika igunya lokugquula izinto, hhayi nje kudlalwa kephu ziguqulwe

ngempela.

AboHlanga kuwo wonke amazinga empilo nakuso zonke izifundazwe bayobe bayiziwiwuma bengayeka lesi simo sibe njengoba sinjena. Amalungu ezinhlangano zopolitiki kakhu lezo ezithi zimele aboHlanga ziyobe zingabafarisu uma lolu daba zingaluthi vu. Kanjalo nezintatheli zaboHlanga uma zingabiki ngalokhu ziyobe zifakazela lokhu okushivo ngazo nangaboHlanga uma besezikhndleni ukuthi kabani baanaka lokhu okusondela emilonyeni yabo.

Uma aboHlanga bethi leli yizwe labo kumele bangacini nje lokho ngokukusho ngomlomo nangeziqubulo. Kepha kumele baveze ubufakazi balokho ngokuthi babe ngabanikazi bezinto okubala amabhizini kanye nomhlaba lowo abakhulumu ngawo. Isiqalo ke silapha ekungeneni shi emkhakheni we property. Lokho singakwenza ngokuba sibe nezinkampani zethu okumele okukwala zixhaswe ngemisebenzi yiyo uHulumeni io oselokhu kwathi nhlo weseke amaNdiya nabelungu kulo makhakha.

## Ikhona inkinga esiphoyiseni

*Izigameko zakamuva ziwumvuka wendulo*

Esimwensi esejwayelekile amaphoyisa kumele abe ngabavikeli bemiphath. Yiwo avikela impahla naqinisekisa ezokuphepa ezweni jikele. Lokhu kwabe kungekho ngezikhathi zamadlagusha, kunakaloko amaphoyisa njengamasosha ngaleso sikhathi ayekhona ukuvikela uhlangu gothi olulodwa, abelungu. Nokho uma leli lizwe lebuza, liphuma ngaphansi kombuso wamadlagusha liwelela enqubeni yedemokhrasi kwaba netheba ukuthi isiphoyisa sonke siyoba ngasohlangothini lwabantu. Ukgugquula kwegama lisuka kuSouth African Police (SAP) liya kuSouth African Police Service (SAPS) kwatshala ithembu lokuthi kuzoba nezinguquku. Kulishwa ukuthi eminyakeni engama-26 sekukhona ukungabaza ukuthi izinguquku zenzenki ngempela. Ukulubawa nokulinyawaza kwababikishi ngamaphoyisa akuleli kusikhumbuza izibazi zonya lwamaSAP ayefika ezindaweni zakobantu ashie kukhalwa. OkwaseMarikana kusikhumbuza izibhicongo zaseSharpville naseSoweto. Okwenzeke kumfana obephila nokukhubazeza eGoli lapho amaphoyisa emthele othulini acheda lapho akha izizuthu zokuba kukholakale ukuthi ufe ngephutha kuhujwa izinswelaboya, kusikhumbuze

izenzo ezifanayo zamaphoyisa obandululo. Banyamala abantu ngezikhathi zobandululo besezandleni zamaphoyisa.

Abanye ngokusho kwamaphoyisa 'bazibulala' beziphosa emabhildini aphakeme.

Okukumafu uSteve Biko kufakazela unya lwamaphoyisa obandululo. Odabeni lwakhe kanye nakwabanye abanangi okuvelayo ukuthi ayekwenza amaphoyisa ngaleso sikhathi kwabe kulusiko olwabe Iwamukelekele kuziphathimandla kanti nomthetho ukuvuna lokho.

Ukuziphatha kwamanye amaphoyisa ngesikhathi kuqala ukhuvethu kwenza uzbube imibuzo eminingi ngawakuleli kususa esimomqondweni sawo nasekuziphatheni.

Njengephendabala siyakholwa ukuthi umthetho okhona manje awukuvuni okwenziwa ngamanyi amaphoyisa. Siyakholwa futhi ukuthi aukwana wonke angalungile. Sesikushilo lokho, siyakholwa futhi ukuthi ikhona inkinga esiphoyiseni. Le nkinga ingokuziphatha. Ngeshwa-ke into embi iyaphindaphihenda. Yikho sinombono wokuthi kuhle sonke sivume, ikakhulukazi uHulumeni ukuthi kunenkinga esiphoyiseni nokuthi le nkinga isidunga ukusukunyelwa. Esikusayo wukuthi uma ingabhekwa kungenzeka isiphindise emuva lapho aboHlanga nesiphoyisa kwabe kuyizitha ezisemthethweni.



INyanga Yamagugu siyisonga ngokubheka iSanusi uCredo Vusamazulu Mutwa esidlule emhlabeni zingama-25 kuNdasa wezi-2020. Uzalwe zingama-21 kuNtulikazi we-1921 kanti uhlonishwa umhlaba wonke ngenxa yezibonakaliso zakhe. Idlozi lamqala ukumhlupa eneminyaka yobudala eli-14, wasizwa ukuthathwa nguyise ngoba kubo kanina bengayingeni eyedlozi, waze walemukela. Ukukuthazwa kakhu ekukhuleni kwakhe yizibonakaliso, ubantu nokucina ifa lase-Afrika elase ligugulekile kwamholela ekubhaleni incwadi yakhe yokuqala eyayithi: "Indaba My child" abacwaningi abaningi abathu ikhuluma ngoJesu Khrestu njengomAfrika. Ezinye azibhala ngezithi Zulu Shaman, iDreams, iPhrophesies and Mysteries, iMy People, iMy Afrika: Let Not My Country Die, iWoman of Fours Paths, iThe Strange Story of a Black Woman in South Africa. Imibhalo yakhe yamdonsele amehlo ezhlabani eziningi nezidumile ezifana noDavid Icke. Ngowe-1995 inhlanganano iRing Rocks esePhiladelphia e-USA, yamgixabeza ngescoco seDistinguished Artist and Teacher of African Traditional Culture okwakumnika amandla okuthi asebenze ngokuzikhanda. Ngowe-1997 wahlonishwa nge-Audi Terra Nova Award ngegalelo lakhe kwezongongwa kwemvelo.

## Baphawula ngomhlangano kaKhuzeni nabalimi

### Mhleli

Zifika kanje izikhulu zikaHulumeni emveni kwalokho kuthiwa kunethimba elisunguliwe kodwa okungaziwa ukuthi lisuke lisebenza nobani nemibiko abayenzayo ayibonwa emphakathimi. Indaba yomhlaba emapulazini aseDurnacol nakoDannhauser iseiyindaba egundwini kusukela ngowe-1998. Kwahanjwa abamelu kuze kuge inamuhla ayikaze yalungiswa. Umbuzo uthi kuvimbe kuphi ingalungiswa.

Ufikile uNdunankulu wabona ukuthi amaphoyisa awawenzi umsebenzi kodwa indaba ingaphezu kokungasebenzi kwamaphoyisa. Wafika uMphathiswa uMthembu noNdunankulu wangaleso sikhathi, basiza ngani?

Kunini abantu bedlelwia izinkomo emapulazini aseNormandien kuthule cwaka? Kumanje emapulazini aseDurnacol kuyoshona eDannhauser abantu banqunyelwa isibalo sezinkomo abangazifuya.

- nguThula Zuma

### Mhleli

Yisikhathi sokuthi aboHlanga baseNgingizimu Afrika babambane bayeku ukubulalana bodwa eziyehi inhlanga zibambene kungani thina eNgingizimu Afrika



UNDunankulu uSihle Zikalala Isithombe: Facebook

singabambananga?

Izimali okumele sizithole zidliwa izikhulu zethu nabantu bangaphandle. Thina aboHlanga sekumele sisukume manje sibambane silwele amalungelo ethu.

- nguMusawezwe Local

### Mhleli

Kade kwase behlukunyeza abantu emapulazini bethule oZikalala nethimbu lakhe, manje uma abantu sebeziphindiselela kubelungu laba ababahlukumezayo



sebelusukumela phezulu udaba lwabamhlophe, la mambuka e-African National Congress.

UZikalala wayethule ethini abantu bedlelwia izinkomo zabo umlungu waseNormandien uRobert Hotsoen?

- nguMenzi Menzi

### Mhleli

UHulumeni kaKhongolose usaphatha noma yini emhllophe ngenhlonipho esezeningi eliphezulu kuze kuge namhlanje. Bayesaba ukuthatha umhlaba

kwabamhlophe ngaphandle kwasinxephezelu ngoba i-USA ne-European Union ingawunswina uKhongolose kodwa akukho noyedwa waboHlanga baseNgingizimu Afrika onepalazi emazweni abo.

- nguMadimetja Nkoana

### Mhleli

Inkinga ngathi thina aboHlanga asibumbene, ngibabonile laba bantu babambise kusuka kubasi omncane kuya kumkhulu wakhona. Baningi aboHlanga abazophikisa lokhu akushoyo obekhulumele aboHlanga bebe belenga emalolini abelungu ngoba bangonodoli, bephethi izingqwembe ezhibalwe ukuthi "akume ukubulala kwabalimi". Nempilo yaboHlanga, abahlwempu namaphoyisa nayo ibalulekile. Asigqugquzelu ubugebengu kodwa kumele busukunyelwe bunjalo kungabekwa uhlunga.

- nguNhlanhla Menzi Mabaso

### Mhleli

Lokhu kuyefana nodaba lwabokufika, babulala abakuleli kungenziwa lutho. Linda-ke kwenzwiwe okuthile ngesigebengu esingesokufika kuleli abaholi bakhala ngokuhukunyeza kwabokufika kuleli.

- nguSindile Mketelwa

### Mhleli

Lokhu kuyefana nodaba lwabokufika, babulala abakuleli kungenziwa lutho. Linda-ke kwenzwiwe okuthile ngesigebengu esingesokufika kuleli abaholi bakhala ngokuhukunyeza kwabokufika kuleli.

- nguKhulekani Didi

### Mhleli

Intsha ezayo iyobekana nomsebenzi onzima impela, ngiyayizwela. Lawa izwe liwisa abadala.

- nguBrokechild Mnumzan Malokish Verstaan

## Imibono ngolwethenda yendodakazi kasopolitiki

### Mhleli

Otholile ubuswa umgolo nalowo okhalayo naye ubuswa yiyo. Elami lithi kubona bobabili bayizinyathi eziziphandela zona vele besingeku thina sizube lutho kubona.

- nguAzania Zamo

### Mhleli

Kumele kushaywe umthetho mayelana nabasondelene nosopolitiki ngoba kubuhlungu ukubhecwya ngecalo.

Thina abaningi boHlanga asizilhuphi kakhu kubuzama bese besebeniza ithuba bona. Iqiniso lithi yakhulunywa

bezwax baxoxa bavumelana. Ake sitole ukuthi zikhona yini izinkampani ezasala ezinesipilioni esingaphezulu bese imibuzo iqonda ngqo emnyangweni kuzovela?

- nguSibonelo Gwala

### Mhleli

Zonke izikhulu zikaKhongolose yizigebengu abantu benziwa izilima kulkhu kuthiwa kuyaphenywa kuqanjiwa amanga. Abantu kumele bazi ukuthi bayokhohliswa bayoze bafe kulkhu kuthiwa kuyaphenywa noma sebebanjiwe abeba imali

yentela bayakhishwa ezikhundleni zabo bazanyelwe ezinye ukuze baqhubeke nokuudla imali. Wena-ke qhubeka nokuvtotela inhlupheko.

Abantu abakuyeke ukuvota badede abokufika, amaNdiya namaChina okuyibyo abathandwa uHulumeni we-ANC.

- nguSibongiseni Petros Shezi

### Mhleli

Nami angisungule inkampani ngihiukane nokuhlupheka. Iyadliwa imali hhayi kancane, amasonto amatathatu isungulive isikwazi ukuthola umsebenzi

## Umfundi uthanda ukucaciseleka ngaMakhosi andulela iLembe

### Mhleli

Ake ngincombe osomlando abasivukuzela umlando wakithi kuleli laboHlanga. Sifunda okuningi okusha mihih yonke. Kuke kwabhalu usomlando khona kuleli laboHlanga elungisa amaphushana.

Nami ngathi angibhale, angilungisa maputhha-ke mina kodwa ngifuna ukucaciseleka kokuthile. Ngazi ukuthi iNgonyama yakwaDukuza iNkosi uShaka yahlasela yanqoba izizwe nezizwana yabumba isizwe samaZulu esihlonishwa umhlaba wonke. Manje ngididwa abanye osomlando nxa sebebiza iNkosi uSenzangakhona, iNkosi uJama namanye aMakhosi angaphambili ngeziNgonyama zikaZulu. Iziphi izizwe ayengaphansi kwalezi ziNgonyama ayezibusu?

Ithini imbongi yeNkosi uSenzangakhona uTholudaba Ndlovu nxa ethi: "Uthi lwempu obeluhlala izikhova. Luhlale uPhungashe wakwaButhelezi Lwahlala uMacingwane waseNgonyameni"

Iyaye ithi: "INKosi uSenzangakhona kaJama, ithi futhi: iNgonyama uShaka kaSenzangakhona. Angisho ukuthi ungunkulunkulu womlondo kodwa eyenza ngiwukholwe kakhulu umlando awushoyo, uyaye futhi agcizelole kuthi umlando omningi uwuxoxelwe izalukazi

(ONDlunkulu) ababegane INgonyama uDinuzulu ababone ngamehlo. Empeleni umlando owufunde ezincwadini, ikakhulukazi ezhibalwe abamhlophe awufani ncamashi nomlando uwuxoxelwe abadala. Ngijocela bangelaphe labo osomlando abavame kubiza la Makhosi ngeziNgonyama. Bephala nokuthi imaphi aMakhosi ayengaphansi kwalezi Ngonyama.

Ngoba mina ngazi ukuthi sasingekho isizwe samaZulu ngaphambi kweLembe (Zulu Nation) kodwa kwakukhona isizwana (Zulu clan). ILembe lahlanganisa izizwana nezizwe zaBenguni, lasungula isizwe lasiqamba ngokhokho walo uZulu kaMalandela. Angibonge - nguPhila N. Mthethwa Empangeni

## EZIMBALI KWEZOKUXHUMANA

### EZEMPILO:

UMphathiswa Wezempilo KwaZulu-Natal uNomgugu MaSimelane Zulu usolwa ngokugxambukela ekuqashweni kwezikhulu eziphezelu ezhibedlele esifundazweni.



### UMBONO WEPHEPHANDABA:

ElaboHlanga libuza ukuthi izwe livulwa nje ngabe belisavalive yini njengoba ezindaweni eziningi abantu bebe sazenzela umathanda?



### EZEMIDLALO:

Kwamukelwe ngezindlela ezaahlukene ukuqashwa kukaGavin Hunt nj

# Kunozinzo olubuyisa ithemba ngerandi ezimaketha zomhlabo

Siliqala sinto uHulumeni esexegisile kumvalelwakhaya, wabeka leli lizwe ezingeni lokuqala. Lokhu kusho ukuvuleka kwezinye izimbini ebezisavalife njengozokuvakasha. Lokhu kusho ukwanda kwabantu abavumelekele ukwethamela imicimbi enhlobonhlobo, kubalwa namasonto. Ngasohlangothini lwamabhizini kusenzima kubaculi nasemabayisikobho ngoba kusetshenzwa ngomthamo omkhulu wabantu abethamela ngesikhathi esisodwa. Siyemba ongongqoshe bazobhekisisa izindlela eziphephile zokuvula ciske zonke izimbi. NgoMsombuluko bekulusuku lwe-179 izwe lingaphansi kwemvalelwakhaya, kanti bekuwusuku lwe-190 izwe lilawulwa ngomthetho obhekele inhelele, iDisaster Management Act.

**NgoMsombuluko zingama-21 kuMandulo 2020**

- Kuvukwe ngoMsombuluko irandi likhombisa ukwehla ezingeni elakulo ngoLwesihlanu uma liqhatanisa

nedola lase-USA. Ngempelasonto irandi lilahlekelwe ngamasenti ayisi-9 kwavula izimaketha idola lase-USA lilingana namarandi ali-16, 28.

■ Kuvule izimaketha ngoMsombuluko uPondo waseBritain ulingana namarandi angama-21, 09 ukhombisa ukubuyisa amandla, irandi lalahlekelwa ngamasenti ali-11 kuphela. Uma siqhatanisa nesonto edelule kusethembisa ukuthi lisazosimama irandi.

■ Izimali zamazwe zikhombisa ukuvunana ezimaketha uma zibhekene nerandi. Akumangalisi kangako ukuthi iYuro kuphele impelasonto lidudula irandi kwavula izimaketha zemali ngoMsombuluko iYuro lilingana namarandi ali-19, 32. Okwamanje akwethusi ngoba siliqala isonto irandi lisemwani esingcono kunesangesonto edellule.

■ Intengo yegolide ayinyakazanga lapho yayikhona ngoLwesihlanu. Kuvule izimaketha ngoMsombuluko i-awunsi legolide libiza amadola ase-USA ayi-1 953, okuyintengo ekhombisa uzinzo.



NGUSOLWAZI UBONKE DUMISA

■ Intengo kawoyela ongahluziwe isalokhu indiza phezelu. NgoLwesihlanu umphongolo kawoyela bewubiza amadola ase-USA angama-43, 64, kwavula izimaketha zemali ngoMsombuluko yehlile yaba ngamadola ase-USA angama-43, 06.

**NgoLwesihathu zingama-22 kuMandulo 2020**

- Kubukeka liqale kabi leli sinto, irandi libonakala lithwele kanzima uma liqhatanisa nazo zontathu izimali esibuka kuzo emaketha. Kuvule izimaketha

ngolwesihathu idola lase-USA lilingana namarandi ali-16, 78. Akuthokozisi uma ngobusuku obubodwa irandi lilahlekelwa ngamasenti angama-50 uma libhekene nedola lase-USA.

■ Kuvule izimaketha uPondo waseBritain ulingana namarandi angama-21, 51, okuyigxathu elikhulu kusuka lapho irandi belikhona ngoMsombuluko.

■ Irandi lilahlekelwe ngamasenti angama-42 ebusu bangoMsombuluko, kwavukwa ekuseni iYuro lilingana namarandi ali-19, 74 ngoLwesihathu ekuseni.

**NgoLwesihathu zingama-23 kuMandulo 2020**

- Lizabalaze kwalilungela irandi ngoba kuvule izimaketha ngoLwesihathu idola lase-USA lilingana namarandi ali-16, 78, linganyakazanga lapho belikhona ngayizol.

- Kujabulisile ukubona irandi lisimeme ngaphansi kwesihle esingesihle kodwa kwavula izimaketha idola lase-USA lilingana namarandi angama-21, 37 ekuseni ngoLwesihathu.

■ Kuvule izimaketha irandi lisimeme

libuya ithemba ngoba iYuro belilingana namarandi ali-19, 63.

- Igolide libukeka lingaphansi kwengcindezi enkuu ngoba ezimaketha zomhlabo intengo yegolide beyehile yaze yafnyelela kumadola ayi-1 885 i-awunsi. Kulimaza isithombe segolide osekuyisikhathi esingapheza kwezinyangwa ezimbili ligcinile ukwehla lifike kuleli zinga.

- Kuleli sinto intengo yomphongolo kawoyela ongahluziwe ithanda ukwehla amaphaphu. Noma beyindizela phezelu kuyajabulisa ukuthi kuvule izimaketha ngoLwesihathu umphongolo kawoyela bewubiza ama-41, 49 wamadola ase-USA.

Noma intengo kawoyela izinze phezelu kulezi zinsuku, likhulu ithemba lokuthi ingase iphinde yehle intengo kaphethroli nodilizi enyangeni ezay kaMfumfum. Silobe lapha izimaketha zemali zivalile ngoba kuyiholide lokukhumbula iNgonyama iLembe eleqa amanye kulisonto. Sesiophinde silunguze ezimaketha zomhlabo ngoLwesihlanu.

# Ugwayi wumkhiqizo ongaphelelwa ngamandla

## nguLindani Dhlomo

### ■ AMABHIZINISI

UKuba ugwayi ngolunye uhlubo lwemkhiqizo ejwayelekile nje kulo mhlaba ngabe sesikhuluma ngawo njengomkhiqizo ophelele yesikhathi, kwaphela ngawo, kumbe selehlide isasasa lokukhiqizwa kwavo. Kunalocho kubonakala abawusebenzisayo bezama zonke izintuba zokuwuvika nokuwenza uhlale ukhona emaketha. Kuzanya ngazo zonke izindlela ukwuweda ugwayi kodwa kuyacaca ukuthi intu engasos yaphela ngokuthanda komuntu. Kunokuba uphele kwanda izinhlobo zavo, abantu bayaqhubeka bayawuhema.

Kunohlelo olubizwa ngeTobacco Transformational Index olusemkankasweni wokwehlisa ubungozi bukagwayi. Lo mkhankaso ukhuthaza izinkampani ezikhiqiza ugwayi ukuba ziqhubeka zehlise izithako ezinobungozi kumunthi ezifakwe kugwayi. Umbiko wonyaka ophezelu, wezi-2020, okhishwe kulolo hlelo enyangeni kaMandulo, lapho bekuhulwa izinkampani eziyishumi nesihlanu ezingabakhicizi abahamba phambili emhlabenji jikelele bathole ukuthi kuncane kakhulu okwenzwi yilezi zinkampani ekunciphiseni ubungozi bukagwayi. Lezi zinkampani ezili-15 zikhiciha ama-90% kagwayi okhona emhlabenji jikelele. Ngokwezibalo ezikhishwe kulo mbiko kuthi babalewa ezigidini ezingu-1, 3 (1 300 000 000) abantu abahema ugwayi emhlabenji, kanti izibalo ziveza ukuthi ezigidi ezyisi-8 zibulawa yizifo ezhlobene nokubhema ugwayi ngonyaka. Inkampani eziqwaqwada emakhandza zonke emhlabenji kumkhiqizo kagwayi yiSwedish Match, ilandelwe yiChina National Tobacco Corp, iBritish American Tobacco, ehamba phambili kuleli lizwe nayo ibalwa kuzo lezi eziyishumi nesihlanu.

Kuzo zonke lezi zinkampani eziyishumi nesihlanu ayikho neyodwa



eyase-Afrika. Ubhenywa kangaka nje ugwayi e-Afrika, kusizakala izinkampani zakwamanye amazwe. Uma bewuwanagabaza amandla kagwayi emnothweni, kumele uqale ubhekisise. Amandla kagwayi abonakala ekutheni noma uxekwe ujivaza nxazonke mncane umehluo ekukhiqizweni kwavo. Uma usomabhizini engase abe nomkhiqizo onamandla njengogwayi kungabe unesikhondlakhonda somkhiqizo. Ayiminingi imkhiqizo engamelana nokusivazwa njengogwayi.

Ngesikhathi semvalelwakhaya, esifike kungalindele muntu, kuze kwaphela izinyanga ezintathu belokhu bewubhema abantu ugwayi, uze uziwuze ukuthi bawutholaphi ngoba kusavaliwe nje?

Imbalwa imkhiqizo efuze ugwayi ngokuba yingqe wele emaketha. Uma unomkhiqizo ocishe ulingane nogwayi emaketha ubokwazi ukuthi uyingqe wele ngoba kusho ukuthi uphethe inkunzi kayihleli uqobo lwayo, umavula kuvaliwe. Mhlawumbe kungakuhle abantu abasafuna ukuqala ibhizini Bazinike isikhathi sokubheka imkhiqizo efuze ugwayi ngokuba yinunu engafi noma seyihlasewa nxazonke.

Yonke iminyaka kuyaye kuthi uma uNgongqoshe owengamele uMnyango Wezemali ethula inkulumo yakhe yovukula unyaka, kuba yinto ejwayelekile ukuthi uzokhuluma ngentela yesono, lapho esuke ebala khona ugwayi notshwala. Ukwenyuka kwentelo minyaka yonke kuyimizamo yokwehlisa ukuthandwa

nokuthengwa kukagwayi ngabantu. Angikaze ngizwe umuntu ethi uyeke ukubhema ngoba kwenyuka intengo yayo. Kumanje intengo kagwayi imba eqolo kodwa ababhemi balala ngawo bavuke ngawo, behlise ngawo emva kokudla. Noma esewubhemile umuntu awumsuthisi kodwa awuyekeki kalula kwabawubhemayo.

Abezempiro sebenze eminingi imizamo yokwehlisa izinga lokubhenywa kukagwayi kodwa kubukeka incane impumelelo. Ebhokisini likagwayi kunombhalo oxwayisa ngobungozi bokubhema kodwa abantu bawubhema noma sewubhalwe kanjalo. Sekwanqunywa ukuthi obhemayo kumele angabhemti ezindaweni zomphakathi kodwa akulehlisi

izinga lokuthengwa nokusethenziswa kukagwayi. Ugwayi uyaqhubeke nobuka ngeminye yemikhicizo esemqoka kuleli lizwe ngokungonisa imali enkuu ngentela. Uhlaselwa nxazonke kodwa phezu kwalokho awupheli amandla.

Kunezinkulomo ezisabale zokuthi ngenkathi kunemvalelwakhaya iningi labahemayo bebewuthola ugwayi ngoba kuhkhona abakhicizi abacakashile ababekhubekeka nokuwukhiquiza nokuwudayisa. Kuyacaca ukuthi noHulumeni uyazi ukuthi kunogwayi onenga ngendlela engekho emthethweni kuleli lizwe futhi baningi abadaya ugwayi ongekho emthethweni. Kungenzeka kubye yibo laba abasebenzisa izindlela ezingekho emthethweni abenza inzuzu enkuluna kualabu abasemthethweni ngoba abayikhokhi intela ekhokhwa yilabo abahweba ngokusemthethweni.

Abalima ugwayi eNingizimu Afrika baufuna izindlela abazobhekana ngazo nokukhula kwentengo kagwayi odayiswa ngokusemthethweni kuvule intuba yabadaya abangekho emthethweni. Lokhu kubhebhzelwe nayimvalelwakhaya, kwenza nalabo abebengenawazi olungakho ngemikhicizo engekho emthethweni, bagcina befunda. Leyo mikhiqizo idayiswa ngamanani aphansi kunaaley esemthethweni.

Kulolonke iketango lokukhiqizwa nokudayiswa kukagwayi ayikho inkampani esingayibala yase-Afrika. Ngikhuluma ngezwekazi i-Afrika ngoba kusobala ukuthi amandla ab makhlulu una amazwe ehangleni ekwenzeni umkhiqizo onamandla. Una uzwa igama elithi British American Tobacco kusho indaba enkuu, yokuhlangana kwezikhondlakhonda zamazwe omhlaba kulolu hlobo lomkhiqizo. Noma ngabe ehlukene kangakanani amazwe, kumele kusicacele ukuthi uma sekukhulunya ngommotho ziyanziwa izinhlelo zokuhlangana.

# Kubalulekile ukubuka izigaba zempilo yebhizinisi

## nguLindani Dhlomo


### ■ AMABHIZINISI

Selikhulile ibhizini lakwa-Edgars. Inkampani ebala iminyaka esondela ekhulwini iphila singayithatha njengenkampani enamandla. Nayo leyo nkampani ibizihlola minyaka yonke, ixilongwe ukuze ihlale iphila. Ochwepheshe ekuhaliyizeni ukusebenza kwamabhizini balichaza njengento ephilayo ibhizini. Linezigaba ezithile noma amazinga athile abalulwayo empilo. Ibhizini eliphilayo liyazalwa likhule lifike ebudalen, besi kudingeka liveuselwe imphilo. Lokhu kwenzeka liqhubeka lisibenza ngaphandle kookhikamezeke kokusebenza kwalo. Abanye bazibala zibe zine lezi zigaba zokukhula kwebhizini kanti abanye base bafike kweziyisithupha. Lezi zigaba zokukhula kwebhizini kusemqoka kubanikazi bebhizini ukuba baziqaphale. Okwenza kungabi lula ukuzibona wukuthi azifiki ngesikhathi esifanayo kuwo wonke amabhizini. Elinye ibhizini kungalithatha imyinaka emhilani ukufinyelela esigabenji sesibili sokukhula kanti elinye singaba sifushane noma sibe side kunalokho isikhathi.

Una uqaphela ziyabonakala izimpawu lapho lisibenza kahle ibhizini nalampho selehla. Ngaso sonke isikhathi abanikazi bebhizini kumele basebenze balungiselele isigaba esilandelayo. Una isigabe esilandelayo sokukhula kwebhizini sibafica bengasilangusele kungasho ukuba kwalelo bhizini, kumele ukwella kwezinga eliphumelela ngalo. Kulezi zinyanya ezimbala ezidlule

bekunezinkulomo zokuthengiswa kwengxene yeziyolo zakwa-Edgars ezingaphansi kwenkampani i-Edcon. Emva kweminyaka engama-91 izitolo zakwa-Edgars zikhona, kufinyelelwie esivumelwaneni nenkampani iRetailability ukuthi izothatha izitolo ezili-130 kulezo ezili-194 zakwa-Edgars. Phakathi kwezinto ezimisele ukuzenza iRetailability wukuvuselela udumo lwezimpahla zakwa-Edgars, baholilise izindlela eziyobuya udumo lwezitolu zakwa-Edgars. Kungenzeka ukuthi i-Edgars ificwe yisigaba sokucina emjikelezwi webhizini, lapho kwehle idumela lemekhiqizo ebyekade ikhonzwe kakhulu ngabantu, kwaqhamuka ezinye izitolo ezintsha abanikazi be-Edgars babona luya ngokwehla idumela lezimpahla zabo.

Isigaba engifisa sisibukele eduze yiso lesi esithatha njengesokucina empilwe yebhizini. Lesi sigaba yilapho ibhizini liqeda ukudlula esigabenji esiyisicongo seliqa ukuphelela ngamandla, liye ngokuya lehla ekusenbenzini kwalo. Isigaba esandulela esokucina kulapho ibhizini lisescicongeni, konke kuhamba kahle, likhombisa ukuthi konke kuhlelele. Uma kungelikhicizayo, umkhiqizo usuke uhamba kahle uthengwa ubuthaphuthaphu, amakhasimende engacabangi kaningi uma efuna ukuthenga lowo mkhiqizo. Kubalulekile kubanikazi bebhizini ukusibona lesi sigaba ngoba siya ngokuya siguquka, abantu baqale baye kwezinye izindawo befuna umkhiqizo omusha, kuthi umkhiqizo obewuyintandokazi kubu sengathi awusathandwa. Ngaleso sikhathi amandla



ebhizini abukeka ehla, imali engenayo yehle, kudingeka ukuba abanikazi bebhizini baliwusele, bavukuze izindawo ezhithle ukule lizalwe kabusha. Lesi sigaba sokucina siyithuba lokubhekeza imkhiqizo kanti kwabanya yisikhathi lapho bediliza izisebenzi bafake izinhlelo ezintsha erizokwenza kubu sengathi ibhizini elisha. Kungalesi sikhathi lizalwa kabusha ibhizini kuyaye kucace ukuthi ibhizini linomjikelezo oyizigaba okubalulekile ukuvuqaphela, ukule unaqaphela abanikazi bengazele. Ngenkathi kuqala isigaba sokucina amanyi amabhizini afaka umkhiqizo omusha, kumbi adayiswe kuqhubeku abanikazi abasha abazofika nomqondo omusha, ongezukuxosa abanikazi

abada. Lezi zigaba azenzeki ebbhizini kuphela, kwesinye isikhathi kuba wumkhiqizo ofinyelela esicongweni abantu baye ngokuya bewushiya, bazame emisha. Kungakho amanyi amabhizini eshishntsa imibala noma indlela aziveza ngayo kabantu. Ukuqala isigaba sokucina ukulelele ongefani kulelo nalelo bhizini. Abanye babahlaziyi abebuka izitolo i-Edgars ezingaphansi kwenkampani i-Edcon bath lezi zitolo bese zisessigabenji sokucina, lapho abanikazi bebhizene nokwehla kwenani labathengi. Ukuqala kohukhutha akubanikanga ithuba lokuzilungisa kabusha, isitolo sizalwe kabusha. Bekufanele bakhetha phakathi kokudayisa

isitolo kubanikazi abasha noma bavale iminyango izisebenzi ezingaphazu kwezinkulungwane ezinhlanu ziphelelwie wumsebenzi.

Kubukeka bekwazile ukwedluliselwa kwabanye abanikazi abazoziqala kabusha lezi zitolo, benomqondo ozothandwa ngabathengi. Okubalulekile kubanikazi abasha wukuthi bazobaphatha kanjani abathengi abebethembeleku k-Edgars omdala. Phela i-Edgars beyikweletisa ngempahla, abathengi benethuba lokukhokha kancane kancane. Kungenzeka izinguqoko zifake impahla entsha engezukuthandwa ngabathengi abadala, kanti futhi kungenzeka ukuba kungene abathengi abasha abahehwa yizinguqoko ezenzekile ngokungena kwabanikazi abasha.

Inkampani i-Edcon bese kuyisikhathi eside inezinkulu kubanakala ukuthi izitolo azisenzeki njengoba bezenzeka isitolo sisekuvuthondaba. Yisikhathi esifikayo kumabhizini amanangi lapho kubukeka sengathi kuhkhona ukuphambana kwezinhlo, kanti sekudingeka kubukekeze indlela yokwenza ibhizini lizalwe kabusha. Una lizalwe kabusha laphumelela kwabanozino, usuke uphelele umjikelezo webhizini, ochazwa ngabeluleki bamabhizini. Kubalulekile ukuba abanikazi bebhizini balihlole, bahlale beqaphelisisa ukuthi izimpawu zokusebenza kwebhizini ziliveza likusiphi isigaba. Kungakho kuba nesikhathi lapho iziphathimandla ziba akubanikanga ithuba lokuzilungisa kabusha, isitolo sizalwe kabusha. Bekufanele bakhetha phakathi kokudayisa kule kanye ngonyaka.

# Inkonzo yesizwe ukuvikela abesifazane nezingane

**Inkulomo yeSILO Samabandla ngoMgubho WoMkhosi WoMbumbi wesizwe, Ilembe eleqa amanye amaLembe, mhla zingama-24 kuMandulo ngowezi-2020, oSuthu kwaNongoma**

**Zulu ondela zimhlopho!**

Sengikubalule kaningana ukuthi unyaka esikuwo ungholukile. Asisodwa kulesi simo kepha kunjalo ciske kuwo wonke amagumbi amane omhlaba. Isikhalo ngokugua kweminotho yamazwe ngalesi sikhathi siyezwakala. Kuyezwakala lapho izinkampani ziphqoleka ukuba zidilize izisebeni. Siyezwakala isililo kumalungu emindenaphoqeleka ukuba alondoloze amalungu eminden ngendlela engajwayelekile.

Okunye okuzayo nokumele sime ngomumo yingcindezi ezodalwa wukhuvethi emiqondweni yabantu. Nginokwesaba ukuthi isimomqondo sabantu abaningi kungezeka sidinge ukweluwa ngenxa yengcindezi. Izifo ezifana nokhwantala, uhlangothi nesenhlizyo zivame ukunonyoba uma izimo ezweni zinjengoba sizwa nje sonke sphansi kwengcindezi.

Okunye okuphakamayo ngezikathili ezinjengalezi yimikhuba engamachilo efana nokuhukunyenza kwezingane nabesifazane emphakathini. Sesivele siyezwa ngezigameko ezifana nalezi engizishoyo.

Kukho konke lokhu okumqoka wukubambansa njengesizwe ukuze sonke siphume kulolu laka esibhekene nalo. Kunoma yisiphi isizwe siyafika isikhathi lapho abaholi kanye nomphakathi kumeli bathathe khona isinqumo sokuba yizakhamuzi kunokuba ngamalungu ezhinlangano noma amahlelo athize. Lesi kuba yisikhathi lapho okumqoka kuyisizwe.

Namuhla sibhekene naleso simo lapho kumele siphakame njengesizwe. Iyodwa into esatshwa isitha noma yisiphi, isitha siyabesaba ubunye. Lokhu ngikusho ngokwazi umlando kaZulu othi njalo lapho simunye siyanqoba kepha kuthi lapho sehlukene phakathi isitha sibe namanda.

Phakathi kwezinto iLembe elasifundisa zona kwaba wubumqoka bokuba munye phambi kwestha. Kanjalo nempi yaseSandlwana yasfundisa okufanayo. Nathi ngonyaka wezi-2020 singangena emlandweni njengesizukulwane esenza ubunye ihawu lokuvika lapho isitha esilukhuvethi sisidwengula.

Enye into iLembe elasifundisa yona wubumqoka bokuba yingxene yenkonzo yesizwe. Umlando wezikathili zeLembe uveza ukuthi ngesikhathi seminyaka eli-12 lakwazi ukugugula ukuhleleka kombutho wukuvikela kwasuka ekubeni ngabathile kuphepha kepha kwaba yinto yayo wonke umuntu. Yingakho namuhla uma sikhulumu ngoMkhumbi Wempi kaZulu asikhulumu ngebutu elithile kepha sikhulumu ngesizwe sonke.

Kuke kungimangage uma labo abafunda nabagodile kwezomlando belibala ukukusho ukuthi iLembe labe linebutu labesifazane ngakho belu ngoba labe likholelu ekutheni inkonzo yesizwe ngeyayo wonke umuntu, kungakhathaleki noma ungowesilisa noma ungowesifazane. Uma sifunda umlando siyathola ukuthi iLembe labe liphaka impi ngenxa yemikhankaso ethile neyabe incike ewakhethi noma ekuvikeleni isizwe. Uma eyiphonsa enyakatho wabe azi ukuthi kuyokwenziwani kanjalo nalababe yingxene yaleyo mikhankaso babazi ukuthi kuyokwenziwani, ubezwe bethi uyadela wena obulapho ngoba bazi ubumqoka bomkhankaso lowo. Kubo ababekwenza kwabe kuyingxene yeneko yesizwe, kwakkhiwa futhi kuviwelwa izwe.

Yikho nje uma impi isiphuma lapha eSigodlwini wawuza ihubo lithi "OkaNdaba angazidla zonke izinkomo zamadoda uma ngahle asiphake' befakaza khona ukuthi bay lapha beya khona nje bajutshiwe. Besho khona ukuthi wengayenzayo yinkonzo yesizwe. Ngengoba ngishilo ekuqaleni inkonzo yesizwe ngaleso sikhathi kwabe kuwukwakha noukuvikela isizwe.

**Zulu ondela zimhlopho**  
Inkonzo yesizwe namuhla ngonyaka wezi-2020 yileyo yokuvikela isizwe ekubhujisweni wukhuvethi kanjalo noukuvikela abesifazane nezingane emathimboxweni lawa agila imikhuba. NjengeLembe eliphilayo namuhla ngifisa ukutshala impi engingalindele ukuba ibuye ilambatha. Lena yimpi ebhekiswe kuzo zonke izinyemfu lezi ezidlwgengula isingane zami, ogogo bethu nodadewethu lapho phandle.

Le mpi akuyona eyabesifazane kuphela. Akuyona okungathili ngekaHulumeni kuphela noma kuthiwe ngeyamaphoyisa. Lena ngeyesizwe sonke, impela ngiyasho lena yimpi kakhukhulela ngoqo. Impi iphakathi kokulungileyo nokulichilo. Iphakathi kwalabo abafuna ukudicilela phansi isithunzi nomsebenzi weLembe wokwakha isizwe esihlonphayyo kanye nalabo abathanda ubunye nabagqgqzuela ukuvikelwa kwabesifazane phakathi kwethu. Akekho



ISILO



Ingxene yabantu abebeseMkhosini WoMbumbi wesizwe obubanjwe ngendlela engajwayelekile Izithombe: KZNOnline



lapha ozothi yena umi phakathi nendawo ngoba kule mpi wonke umuntu kumele atthathe uhlangothi.

phandle bathukile. Kabazi ukuthi ikusasa libaphatheleni.

Ngaphansi kwalesi simo ikhona ingozi yokuthi abantu bathathe izinqumo okungathi uma sibuka emuva kubonakale ukuthi zaphetha ngenhlekele. Lokhu ngikusho ngibhekise enkulumeni kaMengameli yokuba axegise eminye imithetho ngaphansi kwesimo senhlekele.

Akwenzile siyakhola ukuthi ukwenze emuva kokubonisa nongoti njengoba ayethembisile ukuthi konke ayokwenza uyothathisela kubo. Nokho yize kunjalo iqiniso lithi konke sekukithi. UHulumeni angakhuluma kushone ilanga kepha uma thina singayeningi negeke kusize ngalutho. Isitha esilukhuvethi siyazi ukuthi sethukile futhi simagange ukuba sidedelwe. Siyazi ukuthi okwaso wukulinda nje besi siqhubeke lapho sigcine khona.

Ngala magama ngithi qaphelani kunakuqala. Ngokwenza kwakho unaqhubiza ubuhlungu bokubhubha kubwantu noma unqande ukutshakadula kokhuvethi phakathi kwethu. Ubuhlungu obusemindeni yethu sekwanale ngakho ngezenzo asibunqande.

Sengiphetha inkulomo yami ngiyafisa ukukhuluma nengane yomfana ngakghula ibe yindoda noma ibe yithimboxo. Kepha ngingakayi kuyo ngiyafisa ukusho ukuthi umsebenzi

wami uyize leza noma ngizoqoza izingane zamontombazane ngoMkhosi WoMhlanga bese lezi zabafana zona zibe luvanzi. Njengoba nenza ngezintombi ngithembeni nangalezi zabafana ukuba ngiziqoza. Nginikeni zona ngizibuthe. Kungawubuhle obunjani uma ngoZibandlela kungaba mnyama izinkalo abafana begcweli iSigodlo njengoba kwenza odadewaho.

Kini bafana lapho emakhaya nalapha namuhla. Khumbulanu ukuthi ubudoda lobu akukhona ukuba nentshebe kepha yizenzo somuntu. Ungazalwa ungubulili bowesilisa kepha uze ukhule ugcine ufe ungabanga yindoda. Sengibabonile odadewenu beba ngamadoda ngezenzo. Ngilinde ukubona nina ukuthi nizoba yini. Kuqala emindenini yenu. Kuze emiphakathini yenu kuphele esizweni.

iLembe leli lazala lingowesilisa kepha ngezenzo laba yindoda lahlonishwa ngisho selingasekho phakathi kwabantu. Yikho nje namuhla silibungaza. Labe liyindoda nje lasingathwa ngabesifazane empilweni yalo kusuka kunina. Uthando lwalo ngomina, udadewabo uNomcobo kanye neNdlovukazi uMthaniya aluyona imfihlo.

Ngakho fana njengeLembe, thanda, uhloniphe abesifazane. Ukwensa njalo akukwenzi isigqila kepha kwenza umuntu opeheleyo. Ngiyazi abanye benu bakhule ngaphandle komzali wesilisa kepha lokho akungakwenzi wena ungabi

bikhoo empilweni yakho kanye neyalabo abasondelene nawe.

Njengoba usengumfana nje zibuze ukuthi ngabesifazane? Yazi ukuthi ikhaya lakho lokupala lisesisibethweni esingunyoko, owadoda ngokuzala wena. Ngakho ungajemiza canjani ngokumdlwengula umuntu owakwakhela ikhaya lokupala, wakunakeka ungakabi namanda? Ungakwenza canjani kuthiwe bese uthi uyindoda? Cha lapha kithi likhona igama labenza kanjalo, kuthiwa yizinswelaboya.

Ungavumi-ke mfana wami ukuba kuthiwe uyinswelaboya noma ithimboxo ngoba uma kunjalo uyobe umi ngasohlangothini wesitha sethu sonke esinguZulu. Siyophoqeleka ukuba sikukhiphe inyumbazane noma sithi ukukuqondisa.

KuZulu wonke namuhla emhlabenji jikelele ngithi sukumani nithathie indawo yenu eziwensi. Nina nizalwa yiLembe akukho okungama phambi kwenu.

Sebenzisani amandla eminawo ukuvikela onyoko, ukuvikela odadewuno, izintombi zenu nabafuthi. Ningavumi ukudlala abanye abafana bedlwengula omkenu, onyoko nezintombi zenu nomafungwase bakwenu. Hlalanu kubo, kuthi du! Ngoba eniyobane nikwenza wukuvikela umsebenzi weLembe.

Ngiyabonga



# Amafagugu esizwe: Kasikhumbuzane umlando sicabe imvomva

# NGUSOLWAZI U-OEHM NXUMALO

## ■ IFAGUGU



Kuhle ukuthi ukugujwa kwamafagugu esizwe kubekelwe inyanga yonke kaMandulo ukuba kwensiwe ngayo. Sisuke sinikwa isikhathi sokuhlela, sokukhuthaza nesokuqoqa sibeke ngononina lokho esifisa ukukuqhakambisa ngalowo nyaka kumafagugu esizwe. Ngamafagugu siqonde konke empilweni yethu okuphathelene nolimi esilukhulumayo nakho konke esikwazi ukukwenza ngalo, (ukwetha izinto amagama, ukuqamba izisho nezaga, izibongo nezinkondlo, ukucula, amakhwela esikwazi ukuwashaya) yizimpahla esizibumbayo, siziqophe, sизidwebe, sizakhe, sizikhande (njengemikhonto, izizenza, izingxotha), sizigwede (izingqoko, amathunga, izinkezo), sizeluke (amacansi, izithebe, izihlandla) sizibethe (njengamagekle, izitolotolo, izimfengwane, izimpalampala, imboma), sizishaye (izigubhu), sizibumbe (njengezimbiza, izinkamba, izinkomo zokudlala, imifanekiso). Amafagugu futhi asho izisekelo esizithathe kokhokho nokhokho bokhokho ngokuphathelene nokuphilisana okulawulwa yinhloniphoh, ukuthobeka, ukwethembeka, ubuqotho, ubuqhawe, ukwazi umuntu omdala, ukwazi uMvelinqangi. UmZulu wakuqala wayengangeni endabeni yokuthi uNkulunkulu ungophezelu noma ongophakeme kunazo zonke izidalwa. UmZulu wayethi phela uNkulunkulu akadalwanga, ngakho akamuse ukuqhathaniswa nabadalwa. Uma umZulu esethe uMvelinqangi akusekho okungale mayelana nokuthi uNkulunkulu unguvani. Wavela kuqala. Ekuqaleni kokuqala futhi

unguSonini nanini.  
Kwathi lapho uHulumeni  
waseNingizimu Afrika owawusuvotelwa  
nguwonkewonke usukhiphe iShaka Day  
ohlwini lwebhili yamaholidi, i-Inkatha  
Freedom Party yema ngezinyawo ithi leli  
holidi lisemqoka. Kwabe sekuvunyelwana  
ngokuthi isicelo sayo seShaka Day  
singahlangatshezwa ngokuba kube nosuku  
lapho abantu baseNingizimu Afrika  
balo lonke uhlolo losikompiло nezinkolo  
uMzantsi Afrika.

bahlangane bagubhe amafagugu abo ehlukene.

Kube sekuthi-ke kamumva kwase kuba nomkhuba wokosiwa okuthiwa ngamabhrayi ngalolu suku. Cha ushisanyama akawazi ukuba umgubho wamafagugu. Yebo emva kokuba kwensiwe okuthile okuwukugubha, ukuhlonipha ukufundisana, ukwakhana, okubukisisa umbonotalagu wesizwe namafagugu aso, sekungabuswa. Noma umuntu engeke aphoqe mutu kodwa ngosuku lwamafagugu kuhle ukwenza izinto zosiko nemikhuba yesizwe niengakho ukudla okufana nokubilisiwe.

Uma umuntu eqala ukuthakasela lolu suku untila amagama anohlonzelo nalolongekile angachaza ngawo ubumto bokuba namafagugu omsuka wakhe. Ziningi izizwe eziphoqwa ukugubha amagugumafa ezizwe azinqoba. Nathi sesake sadlula lapho. Ngowe-1947 kufike uKing George VI eNingizimu Afrika sasicula igama lesizwe samaNgisi elithi: 'God Save The Queen' okuwukuthi: UNkulunkulu makabusise indlovukazi. Sasivele sihlatsheleliswa lona kodwa kulokhu savivinywa kakhulu ukuze senze kahle phambi kwenkosi vase-

lemukelwa njengeculo lesizwe samaNgisi ngowe-1745 kuMandulo. Kwakubusa iNkosi uGeorge (1727-1760). Amagama athi: 'Phila isikhathi eside Ndlovukazi yethu kanokusho, Nkulunkulu busisa iNdlovukazi, ithumelele ukunqoba, kube nokujabula nenkazimulo, usibuse kuze kube kade, Nkulunkulu busisa iNdlovukazi'. Sasilicula kuze kube sengathi wonke lawa magama akuleli culo aliqiniso, siyafisa, ngaphandle kwawo ngeke sibe lutho. Sasitshelwa futhi sinethemba lokuthi iNdlovukazi iyasithanda, inoxolo, inobulungiswa, bonke abenza okubi bangacetshwa kuyo. Leli culaculwa kusukela umbuso waze wathathwa ngamaBhunu ngowe-1948. Kwase kuqala uDie Stem van Suid Afrika kuya kowe-1994, kuyilonwa elisemthethweni. Kanti ababeqalele ukufaka umbuso wobukoloni kwakuyiNetherlands eyayinomdlwembe

uJan van Riebeeck owayekade enze  
ukungathembeki kwelakubo wazothi  
futhalala eKapa, wahlukumeza  
amaHiligwa naBathwa.  
ElamaBhunu-ke lalinalawa magama:  
*Die Stem* (*Izwi laseNingizimu Afrika*). “*Ui die blou van onse hemel, (ebuluhlazeni besibhakabhaka) uit die diepte van onse see (kutotololo lolwandle lwethu)* *Let us live*

*land – (Kasihlale sizabalazela inkululeko eNingizimu Afrika izwe lethu). Kangisho lutho, ngithi nje inyanga yamafagugu esizwe isinika ithuba lokuhla ziya konke lokhu. Okokugcina mayelana nehubo lesizwe, ukuxuba amabinza aphuma kuNkosi Sikele' i-Afrika nalawo magama aqanjwa ngu-Enock Sontonga eqgashulwa wuggozo lobu-Afrika. Iqiniso ukuthi izinhlamvu ezazihutshwa ngumAfrika zaziphelekezela ukufutha kwezinymbezi ngokwehlukile kwalezo ezifutha kulowo owaqamba uDie Stem, elaqanjwa nguCJ Langehoven nesake saculiswa wona ngenkani ngabaholi abasebelwa nabakhululi bezwe labo kodwa izingane zabo ezazikuyo ingabadi yazo, ziphelekezele, ngokucula, abaphangi bezwe bethi bayolizabalazela izwe lethu iNingizimu Afrika. Mhlawumbe iculo lesizwe liyobuye lizimele libe wubu-*

Afrika lingakhuthazeleli ukuthi kufakwe amagama nesiqqi okungesona esethu esiphokophelele ukuhlanganisa ezinye zezinhlanga ezingazange zona zizifake izinhlamvu zikaNkosi Sikelel' i-Afrika zisasisibusu.

Kuthi lapho sesizibuka silingisa uthekwane, sizisole ngalokho esisuke sesiphambuke kumafagugutu ethu ngakho

mhma kwembulwa itshe leSilo uShaka  
kwaDukuza ngowe-1954. Noma  
siyakhulum sikhulumela uMntwana  
uMG Buthelezi noMntwana omkhulu  
omzalayo uMagogo, ababonisana  
ukuthi kufanele kucelwe iSilo  
sakwaKhethomthandayo uBhekuzulu  
ukuba abekwe kwaDukuza, itshe edlinzeni  
likakhokho wakhe uShaka kaSishayeki,  
iLembe eleqa amanye amalembe.  
Kumhla uMntwana wakwaPhindangene  
ebekwa yiSilo sakwaKhetha ukuba abe  
nguNDunankulu waso ngoba nguyena  
owacelwa ukuba ameme abaNtwana  
baseNdulkulu ababikele. Nguyena  
futhi owoathweswa umsebenzi wokuhlela  
zonke izinto, wamema isizwe sonke, waze  
wasilungiselela imvupulo yaso vangalo

wasilungiselela imvunulo yaso yangalolo lusuk.

Ezinye izizwe kazivamisile ukuneseka noma ukunenamela uma nigubha amafagugu enu ikakhulukazi uma kade enibukela phansi noma efunde imibhalo eminingi enijivazayo. Kayikhulunywa uma kade enigqilazile. Abanye bebandla laseSheshi, kukho konke ukuhlonipheka kwalo ikakhulukazi ngenxa kaSobaba uJohn William Colenso, bamsola uSobaba u-AH Zulu ngokuhola abefundisi abavula



# Kubhoke inkemane yesicoco sePSL KwaZulu-Natal

**Sekwedlule amasizini angamashumi amabili nantathu isicoco seligi singanukwa kulesi sifundazwe kwagcina ngeRangers**



■ UNEKU

Nakuba kuthokozisa ukuthi kalikho iqembo laKwaZulu-Natal eligawulwe yizembe ku-Absa Premiership kule sizini esanda kusongwa kodwa kunjalo kubuhlungu ukuthi kwadlala kuGladAfrica Championship likhona elihambile.

Ngemuva kweminyaka iRoyal Eagles kaShu Mpisane yehlele ehlathini elimnyama iKZN ABC Motsepe League ngokusonga iligi ivale ngamaphuzu angama-23. Iphelezelwe iMbombela United ehanjiswe ukulahlwa icala ngenxa yokudalisa umdlali obengasayiniswa ngokusemthethweni.

Ukwehla kweqembu laKwaZulu-Natal elidlala kuGladAfrica Championship kwagcina ngeDurban Stars kaPhindani Kunene ngowezi-2009. Ukuhamba kwe-Eagles kusho ukuthi lesi sifundazwe sesisele neReal Kings, Uthongathi FC neRichards Bay. Esinye isifundazwe esinamaqembu amaningi kule ligi iGauteng eneJomo Cosmos, iPretoria University neJDR Stars. IGauteng iphindie yenzo isiqiniseko sokuthi ayanda amaqembu ayo kuPremiership njengoba kuyuke iSwallows FC.

UTHongathi FC oluteketiswa ngeCane Cutters lubophoxe kakhulu abalandeli basesifundazweni iKwaZulu-Natal njengoba maphathini nesizini bekubukeka kuyilo oluzonyukela kuligi enkulu kuleli njengoba belulokhu lughwakele phezulu kubuya imidlalo emva kokuma ngenxa yokhuvethi izinto zilbihedele leli qembu laze laqeda endaweni yesi-6 kulogu. Ngokunyuka kweSwallows, iGauteng isinamaqembu amahlanu. Isitifiketi seBidvest Wits sokudlala kulesi sigaba sithengwe iTshakhuma Tsha Madzhivhila yaseLimpopo bese eseHighlands Park sathathwa iTS Galaxy yaseMpumalanga. AmaRockets (iTS Galaxy) abedlala kuGladAfrica Championship. iKwaZulu-Natal inamaqembu amathathu kuhphela okuyiMaritzburg United, iLamontville Golden Arrows na-Amazulu FC aphunyuke ngembobo yenality ezembeni. Ngesizini yezi-2019/20 kuhambé iPolokwane City yaseLimpopo. Kweyezi-2019/20 sekubhekwe



Iqembo iManning Rangers ngesikhathi linqoba indebe yeligi Isithombe: KickOff

imidlalo ye-ABC Motsepe League. Le midlalo kulesi sifundazwe izoqedelwa kusukela ngoLwesithathu kuya ekupheleni kukaMfumfu. Wonke amaqembu abemisiwe ngenxa yokhuvethi. Iqembo ngalinele lisalelwu imidlalo eyisi-6. Imidlalo kazwelonek yokuhulgela ukunyukela kuGladAfrica Championship izoqala mhla ziyisi-9 kuya zili-15 kuLwezi, eGauteng.

KwaZulu-Natal amaqembu asembangweni wokuya kweyokuhlunga UMvoti United ngamaphuzu angama-60. Kweyesibili kuhkoma iSummerfield Dynamos ngangama-57 bese kuba iKwadabeka Sporting kweyesithathu ngangama-54. UMvoti neSummerfield

sebake bayo kweyokuhlunga. UMvoti oqeleshwa uDoctor Mkhonza bewuye eminyakeni emibili eyedlule. iSummerfiled ecija uRonnie Gabriel igcine ngeyezi-2018/19.

Ngesizini edlule kweyokuhlunga konyuke iJDR neSteenberg United yaseWestern Cape. Ukunyukela kuGladAfrica Championship kweqembu laKwaZulu-Natal kwagcina ngo-Uthongathi ngeyezi-2016/2017 oyalandela iReal Kings eyayinyuke ngesizi yangowezi-2015/16.

Amaqembu aKwaZulu-Natal aseke anyukela kuPremiership esuka kuGladAfrica Championship AmaZulu FC ngesizini yangowezi-2000/01 nangesizini

yangowezi-2002/03, iLamontville Golden Arrows ngesizini yangowezi-2014/15. Kugcine ukunyuka iThanda Royal Zulu ngesizini yangowezi-2017/18 neyagcina idayiseli isitifiketi sayo AmaZulu FC.

Kumagembu aKwaZulu-Natal agijima kulgili enkulu alkho iqembo elingakaze lidliwe izembe, iMaritzburg United kwaba ingesizini yangowezi-2006/07, iLamontville Golden Arrows yagcina ukugengcwia izembe ngesizini yangowezi-2013/14, ngesizini yangowezi-2014/15 kwaba AmaZulu FC.

Iqembo okuyilo elagcina ukujabulisa abalandeli baKwaZulu-Natal ngokunqoba isicoco seligi iManning Rangers ngesizini yangonyaka we-1996/97.

## UBHEDU

# Isahlukene imizwa kwaboHlanga ngeDA

### ■ Bancoma isibindi sabesifazane boHlanga kuDA

Ngiyabavuma bakhona phela laba abaphathisi bayaziyla angikhathali ungazama kangakanani ukubavimbela, onkunzi kaiylehli badela ngokubona. - nguChris Shabangu

Akubona ubumbuka ukungena kwaboHlanga emaqenjini abamhlophe, empeleli iyona-ke idemokhrasi leyo enikeza ilungelo lokuzikhethela yikhona okwakulwelwa lapha eNingizimu Afrika.

Okushivo lapha ngikuqapheli kakhulu ukuthi isibindi semboko do yakithi eximisela ukuhlaka iqegebana labelungu abasadelo ngoludala. Lezi zintokazi zakithi azihleli zisikhumbuza amaqhawekazi omzabalazo, umehluko zona ziwlula ekhaleni lawo zibambe umkhonto ngokudla kwawo, abesilisa baqoka ukuluthala kowda bona abagudluki kwabakholelwu kukho.

- nguMaqhawe Ngcobo Bonginkosi

Kuyiqiniso ukuthi banesibindi sengwenya labo mama kodwa ukuphuma kukaMaimane kubenze bahlala ngesinge esisodwa abamyama. Kanti nokwanda kwezihlalo zeFreedom Front Plus kucace bha okwekati elimhlophe ehlungwini ukuthi abamhlophe abebe kuDA buyelwe kuFFPlus yngakho sibona umhlopi omhlophe kuda manje. - nguMjeyi Dlamini

Banesibindi impela futhi bayakwazi ukuzikhulumela. Ngingasho ukuthi bakuncela nakuHelen Zille. Umama womlungu owakwazi ukubhekana ngqo ne-ANC, wakwazi ukugququla iqembo labamhlophe walenza elabo bonke abantu. - nguThami Duma

Iyona mbokodo yoqobo-ke laphaya



UNks uMbali Ntuli Isithombe: nguDarren Stewart

kuDemocratic Alliance. - nguSfiso Mshengu

### ■ Abasiboni isibindi kwabesifazane boHlanga kuDA

Akukho sibindi kulaba bantu. Bayihlazo esizweni saboHlanga ngoba bakhetra ukuthi bafulathele umzabalazo waboHlanga. Bamdibi munye nabelungu laba. Kungalkhu kunconywana nabantu abamdibi munye nabamhlophe futhi baphathiswe okwabo abacindezelu kodwya bayazi ukuthi bayizicashalala zabo. - nguNka Mabaso

Akukwazi ukuthi kunganconywa abantu abamdibi munye nezitha zethu zokuqala. Kuthiwa abasiwo amagwala. Ayikho into esile noma okuhle okwenziwa oMbalu noMazibuko. Bayizicashalala zabamhlophe.

Anoke nifunde uMalcom lapho ekhuluma ngamaHouse Negro namaField Negro. AmaHouse Negro yilaba abahlala nabacindezelu ematafulemi benze konke okwenziwa abacindezelu futhi nabo baphathiswe okwabo abacindezelu kodwya bayazi ukuthi bayizicashalala zabo. - nguNka Mabaso

Inkinga yethu thina aboHlanga silambile, lapho kuhlatshwe khona sihama ngokusa silinde amanqina. Mina noma kungathwa ngikhethi ukufa neDA ngingamane ngeye kwagoqanyawo. OwoHlanga omdibi munye nabacindezelu angimhloniphi. - nguMakgetha Ph

AboHlanga abakohlwwe ukuthi kuyoke kuphathe bone kule nhlangano. Sekufike kunhlosongqangi yabamhlophe ukwandisa amandla ngokusebenzisa aboHlanga ekukhuphulen iqembo labamhlophe. Lona ongenle nege esaphuma nongibusa ningiphale ulumu. - nguNhlanhla Shoba

IDA iyinhlangano yabamhlophe, saqina isibindi sowsifazane ungafunga uthi bayabuzana ngalowo oziqinisa isibindi ukuthi kanakhaya yini. ULindiwe Mazibuko wapehelaphi nokuqina kwesibindi sakhe? Uzokhumbula mhla kungena aboHlanga kuDA babhaca abamhlophe kuthe kunjalo abelungu bakhumbuzana bathi ngathi senikhohlwe ukuthi le nhlangano ngeyabamhlophe banyamalala oMazibuko kanye nabanye. Naye uMaNtuli usazonyamala nesibindi sakhe. - nguZonwabele Ndlelani

Yebo isibindi banaso kepha nemali nodumo abakuzingelayo nakho kuklama eyakho indima. - nguSibusiso Mfekazi

Banesibindi sokuba ngabadayisi bomzabalazo waboHlanga kondlebezikhanya ilanga. - nguBhekani Gumbi

Senincoma ubumbuka. Hheyi konakele emiqondweni yama-Afrika. - nguNhlanhla Ngidi

**Amafagugu esizwe: Kasikhumbuzane umlando sicabe imvomva**

### ■ LUSUKA EKHASINI - 11

itshe balibusisa. Bathi angalivula alibusise kanjani idlinza leNkosi eyayingakholwa, ingabhabhadise futhi eyabulala abantu abanangi ngaphandle kwsizathu.

Kuyintokozo kithi ukupophela ukuthi ngowe-1994 emva kokuba sewugujwe iminyaka engama-40 umkhosi kaShaka, kugugqzelwa amafagugu kaZulu, kwathi lapho iqembo i-IFP lethula ukuba kube nosuku lwamafagugu kwavunyelwana.

UMntwana wamemezela ukuthi koba kuhle uZulu avunule. Singasho ukuthi nabaningi aBantwana baseNdunkulu ngeleso sikhathi base bedla amasudi nezamakhosana apheshya. Abaningi babengakaze bawalinganise amabheshu. Babeyithandela kude imvunulo. Izikole namasonto babegcizele kakhulu ukuthi amabheshu nezidwaba kakushiywe phansi abantu babhabhadiswe, basonte, baye ezikoleni. Kukhona nakwamanye amadolobha lapho umuntu wayeboshwa norma asikazwe ngokuboshwa uma ebbince ibhesu edolobheni. Umuntu owayeshayela imoto wayengavunyelwe ukubhincia ibhesu ngoba kwakuthiwa uzophenyela omesisi izinque lapho eschlala esihlalweni semoto njengoba kungahlalwa phezu kwalo. Umuntu obhince ibhesu wayengawthulu umsebenzi. Izingane ezazinamagama esiZulu kuhela zazethiwa awesilungu. Ezweni lobabamkhulu, amafagugu abo kuthiwe kawashiywe phansi, izidlodle zabo zidliwe ngumvunya, siphophothwa ekhanda ngabangasoze basemukeni kolwabo usiko noma sebethanda kangakanani ukuzenzisa. Abanye babuye bakubona lokho bazibhincela.

Indaba yokuhukumeza amafagugu yaze yangena ngisho kwezombusazwe. Kukhona abantu ababulawelwa ukuthi bafake iziphandla noma bavunule. Noma siyakhulumu yibanda lakwaHlamba elalilokhu likhumbuze owoHlanga ukuthi waphumphu, noma uyakholwa ebandaleni lakhona, noma akakholwa, kodwa laliyincwadi evuliwe nonembeza wabomdabu ukuthi umthombo wabo wawulapha. Sisho ngokuvunula kwabo.

Baningi abanikele kakhulu kumafagugu ethu. Ngingathatha abathathu nje, uMntwana uMagogo Buthelezi ngogobhu namahubo akhe angewenkathini zonke. Kube nguDkt uGcina Mhlophe ngokuthandekisa izinganekwane, ukuziqambu nokuzetha, ukuthandekisa ubuciko bomlomo nokugqquqzelwa ubuhle obuzikile obuyivelakancane emasikweni ethu njengokungabi nanxa namantu kube nenhlanzeko emoneyi ngaso sonke isikhathi. Lokhu kudalwa ukuba namagugu afukamele wonke umuntu okungagunjwa nawo ngoba ubuntu kabuvumi. Usanda kuqhakambisa isidino sokufundiswa ngokwabwa kwezithebe nangempahla ephakelwa kuyo nezizathu zalokho - okunye kwakho okunezinkulungwane zeminyaka kwaba khona. USolwazi uMazisi Kunene phezu kwemiqingo ayibhala ngeLembe ngobunkondlo nangobumbongi, wabhalo konke ngesiZulu kuqala kade kuhunyushelwe kwezinye izilimi. Ungowokuqala engimazayo osaqambe izisiza nezaga wazishicilela, kanti esinazo ngaphambhi kwalokho beziwumsebenzi wesizwe eqongeleleke iminyaka eminingi.

Kuningi okufanele sikhumbuzane ngakho nalesi sikhathi. Izibonelo eziyingcosana. Kusemqoka kakhulu ukuthi sazi ukuthi uZulu akakaze ayenze into ukuthiwa ukukhona idlozi. Manje le nkulumo ikhona ngisho emabukwini abhalwe ngamaZulu nabefundisi bayashumayela ngayo bayibhale naseintshumayeleni bekuhza ukuba kuyekwe ukukhona amadlozi. Bathi umkhuba wamaZulu. Kawekho amaZulu ake akhona idlozi. UZulu engimazayo othetha idlozi uma efisa ukulithetha. Lokhu kuphambanisa ulimi kuze kufikhe lapho sekungakholwa yinto okungeyona yishwa elimangalisayo. Ngeke ngifinyelele ekutheni kwakhona ukulithetha lokho wukwenzwe njani.

Okunye wukuthi ilobolo liyakhokhwa. Lokhu phela kuphenyela ukuba kugganyiswe amampunge athi ukulobola ukuthengisa umuntu. Okucishe kusondele ukuthi liyakhishwa norma izinkomo zelobolo ziylethwa. Okuyiko ngqo ukuthi kuyalotshwala, kuba yisenzhi hhayi ukunikeza umqondo wokuthi ilobolo zinkomo kuhela. Umqondo nomuzwa welobolo usukela umfana ehlebelwa ugogo, unina, umalume, ubabezala ukuthi usefisa kuyobikelwa uyise ukuthi usefisa ukuthethela unina umsizi. Ngakho nangesilungu ungasho ukuthi ukhokhe ilobolo ubothi "lobolad" ngoba kawukho lo mqundo ngesilungu, siyisigece kulokhu.

Kasigcine ngendaba yobumqo bomuntu wesifazane senze nje isibonelo esisodwa. Uma ingane kade igangile, izoshaywa kuthiwe, "Mbambeni", igijime ingene kwagogo, kayiphinde ithintwe norma nje ikuhlunyiswe ngaleylo ndaba ngisho ngabe belikhulu kangakananani icala layo. Uma umuntu ezoshisa imphepo noma ezokwenza okusemqoka mayelana nabangasekho, ulala kwagogo.

# UMLANDO WETHU

## Kuyaqala kuperende iSihlalo soMntwana uMpande



**NGUSHALO  
MBATHA**

■ UMLANDO WETHU

UDingane wathelwa ngamanzi ebona izinkomo zamaSwazi ezazincane, waqala ukuthandabuza ukuthembeka kukaNdlela ngoba amaSwazi ayengadumile ngokubanesibindi. Ngesingaye, ukuypophanga izinkomo kumaSwazi kwakungelelu kule nokuyowheba ngezinkomo. Waxakeka manje, uDingane ukuthi wayezobanikani "ozabakhe" abasha ngoba wayengenazo izinkomo ezaZibalekile. Unyamalala nje uDingane ukuyokhamisa eNgome, wayengashiyanga mutu eSihlalo noBukhos. Kwaphini futhi, amehlo athi njo kuMkabayi owabe esekhulile, kwamphinda lokho futhi waphoqeka ukuba abe libamba. Wasibuka lesi simo wadumala, ngokwakhe, kwabe kungukuqala kwesiphole sikaDingane. Wayeselelangana ngasene noDlela nabanye ababembele, bavumelana

ukuthi isikhathi sikaMpande sesifikile.

### **ISilo uMpande kaSenzangakhona Impilo kaMpande yayingenaziwombe kakhulu**

Esehlala eSigodlweni saseMqakavini ngaseLenge. Kwathi emuva kweikhathi wayohlala eSigodlweni saseMangweni, lapho aqhubele khona nokuziphile nje. Into ayeyikhonze kakhulu kwakungukudla, ukuzalisa isifazane sakhe esasingini kakhulu kanye nemicimi. Wayaye aye empini ngesinye isikhathi, waze waphumelela nokuzuza imiyezane ngesibidi sakhe esasingalindele.

Omnye wawuzuza ngempi yaseNeome. Ngaphandle kokuphila impilo yeze, uMpande wayezonda ubabekazi wakhe uMkabayi ngenhlizyo yakhe yonke ngeqhaza alibamba ekubulaweni kukaShaka. Okwamica tu wukuthi



uMkabayi wayengekho owake wambona ekhombisa imizwa yesimame, okwakuxaka nabanye abantu besifazane. Futhi wayecabanga ukuthi ukube wake wagana uMkabayi, sasiyomshuka isidwaba, kumenze athandeke kancanyane abe nozwelo futhi.

UShaka wayenozwelo kuMpande owayengenampilo, kanti babeyizithupha ziya ogwayini. Yingakho ukukhethoma kukaShaka kwamhlubula kakhulu impela. UShaka wayemthanda kangango wamupha umhlambi wezinkomo ezazyisimanga, wamakhela neSigodlo sakwaNodwengu oNdini. Kodwa akagcinanga lapho, kwathi esekhulelise uMdunkulu emibili, uNgqumbazi kaMbhode Zungu noMonase kaMntungwa Nxumalo wasebanika uMpande. UShaka wabe engenesiqiniseko sokuthi isinene sikaMpande sasisebenza kahle yini ngoba wayenokusilela

ngengqondo nangomzimba.

Wayenethambo eliqhoshile kowodwa wemilene, umzimba wakhe wabe ugewele umchoboka kubandakanyi nesine sakhe. Wayebuye alinyazwe ukubiza "umntwana wasemsizini" njengoba unina waya ocansin noyise iNkosi uSenzangakhona ngenkathi elungiselela uMkhosi Wokweshwama. Ngokwesiko lolu zalo lwalungabusi. UNgqumbazi walotsholwa negezinkomo zikaShaka wasezala uCetshwayo kanti uMonase yena akalotsholwanga, wazala uMbwayazwe. Emuva kweikhathi uMonase wasezala uMpande uMthonga, uBathonyile noMantantashya.

Kwakujwayelekile, ukuthi omakoti bangenwe emndenini, uma kuhkona owayengazala nomuowashona engakazalisi. Lesi senza sasibiza ukuvusa umuvi, esisenzenka nanamuhla. Umbuso kaZulu ayewufuna kangaka uMpande wawususezandleni. Okwasekusele ukuthi ahlakaniphele uDingane owayengekho abese elutha iqili elinguMkabayi. UMpande wayengakucabangi ukulidedela leli thuba kalula nje.

## Indlu kaShangase ephuma kwaMthethwa

**NGUBHEKISA  
V. MTHETHWA**

■ UMLANDO WEZIZWE

UNomasikisisi wazala uMangayeni (uMabhalo) ozala uMakhosonke (uQoloempisi). Waphinde uNomasikisisi wazala uMkhohliseni Petros. UMkhohliseni wazala uSikiza noWilson nabanye.

### **UNungwana kaShangase**

UNungwana wazala uMhadu, uMhadu wazala uMpisendlini (uMathambo). UMmathambo waphinde wazala uMandlenkosi oyinduna. UMhadu waphinde wazala uNgxunguza. Wazala uJuly ozala uDumisani. UNgxunguza waphinde wazala uZagiyana, uZagiyana wazala uDen noJabulani noZakhele nabanye. UMhadu waphinde wazala uSithunzi waphinde wazala uNdolo (uAlson).

UNDolo wazala uMbongeni noJabulani. USithunzi wabuye wazala uNdlongolo (u-Alpheone). UNdlongolo wazala uMangqekema. UMahdu waphinde wazala uMyumile, uMvumile wazala uGxawula. UGxawula wazala uMketsheni noSithembiso, uNungwana. Waphinde wazala uSovangoya (uMgxibiy) yena ozala uMagama. UMagama wazala uMkhontenxeba. UVangeli noShanela bazalwa nguMkhontenxeba. Waphinda wazala uNungwana wazala uSomhlaba. USomhlaba wazala uJoyful, uSayimoni, uMpapa noSamy. USomhlaba waphinde wazala uBhekithemba. USayimoni waphinde wazala uSikoshi.

### **Kwabangameva (uNungwana)**

Kuzalwa uSothenjiwe, ulanya uBhelebana. UBhelebana uzala uMololo (uSiponono). UBhelebana ubuye azale obisana. Omnye uzalwa eMayishiye myekeni (uJimson), uJimson uzala uQhingalendoda.

### **EMfayishiye (uNungwana)**

UNDangu (uMcijo) uzala uMdondo. UMdondo uzala uJabulane owakhe Obisana. Omnye uzalwa eMayishiye myekeni (uJimson), uJimson uzala uQhingalendoda. Yena uzala uNtshela (unguMfundisi waseLuthela oHlange). UThunguvalo ulanya nguNgondwana. KwaNdwandwe nalo muzi kaNungwana inkosana yayo uMathewu (uMaphelane). Uzala uMelika (uSamwel) owemuka nomfula iMfolozi. Ulanaya uNdwandwe (uVukayibambe). UVukayibambe uzalwa uMandlenkosi ozala uMkhonzeni (u-Esw) owake waba yiMeya yaseNseleni nakwaMbonambi. UVukayibambe ulanya u-Anton, U-Anton uzala uNqokonqoko (u-Amon). Isigcino Ndwandwe uThithosi.



### **EMtimona (uNungwana)**

Umuzi kwaKhunkula kaNungwana. uNsindiso (uNsinde) uzala laba: UJosaya, uMkhovu, uDenge (uLeonard), uMshungu, uJerusalem. Ezindabeni nawo lona umuzi kaNungwana owakhiwe uWilliam noSupharose owasebenza eKuphakameni.

UNtshiphi iNkosana kaShangase (eNcutshini) Umuzi wathathwa nguSonkophe. USonkophe wazala uSiyezane, uSiyezane wazala uMzwangedwa. Wazala uGeleja. Nazi izibong zikaGeleja: "UGeleta gubb' amanzi, Umfana ogubb' amanzi njengengcuba, Ji Japhane abafana baseMfenzi Umnyuzi khahlela negele ujikwhele imeli ingafuni, neede kawudidu zidubul, msizi osh' ungashi, sikhuni jojo ilanga nabothayo liyabahabula, izolo bekuzyizolo, namuha kunamuhla."

UGeleja wazala u-Aaron noBheki. Waphinde wazala uMduduzeni. UMduduzeni wazala uNtokozo. Waphinde uGeleja wazala uMdicieni. UMdiceni wazala uNhlanhla.

USiyezane kaSonkophe wazala uMabhuu wazala uTwo Boy. UMceleni wazala uKhalisani. Waphinde uMabhuu wazala uOzias (uNkeshane).

U-Mceleni wazala uMkhabangwane. UMhabangwane wazala uSifiso. U-Ozias waphinde wazala uMjeyi.

USiyezane waphinde wazala uMsayea uSikhetha noMbukeni. UMbukeni wazala uQhweli. UQhweli wazala uMfaniseni ohlala eGezinsila. USiyezane wabuye wazala uNkomo eNgodla. UNkomo wazala uMzwanywa, (uKhololo umakat' adla nothi).

## Umlando wesizwe sakwaNtshangase eMgazini



**USOLWAZI  
UJABULANI  
MAPHALALA**

■ UMLANDO  
WAMAKHOSI

Ndaba  
Ntshwankeni  
Sidinane/Ntpho  
Mamba  
Masiphula  
Zikode  
Mabhoko  
Ngoza

INGonyama uNdaba kaPhunga yazala uNtshwankeni endlini yaseMgazini. Yena wazala uSidanane/Ntpho owazsla laba uHlathi okungunya noNdlela kaSompisi Ntuli abayibamba okhalwemi lakwaNomvemve ngaseNtumeni kubhekweni namaPhela, amabutho kaZwide. Impi yathelana eZibukweni laseMlhathuze lapho okwagwazana khona emanzinji aphenduka igazi. Kodwa nguye uHlathi noNdlela abawela uMlhathuze kuqala bedudula isitha njengokwethembisa kwabo kuxoxwa impi eSilweni uShaka kwaBulawayo, eNdlayangubo, lapho bathi bona bobabili bayoyidudula impi kaZwide bayinqobe bangame bangabui.

Nokho kwathi uma beba ngabokuqala ukuwela uMlhathuze amaPhela abagwaza basala bequelele. Ekubuyeni kwempi kwaBulawayo iNgonyama uShaka yabuza ukuthi baphi oNdlela noHlathi? Kwachazwa ukuthi babelwe

ngobughaw bagwazwa basala enkundleni beyimindonda. INgonyama uShaka yathi akuyiwe lapho babelele khona kwashivo izibongo zaMkhosi akwaZulu okwakuyindela yokuthetha nawo ngalawo maqhawo angolHlathi Ntshangase noNdlela Ntuli. Lathi ilanga seliyoshona bavuka qingo, imizimba ingabonakali ngamanxebe emikhonto. Benzelwa imhlathelo, bahlanziswa, bachtawha baboshwa amanxebe bagcina bephilie. Babesutheveni iNtontela bobabili. Leli kwakulibutho leSilo uSenzangakhona. Ngakho-ke babebadala kuneNgonyama uShaka.

UNtopho waphinde wazala uMabhoko. Yena wazala uMasiphula, owazala indlalifa yakhe uZikode owasala enkundleni kuliwa nabahlaseli bamaNgisi eSandlwane mhla zingama-22 kuMasingana we-1879. Kwaba nguMabhoko owengamela umuvi waseMgazini kaMasiphula eDlomodlomo lapho ithuna likaMasiphula likhona.

UMabhoko njengaye uyise uMasiphula wayekhonile eNdunkulu kaZulu yize wayesekhala engxeniyi eyase iqolwe yenziva amapulazi amaBhunu kusukela ngesivumelwano samhla zingama-22 kuMfumfu we-1886 phakathi kwaMgazini namaBhunu okwalandela ukuqolwa kwalo lonke elakwaZulu entshonala lenziwa into okwakuthiwa yiNew Republic yamaBhunu ngowe-1887. Lesi senzo sasiphambene kakhulu nomthetho wezwe lakwaZulu owawuthi izwe alihleshulwa



lenziwe amapulazi kodwa umuntu unikezwa isiza sokwakha nje kuphela.

Ngakho-ke ngisho izivumelwano ezaziveza kuthiwa zisayinwe yiZingonyama zazingasho lutho ngoba nazo zazivinjewla yilovo mthetho ukuklanywa izwe lakwaZulu. Izwe lalingelikaZulu wonkana izingonyama zingabakhuseli bezwe. Leyo ndawo eyaqolwa yayivunde kunazo zonke izindawo zezez laukwaZulu enyakatho yoThukela noMzinyathi. Kwathi ngowe-1888 amaBhunu afaka iNew Republic ngaphansi kweTransvaal Republic eyayinikeze inkululeko yi-England ngesivumelwano okwakuthiwa yiSnad Rier Convention 1852. AmaBhunu ala ukhusha eqeda bonke uBukhos bamaZulu ethi abantu kudingeka basebenze wona emapulazi lapho babekade bebusa njengaMkhosi.

UMabhoko nguyena owakhipha abantu abangama-400 ukuyokwemukela

iSilo uDinuzulu ekubuyeni kwaso ekudingisweni eSt Helena ngowe-1898. Kanti ngoMasingana we-1906 wagcagelwa nguMntwana uSimiso kaCetshwayo, ISilo uDinuzulu yisona nengxenye yamaZulu esasuka oSuthu sihimbise uMntwana uSimiso eMgazini eyogana uMabhoko kaMasiphula Ntshangase. Ngemuva kokushona kukaMabhoko yindodana yakhe uNgoza eyaba yiNkosi eMgazaini.

UMasiphula kaMamba kaSididane/ Ntpho kaNtshangase wakwaNdabesitha

Esinye sezikhulu zakwaZulu kusukela ngesikhathi seNgonyama uDingane kwakunguMasiphula kaMamba Ntshangase. YiNgonyama uDingane eyanika uMasiphula isizwe saseMgazini kwaNtshangase ukuba asihole. Lesi siziwe sasinabe saze safinyelela lapho sekuseStanderton nase-Ermelo. Enye ingxenye yayiphakathi eSwazini kwazise umgcele phakathi kwezwe laseSwazini nelakwaZulu wawungakadwetswa. Lokho kwenza ngemuva kowe-1894 izwe laseSwazini lenziwa iBritish Protectorate. Ngaphambi kwalokho zonke izindawo osekuthi yiPiet Retief zazakhe abantu bakwaZulu.

Kugcine sezimbili izizwe zakwaNtshangase eMdlangetsha. Ziholwa ngaMkhosi oLandokwakhe David noNgubane Elphas Ntshangase. Ukuthi kuthiwe kuseMgazini akuqondakali noma kwasuselwa emzini omkhulu kaZwide iNkosi yakwaNdwandwe igama lawo okwakuseMgazini. Wayengoyona indlalifa kaMamba uMasiphula. Indlalifa kwakunguSishalzu. Ngenxa yokuthi wayekhonjwe yiNgonyama uDingane akuzange kusaba bikho mpikiswano ngalokho. Kwemukeleka ukuthi iNgonyama uDingane yabe isiqoke uMasiphula.

■ Lo mlando ucashunwe encwadini: IZIZWE ZaMAKHOSI AkWAZULU, Umqulu 3. Ukkuthola le ncwadi enothe ngomlando wezizwe ungabhalalela uSofwazi uMaphalala kule email: maphalala04@gmail.com; noma ushayele kulezi zinomboko: 082 730 5782 noma ku-083 548 1918.

## INkosi uShaka iphikelela eMkhindini kwesikabhadakazi



**NGUMNTWANA  
UBHEKIZIZWE  
ZEBLON ZULU**

■ UMONGO KAZULU

Kwala noma iSilo sesiyiduduza, kepha lesi silonda sakhomba ukuthi kulkunhu ukuwa siphole kumuntu omdala. ISilo savalelisa kunina ngamazwi okuthi angakhathazeki. Umkhuleko weNdlovukazi uNandi waphenduleka ngokushesha. Kwathi ababeki bezintombi zoMndlunkulu baseMthandeni bathole ukuthi uMbzukazi Cele akayanga esikhathini baphuthuma benovalo, bayobikela iNdlovukazi. INdlovukazi yaba nokuvala okukhulu kokuthi uMbzukazi noma kwakungenza iphutha lini, kepha wayethembekile kakhulu kumtanayano uShaka. Manje-ke ubunzima iNdlovukazi eyayihenkene nabo, kwakuyikuba ingalubika kanjani loli daba ngendlela kumtanayano uShaka ayoluzwa alwemukele, angambulali uMbzukazi. Kuthiwa ngaleso sikhathi iSilo uShaka sasibonakala siwuqapele kakhulu uMndlunkuu wesigodlo sayo, silimisa ngembaba elokuthi esiyoke simthole nje ekhulelwu kasiyikungabaza ukumbulala.

Le nkulomo yeSilo uShaka yayingambeki ngaphandle uMbzukazi, kepha isibindi sakhe sabambele kulinazala iNdlovukazi uNandi, eyayilokhu ikhala njalo, ithi umntanayano akanayo ingane, ikakhulu eyomfana. INdlovukazi kwathi uma izwa umbiko wokuthi uMbzukazi useyazisola yenza konke okusemandleni okuba afihleke kuleso simo ayesekuso. Yamthatha yomfihla kundodakazi wayo uMntwana



bonke sisuka eSigodlweni KwaDukuza siphikelele eSigodlweni seNdlovukazi eMkhindini sifuna ukuzibambela sona mathupha kula mahlebezi esise siwezwile. INdlovukazi uNandi kuthiwe kayikaze ibe nentokozu nejabulo efana naleya empilweni yayo. Yayimthanda umzukulu wayo ngendlela emangalisayi, engaconsi phansi. Kwakuyisibhaxa sensiswa. Emuhle esabeka. Eyisibuko kuyo, esasimykhumba umntanayano uShaka ekuzalweni kwakhe. Enesithombo kuhle kukayise. Esho ngesihloni sezinwele entanyeni yakhe. Kwakuthi uma ekhosa, abonakale ekwenza lokho ngomfutho namandla kuhle kukaMlilwana weNdlovukazi.

Unina wengane uMbzukazi wayengakhombisi izimpawu zokuyithanda ingane yakhe ngokwedulele njengoba kwakwenza ugogo wayo. Nakhu phela wayegwema ukuthi uma kwenzeka ibanuja iSilo ukuthi ngeyakhe, yaiyizobulawa kanya n



BAYEDE 25/09/2020

Amathongo  
anendlela  
yokuzibonakalisa  
kwabaphilayo

Amanqina  
enkomo  
nesitambu



## Amaciko athunge i-Afrika kokuningi

### nguMfo wakwaNomajalimane

#### ■ AMACIKO

Yize isikhathi esiningi nxu kukhulunywa ngezwekazi i-Afrika kukhulunywa ngombangazwe kanjalo nangombusazwe. Iqiniso lithi kukhulu okungale nokwalikhulula leli lizwekazi engcindezelweni. Ubuciko obehlukene obubandakanya ukubala, ukucala, ukukhuluma kanye nokugya kwaqatha indima emqoka ekukhululeni ama-Afrika. Lokhu (ubuciko) kwaqinisekisa ukuthi ama-Afrika ayeindzelwe kawalangazeleli kuphela ukukhululekha ngokomzimba kepha ayaphikelela ekukhululeni nangokomqondo.

E-Afrika ubuciko bakhiqiza izigomagome ezifana noMagema Magwaza (Fuze), uSol Plaatjie, uJohn Langalibalele Dube, uH.I.E. Dlomo, uFratz Fanon, uJohn Mbiti, uOtto Nxumalo, uMafika Gwala, uNgungi wa Thiongo, uEskia Mphahlele, uMirriam Makeba, uLetta Mbulu, uJoseph Shabalala, uKing Edward Masinga, uMzwakhe Mbali, uZakes Mda, uMbongeni Ngema, uFela Kuti nabanye abanangi abayibeka induku ebandla. Yibo ubuciko obaqgugquzela abaholi abafana noSteve Biko ukuba baphume qekelele, bathi: 'Sibamnyama futhi sibahle!'

Ngezikhathi zombangazwe amaciko asebenzisa amakhono awo ukudulula abacindezelvi. Imidlalo yeshashalazi efana no-Asinamali owayudlalwa ngabantu abafana noMbongeni Ngema, uThami Boy Ngema noBheki Mqadi kanye nothi 'Sizwe Banzi is Dead' owayudlalwa nguWinston Ntshona kanye noJohn Kani yalekelela ekufundiseni abacindezelwa ngohlobo lukaHulumeni wangaleso sikhathi. Izinkondlo ezifana nekaNgoapele Madingoane (Africa my Beginning), ekaMzwakhe Mbali (Change is Pain) zaba

yivuso kulabo ababe semzabalazweni. Njengabholi bamaqembu epolitiki amaciko ahluunyeza, aboshwa amany aze abulawa ngakho ukuba wubhaqa lwabacindezelwa ezikhathini ezinzima.





Nokho kungaba yiphutha ukubuka iqhaza lamaciko e-Afrika kuphela ngezikhathi zombangazwe ngoba kwamanye amazwo afana neKenya neNigeria amaciko afana noChinua Achebe (*Things Fall Apart*), uNgungi wa Thiongo (*An Arrow of God*) baqhubeka nokuba 'yizingqapheli' nabavikeli benkululeko besebenzisa amakhono abo. La maciko kawathanga ngoba izwe selikhululekha ngakho kumele angenzi lutho. Yikho amaciko afana noLetta Mbulu engananazanga ukuqamba ingoma ethi, 'Not Yet Uhuru' ngenxa yalokhu abe ekubona kwenzeka ukuthi yize sekukhona esikutholile ngasohlangothi lwopolitiki kepha kusekungini nxu kufika kwezomnotho.

Nanamuha amaciko ase-Afrika aseskhaleni lokuveza lokho okuyimizwa yeza kamuzu zaleli lizwekazi. Lokhu kubonakale kakhu lapho izingwazi iLadySmith Black Mambazo zihlangana nesihlabani saseMali uSalif Keita behlanganisa iculo lokubabaza imihlola ebyienzeke eNingizimu Afrika lapho bekunokuhlaselwa kwabokufika kuphangwe nempahlha yabo. Ingoma yabo ethi, 'United We Stand' itsuswe kakhulu njengenyi yemizamo yokुqedza ukulwa kanye nokudweba isithombe esiyiso ukuthi i-Afrika nama-Afrika kumele abumbane. Kwakunjalo nangesikhathi abaculi abafana noPapa Wemba, uJabu Khanyile noYoussou N'Dourbekhu ukulwa emazweni ase-Afrika ngenoni iWhy. Bakhalima oLucky Dube, uBrenda Fassie noChicco ngesabo isikhathi.

Abaculi abafana noThandiswa Mazwai, uSimphiwe Dana nabanye abanangi

basabhala futhi bacule izingoma eziletha umbubo nezimpendulo lapho sidukayo nokuwumsebenzi wamaciko, ukungagcini nje kuphela ngokunandisa kepha kube khona nalokho okuba yizifundo. Amaciko akwazile ukuhlanganisa izilimi namazwe elhukene e-Afrika.

Amany amaciko okungavamile ukukhulunywa ngawo kuleli lizwekazi ngamaciko angabasakazi. Selokhu kwathi nhlo umsakazo ugadula ibanga elide nelisemqoka ekuqwashiseni nasekufundiseni ngesimo sezwe. Nokho isigameko saseRwanda ngonyaka we-1994 sasifundisa ubungozi bokusebenzisa lobu buciko budeengi lapho umsakazo wasetshenziswa njengesikhathi sokudala udlame nokucwasana emphakathini. Lokhu kwaba yichashaza elibi kulokho okuningi okwenzwa umsakazo e-Afrika. Ngomsakazo ama-Afrika ayafunda ngezimo zansuku zonke, ubuchwepheshe, amasiko ehlukene kanye nomeculo ngezilimi ezahlukene. Kanjalo iRadio Freedom, eminyakeni yowe-1970 nowe-1980, ezweni iZambia yayingazibekile phansi igxile kakhulu ekwaziseni umphakathi e-Afrika ngomzabalazo oqutshwa ngaphandle kwaseNingizimu Afrika ecindezelwe. lokhu kwakuwukubambisana nokubumbana kwamazwe ase-Afrika elwa nokucindezelwa. Kumanje iVoice of Africa Radio (VOAR) isakazela i-Afrika yonke ilwa ngoba ibona ukwesweleka kwenggalasizinda emazweni amanangi e-Afrika. Lo msakazo wona uzinze eMozambique. Kule Afrika ethuthukayo nenombono mkhulu umsebenzi osazokwenziva ngamaciko njengoba eghubeka nokuba yisibuko sezwe lapho lizibuka khona okuhle nokubi elikwenzayo. La maciko kawagcini ngokuba yisibuko kepha aphinde abe lubhaqa lokhukhanyisa ebunmyameni.



# Izibongo zikaShaka kaSenzangakhona

UDlungwana KaNdaba!  
UDlungwana woMbelele,  
Odlung'emanxulumeni,  
Kwaze kwas'amanxulum esibikelana.

UNodumehelezi kaMenzi,  
UShaka akashayeki kanjengamanzi,  
Ilemb'eleq' amany amalemb  
ngokukhalipha;  
UShaka ngiyesaba ukuthi nguShaka,  
UShaka kwakuyinkosi yase Mashobeni.

UNomakhwele ingonyama;  
UMahlole' lhathini onjengohlanya;  
Uhlany' olusemhlelwen' amadonda.  
UDabaz'ithafa ebeliya kuMfene;

UGaga libomvu nasekuphatheni.  
UBholokoza bazalukaniste  
Zalikaniswe uNoju noNgengenye;  
EyakwaNtombazi neyakwaNandi;  
Yayikhish' eshaba libomvu,

Ikhiswa elimhlophe lakwaNandi.  
Bambiz'eMthandeni beyisela,  
Bathi 'Singesinelane neNtungwa lasenhla',  
Kanti uxawud'uPhakathwayo  
empindelweni.

UDlungwana wavuma na?  
Umrumeleni uGodolozi,  
Ethi ngowanganeno kwaNandi,  
Kant'ukude kwaNtombazana ?

Kalokhu liphahl' eliseMthandeni.  
Amazwi mabili engiwabongayo,  
Ngibong' elikaMpandaba  
nelikaNdungenkomo,  
Bethi 'Ucu aluhlangan' entaben';  
Akenibuze kwabaseZinkondeni,

Bath uHilwayo bayakumhlab  
kwaHlokohloko,  
Kwaf amasi kweaf uephe.  
UTeku kwabafazi balaWaMbabi,  
Betekula behlez' emlovini,  
Beth' uShaka kakubusa kakuba nkosi,

Kanti unyakan' uShaka ezakunethenza.  
Inkom'ekhal' eMthonjaneni,  
Ixizwe zonke ziyizivel' ukulila,  
Ixwiwe uDunja waseluYengweni,  
Yewiwa uMangegeze wakwaKhali.

UMlilo wothathe kaMjokwane;  
UMlilo wothathe ubuhanguhangu,  
Oshis' izikhova exiseDiebe,  
Kwaya kwasha neziseMabendlana.  
Odabule kuNdima noMgovu,

AbaFaz' abenendeni baphuluza;  
Imikhulubo bayishiy' zingindi,  
Imbewu bayishiya semahlangeni,  
Ixalukazi zasala emanxiweni,  
Amaxhegu asala semizileni,

Izique zemithi zabheka phezulu,  
Odashule kubhunganphezulu,  
Wakhethelwa udwendwe lamaza,  
Wadluwa kuMcombo zigoduka.  
Ondela bazibiza kuDunjwa,

Kanti angabazibuza kuMbozane,  
Yen'aphang' kuya kuNomagaga,  
Lafik' iqhude lamvimbela.  
Ozulu lizayo khwezan'abantwana,  
Ngabadala bodwa abazozibalekela,

UDunjwa yedwa limkhandanisile.  
Oye wakh' amaxhib' oThukela,  
Lapho kucuslw' isilo ngomwowane,  
Weza noKhungwayo ngoNgobizembe.  
Ondande ngankalo wabuya ngonkalo,

Eya ngoBhoyiya kaMdakuda;  
UNDab' ubengababele kuya,  
Wayeland' uMacingwane waseNgonyameni.  
Ondande ngokhal' olude,  
Wadabul' emathanjeni abantabakaTayi,

Ebebegodola beya kuMacingwan'  
eNgonyameni.  
OZihlandlo kaGwabe noMephko kaNgwane,  
Ngibasolile abasokoco,  
Bamweze ngelisacons' amath,

Ebelasuk' ukuphel, uNtobe wakwaMajola;  
Bamwenze ngelezimvubu nezingwenya,  
Iximvubu nezingwenya zayikhix' imilomo.  
Okhangel' exansi naMadungela,  
Ixinkomo zabuya zikaSihayo,

Kwaye kwalandel' ezikaMofongosi,  
Ezazisengwa indiki lakwaMavela.  
ObesiXhokolo singamatsh' aseNkandla,  
Abephel' isindlov' uba liphendule,  
Aphephel' uPhungashe wakwaButhelezi,

Aphephel' uZihlandlo wakwaMkhize,  
Izindlovu zabuye zabilalekela.  
ULusiba-gojela ngalaphaya kweNkandla,  
Lugojela njalo ludl' amadoda.  
UBhiyoze uNomangci phezulu,

Eya kunqumel' umbango  
wakwaNyuswa;  
Kwakungabangwe lutho  
ngakwaNyuswa;  
Kwakubange' izinhlekkuva  
semanxiweni,  
Bathi 'Ntekenteke zilinden'  
amajuba',  
Wafika wababulala bobabili.

UMoshwi womuntu amoxshele  
futhi;  
Ngimthand' xosh' uZwide  
ozalwa uLangi,  
Emthabatha lapha  
liphuma khona,  
Emsinga lapha lishona  
khona;

UZwide wampheq'  
amahlonjan'omabili,  
Kuma  
kwedala



ekwethuk' omusha.  
USikwane-helele emizini yabantu;  
USikwane' ubenduna kwaDibandela.  
UBhincakade waze wafunyaniswa,  
Ovunel' ezimfundeni zamanzo,

Into zakhe zomuka namanzi.  
Mgensi phez'izitha kusehlobo,  
Uthani bude buzokugibanisa.  
Inyath' ejame ngomkhonto phansi  
kwoMzimvubu,  
AmaMpond' ayesaba nokuyehlela;

Nani boGambushe nani boFaku,  
Ningamhlabi,  
Nothi ningaMhlabi,  
Niyoba kanihlabi yena,  
Kwoba senihl' uPhunga nahlab' uMageba,

Kwoba senihl' uNgungungush' esiswini.  
UGasane kade lubagasel:  
Lwagasel' uPhungashe wakwaButhelezi,  
Lwagasel' uSondaba woMthanda ehlez'  
ebanda,  
Lwagasel' uMacingwan' eNgonyameni,

Lwagasel' uMangcengez' emaMbatheni,  
Lwagasel' uDladlama wakwaMajola,  
Lwagasel' uNbaza kaMbhokane,  
Lwagasel' uGambush' emaMpondweni,  
Lwagasel' uFaku emaMpondweni.

UDlondlwane luya luhlezi,  
Luya ludlondlobele,  
Lubek' isihlang, emadolweni.  
Oth' esadl' ezinye wadla' ezinye,  
Wath' esadl' ezinye wadla' ezinye;

Oth' esadl' ezinye wadla' ezinye,  
Wath' esadl' ezinye wadla' ezinye,  
Oth' esadl' ezinye wadla' ezinye;  
Oth' esadl' ezinye wadla' ezinye;

Wath' esadl' ezinye wadla' ezinye;  
Oth' esadl' ezinye wadla' ezinye;  
Wath' esadl' ezinye wadla' ezinye;  
UHlabahlungu bazoshumayezana,  
Nabasezitheni nabasekhaya.

UHlaza oluyinyongo yembusi.  
UVemvane lukaPhunga,  
Lumabal' azizinge sangath' abekiwe;  
UMzizim' ongamathunz' ezintaba,  
Khona kuhlwa kuham' abathakathi.

Ingqayinqayi kaPhunga noMageba,  
Engibeke ngaze ngayoyicayela.  
UMasengo mahle inkonyana yenkomo,  
Kwangizaba ukukhaba kwalenkomo,  
Yakhab' osengayo yadel' umbambi.

UHele engimbon' ukwehla  
kwezikauMangcengeza,  
Kwathi kwezikauPhungashe wanyamalala;  
Bathi 'Hele nangunang',  
Kant' uthul' emahlathini njengezingwe  
nezingyama.  
UShaka uye wakh' amaxhiba,

Phakathi kweNsuze noThukela,  
KwelikaNyanya wakwaManzawane;  
Wadl' uMantondo umntakaTayi,  
Wamuzw' ukuba duma wamkhufa'  
Wadl' uSihayo.

Ogcage' emagecekeni koPhuthile,  
Weza noMsikazi ngakeoNdimoshe.  
Wahlangana nodwendwe kwamkankane,  
Mhla eya kudl' amapondwo iziphukuphuku;  
UShaka ubengadl' imihlambi yankomo,

Ubedl' imihlambi yezyinamazane.  
UMagongobala!  
Ophekwe ngembiz' ende yakwaNtombazi,  
Waphewka wagongobala.  
Ohamb' ebasa eshiy' amakloba,

Ophehlwe weva wanjengomlilo;  
Kwakungasakhali nkomo kwaNtombazane,  
Inkomo yayisikhala kithi kweBulawayo.  
UMaswezisela wakithi kweBulawayo,  
Oswezel' uZwide ngamagganqua.

Izulu elimagwabagwaba likaMageba,  
Elidume phezulu kuNomangci,  
Ladum' emva kwomuzi eKuqhobekeni  
laqanda,  
Lazithath' izihlangu zaMaphela  
naMankayiya,  
Amabheqan' eZimpaka asal' ezinhlahleni;

Wadl' uNomahanjana ezalwa nguZwid'  
eMapheleni,  
Wadl' uMphepha ezalwa nguZwid'  
eMapheleni,  
Wadl' uNombengula ezalwa nguZwid'  
eMapheleni,  
Wadl' uDayingubo ezalwa nguZwid'  
eMapheleni,  
Wadl' uSonukwana ezalwa nguZwid'  
eMapheleni,

Wadl' uInkosikazi okaUbongo,  
Wadl' uMthimona ezalwa  
nguGaga eMapheleni,  
Wadl' uMpondo-phumela-  
kwezinde eMapheleni,  
Wadl' uDengezi-mashumi  
eMapheleni,  
Wadl' uSikloloba-singamabele  
kwabakaZwide,

Wadl' uSihih-mthini-munye  
kwabakwaZwide,  
Wadl' uNgewangube ezalwa  
Kwakungawakithi  
esephendul' isihlangu.  
Buya Mgegi phela  
induba usyenzile,  
UZwide umphendul'  
isigcwelegcweli.

Yibinda!

# IPHODIKHASTI YELABOHLANGA: Siyanda isibale

## nguSabelo Mbatha

Esikhathini esingaphansi kwenyanga  
ElaboHlangu lethule iPhodikasti ekhethekile  
sekube nesasa elikhulu labafundi abalalelayo.  
Ngaphandle nje kokulalela iPhodikasti  
njalo ngehoro lesithupha izinsuku  
eziyisikhombisa, elaboHlangu libambisane  
nemisakazo yemiphakathi iNanda FM kanye  
neNongoma FM. Echaza ngesasasa uSolwazi  
uHamilton Sipho Simelane oyichief  
Operations Officer yenhlango eshiclela  
elaboHlangu uth:

"Esikubonayo kwenza siziqhenye  
ngesinqumo sokuvula istudio kanye  
nokwethula umsakazo welaboHlangu.  
Esikhathini nje esingaphansi kwenyanga  
sesinabantu abanagi abalalela iziqephu  
zethu. Kanti okune sesikwazile ukwandida  
iziqephu eziungiselwe yona," kuchaza

abantu abehlukene njengoba siqale sabheka  
ngqo ipolitiki. Osukuthola manje sesikhona  
nesimomazwe kanye nezamabhzini.  
Lokhu sikhwenza ngenhoso ngoba okwethu  
wukufundisa aboHlangu ukuthi umdlalo lo  
wepolitiki nepolitiki yezomnetho udlalwa  
kanjani ukze kuthuthuke isizwe," kusho  
uSolwazi.

Yize engaphumelanga obala kepha  
uthembise ukuthi ngesonto elizayo  
kuzokwethulwa uhlelo olusha lokulalela  
noluzokwenza kubelula nakakhulu ukuthola  
iziqephu. "Ukwanda kwabantu abalalelayo  
kanye neziphakamiso zabanigenzenze  
ithimba lethu lezobuchwephese laqhamuka  
nezindlala ezintsha zokulalela nezizothulwa  
nje maduze. Inhlosa lapha wukwenza kub  
lula ngisho kumuntu osemasimini ukulalela  
iziqephu eziungiselwe yona," kuchaza

Okunye akuvezile uSolwazi wukuthi  
siyanda isibalo songoti kanjalo nabaholi  
abazozwakala kule Phodikasti.

"Khumbula njengaphendabda  
asibiki nango yini kephsi siwenga  
izindaba kanjalo nezihloko esigxila kuzo.  
Nalapha emsakazweni senze okufanayo.  
Abalaleli bazolalela ikhethelo lodwa.  
Lokhu sikhwenza ngenhoso yokuqinisekisa  
ukuthi isandla osithola uma ufunda  
iphephandaba siyefana naleso osithola  
uma ulalela".

Ebuwa ukuthi njengoba iningi  
lamaphodikasti embhabeni lingesNgisi  
kuyokwenzeka yini lo msakazo usakaze  
ngezinye izilimi ikhulukazi isiNgisi,  
uSolwazi uthe lingawa licoshwe zinkukhu.  
"SingabeNguni. Lokho ngeke

# Amathongo an yokuzibonakalisa kv

## uSolwazi uChristian Themba Msimang

### ■ IFAGUGU

Namuhla sizoche sibheke indlela labo  
asebesandule kokhokho abazibonakalisa  
ngayo kwabaphilayo. Sizokwenza lokho  
sibe sifundisa namagama okubizwa  
ngawo lezi zibonakaliso zabangasekho.

### Isithunzi

Omunye angabuza ukuthi umoya  
womufi ongakabuyiswa wona uyini?  
Yebo uyisithunzi. Kusukela ekufihlwani  
komfu kuze kubekweswini kwaKhe,  
singaphawula nje ukuthi kokunye  
ukukhipha ihlambo, ukukhuphula  
nokubuyisa umufi kuba mkhosimunye,  
kwehlukuniswe ngenkulumo kuphela  
lapho kubikuba umsebenzi. Umoya wakhe  
osemanzini uyavakashela ekhaya kepha  
kuthi ngenxa yokuthi usuke ungakabuyiswa  
ungaze wemekaleka kahle.

Abantu bayethuka, basesabe  
isithunzi somufi. Kokunye njalo naso  
siza ngesisishingili, sibeleke lapha ekhaya  
bagule kabi. Kuye kubizwe inyanga izovala  
zingangenzi izithunzi ekhaya. Kuqhamuke  
mvel' uvelayo abuze ukuthi, "Sibuyelani  
isithunzi somufi ekhaya na?" Zimbawala  
izimbangela. Kokunye umufi ufa ngokufa  
kozumo engalayelanga. Uba nentshisekelo  
ke yokuba azolayenza kwabomdeni wakhe,  
abuze ke kepha ehluleke ukungena  
ngemfanelo lokhu phela akakabuyiswa  
ngokwesiko. Kokunye usuke efe ngelumbo  
labathakathi ebebecuphe khona ukuba  
abuze azolanda abanye ekhaya njalonjalo.  
Kokunye kuba ngabakunkuli abafuna  
ukudida izithunyuwa.

Yilokho okwakwenza ukuba kuthi lapho  
isiguli sesidunguzela silindwe, isidumbu  
naso silindwe, kunjalo nje silindwe  
ngabegazi nabathembekile. Ithuna nalo  
lalilindwa futhi libiyelwe bese kubekwa  
elikhulu ihlalha lomphafa-umlalhankosi  
phela. Ngaphezu kwalokho abafelwe  
babedliswa amakhulalo baphalaziswe  
kuvikwa lona lolo lulaka lwezithunzi.

Kwenzile nemikhosi yokugeza  
nokunye. Isithunzi sasimlandela omunye  
wozalo kanti yingoba engageziwe. Uma  
ngokungazi noma ngokuphunduleka  
noma ngokuntula impahla omunye wozalo  
angagezwa, lowa ofile kwakusho  
ukuthi kakehlukani naye ngakho  
basavakashelana. Kepha ngenxa yokuthi  
omunye useyisithunzi, wayesuke ameleke  
lona ophilayo kokunye ashe abe zisihlasila  
njalonjalo.

### Amakhosi

Kuyenzeka ukuba idlozi elithile lomuntu  
owabe azi kakhulu amakhambi noma  
ukubhula libuye esefile lingene komunye  
phakathi kwekhaya lizosibenza ngayi.  
Ngeke lisabizwa-ke ngokuthi yidozi,  
sekothiwa amakhosi.

Kuteshenswisa ubuningi ngoba  
phela alilodwa linabalingani bala. Lowo  
owelaphayo noma obhulayo kazenzeli,  
wenza intando yamakhosi, empeleni  
umane uysandla nje sawo. Yiwona enza  
konke.

Nokho ngaphambi kokuba asebenze  
kuye, kumele ethwase, aphothulwe.  
Uma engabuthandi ubungoma noma  
ala ukwethwasa, uzogula into eyinqaba  
kokunye aphume umphefumulo.

Awaphikiswa amadlozi, angamakhosi-ke  
ngalokho.

### Ukuzibonakalisa kwedlozi

Inkolo yawobabamkhulu isitsheka ukuthi  
amathongo abe ezbibonakalisa kubantu  
bawo ngezindlela eziningi. Singaphinde  
siziqoqo futhi zibe izigatshana ezine;  
babezibonakalisa ngokuza siqu beyisimo

sezinyoka, babezibonakalisa emaphusheni,  
babe


# o sabalangazelele ingqikithi



USolwazi u-Otty Nxumalo

Isithombe: Igunundu Agency

# endlela wabaphilayo



Ummunzane usezongena esibayeni atethethe idlozi, abafana sebezobuyisa imizimbiu aphiwe ukudla umnumzane. Utshwala bona buhlala vele bukhona. Kufuneka kude kuxokozelwa ekhaya lapha, kwenenyewe.

Umsindi awufuneki neze hlezze bathukuthele abaphansi niyabona sekungena zona izishingili lezo.

Idlozi lesifazane nalo lalivakashela ekhaya, nibone ngenyokana ensunjwana umzingandlu, ilokhu iyizibuthu laphaya emabibini ezibi ngasekhaya. Kujatshulwe-ke ukuthi ugogo noma ukhokho uzobona abazukulu. Bengasezanga kanjalo abaphansi, babezibonakalisa emaphusheni. Lapho ophuphayo wayelibona idlozi lelo njengoba elazi, lembethe izingubo azejwayele, likhuluma naye njengoba

lalenza lisaphila.

Uma avela slashona uyothi ekulichazeni kwakhe iphupho, abalaziyo ithongo lelo ebelimvakasheli bamane basho bathi bekungubani lowo. Nakhona futhi ayezibonakalisa uma ezonikeza izeluleko ezithile.

Kungenjalo ezocela ukudla. Iphupho lalihlala obala, abadala, balichaze kalula futhi baligcine. Uma kuhkona abathakathi abaphendula idlozi, laliza ngesishingili bese kubizwa inyangi izokwenza umuthi wokuphalaza, ogeza namaphupo. Kokunye babemnka nomuthi wokuhlfanwa lowo ophupha kabi.

■ USolwazi uChristian Themba Msimang ungumbhali wencwadi Kusadliwa Ngoludala nezinye eziningi ezikhulumu ngomlando namagugu kaZulu.

sikushibhise noma sikuthengise nangoba yingayiphi imali. Okwethu wukuphakamisa ingewenga ewulimi lwethu, uMsakazo iBayede-ke iyinkundla yokwenza lokho nengeke siyinukubeze ngokuhamba sisheba.

"Ngicabanga ukuthi kule minyaka eyisi-6 sinephephandaba kuhkona ukuvumelana ukuthi ulimi lwethu lunamandla okubeka noma yiluphi udaba, nakunoma yimuphi umkhakha. Uma sivumelana ngalokho pho yini engenza sizehlise sikhulume isiNgisi ephephandaben leziZulu?", kuphetha uSolwazi uSimelane.

Phakathi kwezinye zeziqephu ezithakaselwe kakulu kube yilapho uSolwazi u-Otty Nxumalo nongumbhali wezincwadi nesazi ngamasiko aboHlanga echaza ngobumqoka bokushicilelala ngolimi.

# Iziko noS'bonga Zungu

@sbonga\_zungu



## Amanqina enkomo nesitambu

**A**manqina enkomo ukudla okuthandwa kakulu, hhayi kuphela eNingizimu Afrika kodwa nakwamany amazwe ezwenikazi i-Afrika yonkana, njengaseZimbabwe namanye. Okuhle ngale nyama ukuthi ingathokozelwa ngabesilisa nabesifazane ngokufanayo. Ziningi izindlela abantu abawathokozela ngayo amanqina enkomo. Abanye bathanda ukuwadla wodwa nje engapelezelwa yilutho, kanti abanyi

washeba nokudla okufana nophuthu, isitambu okanye ujeqe. Noma ngabe uydla kanjani le nyama, yehla esiphundu. Mina ngivame ukuwapheleza nesitambu esinganongiwe kakulu amanqina ami. Ziningi futhi izindlela zokupheka amanqina kodwa kthesanamuhi isiqephu sizocabela ngendlela engicabanga ukuthi ngelula kakulu yuwapheka kanjalo neyestambu sami esilula. Uma ungakaze uwapheka amanqina enkomo ngaphambilini, ngiyansusa ukuba uzame le ndlela,

ngiyakuthembisa, uzowathokozela ngenxa yokunambitheka okwewla esiphundu.

Njengokunye ukudla ngokwehlukahlukana kwakho, ziningi izindlela zokupheka isitambu. Indlela engipheka ngayo isitambu ilawulwa ukuthi sisuke sizodliwa nani. Uma sizodliwa nokudla okufana namanqina, ngithanda ukusipheka ngendlela elula kakulu nengadingi izithako eziningi.

Lokhu kungenza ngizizwe ukuthi ngipheka ukudla kwesintu.

### AMANQINA

#### Izithako

- Ikhilogrammu elilodwa nengxene (1,5kg) lamanqina enkomo
- Ithispuni elilodwa nengxene (1,5) kasawoti
- Amanzi anele ukubilisa
- U-anyanisi owodwa (1) oqotshiwe
- Izigaxa ezimbili (2)zikamatasi eziqotshiwe
- Ithispuni elilodwa (1) le Tomato Paste
- Ikota (1/4) yethispuni yeCurry Powder

#### Indlela kwenza

- Hlanza amanqina aze ahlanzeke ngokuphelele.
- Faka amanqina ebhodweni elikhulu ozohlanzela kulona.
- Thela amanzi anele ukwemboza amanqina ebhodweni.
- Faka usawoti bese uyawabilisa, lapho esebila wehlisimililo uwubwe phansi.
- Yeka imbiza eziko ibile cishe amahora amathathu, aze athambane (qaphela-ke kodwa angathambi ngokwedlulele aze acubeka. Akufuneki ukuthi inyama iphume emathjeni).
- Ngenxa yokuthi amanqina avame ukuba namafutha amaniningi, zama ukwengula ngokhezo. Qikelela-ke kodwa nokho ukuthi ungawenguli wonke ngoba azohamba nokunambitheka.
- Faka u-anyanisi, uCurry Powder, utamatisi kanye neTomato Paste bese uhlanganisa ngokhezo.



- Yeka ingxube ibile ebhodweni, kuze kuvuthwe utamatisi no-anyanisi.
- Yizwa usawoti bese uyawengeza uma ungaculisekile ngawo.
- Qaphela ukuthi amanzi angashi wonke ebhodweni. Uma esha, othi ukwengenza kancane.
- Susa isidikiselos, uqhubekile ubilise ngaphandle kwaso ukuze kuthi ukushuba.

- Uma ungaculisekile ngendlela umhluzi oshube ngakhona, hlanganisa ithispuni elilodwa likaflawa namanzi esitshemi esincane, bese uqulela emanqineni akho ukuze ushibuse umhluzi. Qhubeka ubilise cishe imizuzu emihlanu ngaphambi kokwephula ibhodwe eziko.
- Thokozela amanqina akho esashisa.

### ISITAMBU

#### Izithako

- Izinkomishi ezimbili (2) zesitambu
- Inkomishi eyodwa (1) kabhontshisi ondsu
- Iqhuza elilodwa leStock senkomo
- Amanzi anele ukubilisa

#### Indlela kwenza

- Khetha ubhontshisi kanye nesitambu uqinisekise ukuthi kusala okusesimwensi esihle nozodleka.
- Faka ubhontshisi nesitambu endishini ozohlanzela kuyona, bese uhlanza ngamanzi kuze kuphele umbala omhlophe emanzini lapho uwacwenga.
- Faka isitambu nobhontshisi osekuhanzakile ebhodweni elikhulu lokubilisa, bese ufaka amanzi anele. Qiniseka ukuthi isitambu nobhontshisi kuyembozeka ngamanzi.
- Beka ibhodwe eziko, ubilise cishe amahora amahlanu, size sivuthwe isitambu.



- Lapho esehla amanzi ebhodweni, faka iqhuza leStock elicutsiwe bese uhlanganisa ngokhezo ngokuphelele. Qhubeka ubilise.
- Lapho usugulisekile ngokuthamba

- Kwesitambu kanye nokushuba kwaso, sephule eziko.
- Phaka isitambu sakho namanqina enkomo uthokozele ukuzoyiza kwaso.


## Ubungozi bokuba yisizwe esingenasiko

Kuhkona ukuvumelana ekutheni isizwe sakhiwe ngamasiko athize amqoka. La masiko yiwo enza lesi siziwe sehluko. Uma siza noma sifunda ngoMthethosisekelo wezwe eNingizimu Afrika nowaphasiswa ngowe-1996 sithola ukuthi lo mqulu wenza singabi nalo isiko elilodwa njengesizwe. Alikho nje isiko ukuthiwa ngelaseNingizimu Afrika. Lokhu ngokusho kwababhalo bawo kuginisekisa ukuthi wonke amasiko ayahlonisha. Uma behkulumu abashaya umthetho bathi lo Mthethosisekelo engikhuluma ngawo uhamba phambili emhlabeni ngakho belu ngoba userna sibe yikanoma ngubani, lapho wonke umuntu engaqhamuka nathi kulisiko lakhe bese lapha indawo.

Esinweni esejwayelekile lokhu kuhle kepha kungakuhle sibuke nobungozi balokho lapho isizwe sigcina singasenayo into okungathiwa ngeyesizwe.

Uma nje singakhuluma ngaboHlanga okubu abaningi lapha eNingizimu Afrika lesi simo scisice silethe ubungozi. AboHlanga abakwazi ukuphila emzini ongenamthetho,

### UNGQONDOBUKHALI



#### Injula yobu-Afrika

asikhulumi-ke ngezwe elingenamthetho. KwaboHlanga umthetho yisiko okuyilo elioqqa nelakha amalungu eminden, umphakathi nesizwe. Leli siko lamukelwa yiwo wonke umuntu ngoba kulo kuhkona ubulungiswa kwazise inhlosu kusuke kuwukuvikela, ukukhulisa isizwe lesi.

Isiko leli lalakhela phezu kwamasiko eminden kubo lukhumi ukuba uma selifika esigabenii sesizwe kubelula ukuba lamukeleke. Isibonelo indlela esilondoloza ngayo abangasekho emhlabeni. Lokhu kwaziwa yiwo wonke umuntu, osekungehlu yindlela abenza ngayo lokho okwaziwayo. Ukuthi kwezinye izindawo umuntu ulondolozwa ekuseni inhlamu yelanga ingakaqhamuki kanti abanye basebenza ngehoro leshumi nambili emini bebade, lokhu kuba umehluko ongasuki esikweni lokuthi uma sesibalondoza abakwethu senza kanjani.

Oukufike kuqapheleke lapha eNingizimu Afrika wukuthi amasiko aboHlanga yiwo agcina eseqgibeka kwamukelwa awabanye.

Empeleni kunegama nje amasiko aboHlanga achithwa ngalo, kuthiwa aseyisidala ngakho kumele aguquke. Lokhu kwenye inkathi kusuke kushiwe ngabantu esingakaze sizwe nokuthi banesiko elingahlonisha, uma sibuka, sibuka nje imikhuba.

KwaboHlanga isiko lakkhewa emlandweni wesizwe alikhno nje eliane ligxunyekwe ngoba kwenzelwa umuntu oyedwa. Lo mlando uhlanganisa indlela yokuphila, ulimi, izifundo ezigamekweni ezenzeka. Phakathi kwemibuzo okumele iphendulwe uma isiko sekungelesizwe wukuthi lizowazuzisa yini amalungu alelo siziwe nokuhi ayasakha yini isizwe. Ngesizwe-ke akukhulunywa ngalelo sizukulwane okungenzeka ukuthi isiko leli liqhamuke ngesikhathi saso kephabukelwa izizukulwane. Kubya yisiko lamalungu isizwe esiphilyo naleso esingakazalwa. Isiko lidluliselwa kuzizukulwane.

Nginokwesaba bazukulu baMakhosi ukuthi thina ngaphansi kwalo Mthethosisekelo othi konke kuyefana siyodlulisa liphi isiko ezipukulwaneni ezipukulwaneni. Siyothi balakhele phezu kwani izwe esiyobanika lona? Siyothi khoma lokhu okuthi nguNingizimu Afrika kwabe kungukubwanibisibongo? Kumhlobu muni kuli siko lini?

# Isichithile isicelo somshushumbisi iNkantolo YoMthethosisekelo

**Isimanga esola**  
**uMehluleli**  
**ngokuchema emveni**  
**kokufaka isicelo**  
**sokubuyekezwa**  
**kwesinqumo**  
**esakhishwa iNkantolo**  
**Enkulu**

NgoLwesithathu zili-16 kuMandulo wezi-2020 iNkantolo YoMthethosisekelo ikhiphe isinquo esicelweni sokuphonsela inselelo isinquo nomyalelo weNkantolo Enkulu yaseFree State ecaleni elithinta ukudayiwa nokushushumbiswa kwegolide elingaphekiwe.

Ngowezi-2014 iNkantolo Enkulu yagweba abafake isicelo sokuphikisa isinquo sayo ngamacala ahlukene ahlanganisa ukwenza ibhizini ngokungekho emthethweni, ukweba nokuba negolide elingaphekiwe.

Ngalohu bagwetshwa iminyaka esukela kweli-10 kuya kweli-15 bebhadla ejele.

NgoNhlanja wezi-2002 iSouth African Police Service (SAPS) yasebeniza iNational Investigating Task Team ngenhlosa yokuhlonza abashushumbisa igolide neplathinamu ezindaweni ezithile. EKlerksdorp kwatholwa laba basolwa ukuthi bayathinteka ebugebengwi bokuhluza igolide balidayise lingaphekiwe.

Baboshwa babekwa amacala ali-133 ikakhulukazi ngokwephula iZigaba 2, 4, 5 nenesi-6 zePrevention of Organised Crime Act, iZigaba 143 nese-145 seMining Rights Act kanye neSigaba 4 sePrecious Metals Act. Kwaphinde kwengewza icala lokweba. Icalalabolangena Enkantolo Enkulu lapha abaliphika baqoma ukungazidaluli izizathu zabo zokuzivikela.

Leli cala lajhube kusukela ngowezi-2008 kuya kowezi-2014 lajala ukuthethwa ngoNhlangulana wezi-2012 lapha ngoMfumfu wezi-2014. Lokhu kwakudalwa ukulehleliswa kwalo izikhawu eziningi engenza yokuthi abasolwa babefuna ukuthola imali yokuqasha ummeli abazikhethole yena.

Kulandela lokhu kubambezeleka iNkantolo ngoNewaba wezi-2014 yakhipha umyalelo wokuthi icala lithathwa njengeselivaliwe. Isicelo sabolwa sokuphonsela isinquo seNkantolo sanqatshwa babe sebedlulela eNkantolo Yokwedululisa Kwamacala



**UMehluleli uNonkosi Mhlantla**

Isithombe: ngu-Elizabeth Sejake

nakhona bachithwa. Omunye wabasolwa uMnu uRamabele wafaka isicelo sokuba kubuyekezwa isinquo senkantolo ngaphansi kweSigaba 17(2) seSuperior Courts Act. Leso isicelo sachithwa mhlala zili-12 kuMandulo wezi-2016 ngesizathu sokuthi akukho okungenza ukuthi isicelo sabo siphumelele.

Babe sebedlulela eNkantolo YoMthethosisekelo beyofaka isicelo sokuthi bavunyelwe ukuphonsela inselelo isinquo seNkantolo Enkulu. Lolu daba lwanqunywa ngaphandle kokuthi lulalelw. Abafaka isicelo bathi ilungelo labo lokuthi kulalelw ukuqulwa kwecala labo elikuSigaba 35(3) soMthethosisekelo linyatheliwe ngezizathu zokuthi iNkantolo ayizange ibukale kahle ubufakazi, uMehluleli wayekhetra izinhlangothi njengoba engangange alihlehlise icala ukubanika ithuba lokungiselela ukuzivikela noma ukufuna imali ukuze bazithole abameli ababafunayo nokuthi imiphumela yeSigaba 342A ayichazwangwa kuboma.

Umbuzo obusemqoka kule Nkantolo ngothi ngabe ukwenyatshelwa kokulehlelisa kwecala ukuze abasolwa bathole imali yokuzitholela abameli

babafisayo kufana nokunyathela ilungelo labo lukuqulwa kwecala ngendlela engenzeleli? Nokuthi kukusiphi isigaba lapho iNkantolo ingasebeniza iSigaba 342A seCriminal Procedure Act ekulaleweni kwecala ngaphandle kokwenzelole ikakhulukazi kubasolwa abangenabo abameli?

UMehluleli uNonkosi Mhlantla ngokuvumelana noMehluleli Omkhulu uMogoeng, aBehluleli uFroneman, uJafta, uKhampepe, uMajiedt, uTshiqi noVictor unqume ukuthi lolu daba belufanele ukulalelewa eNkantolo YoMthethosisekelo njengoba kuvele izinto ezithinta uMthethosisekelo futhi kuhambelana nezobulungiswa ukuba abafake isicelo bavunyelwe ukuthi baphonsele inselelo isinquo seNkantolo Enkulu.

Mayelana nokweliukela kweNkantolo Enkulu ukulehlelisa icala ukuze abasolwa bahlanganise imali yabameli, iNkantolo YoMthethosisekelo ithe alkiko ilungelo lokulehlelisa kwecala eliqhubekayo isikhathi eside ukunika abasolwa ithuba lokuthola imali ukuze bakwazi ukuthola ummeli abamfunayo futhi lokhu akucatshangwa nakucatshangwa.

Odabeni lokuchema, umbuzo ngothi

ngabe umuntuocabanga kahle, enawo wonke amaqiniso, angathi uMehluleli angakhipha isinquo esichele ngoba elandela ubufakazi obethulwe ummeli? Kulokhu iNkantolo ithe uMehluleli ukhombisile ukuthi angakwazi ukubuka amaqiniso futhi awacubungule ngaphandle kokuchema.

iNkantolo YoMthethosisekelo iphindie yabhele ukuthi ngabe okuqukethwe kuSigaba 342A seCriminal Procedure Act kwachazwa kahle futhi kwalandelwa ikakhulukazi kubasolwa abangenabo abameli? Lesi Sigaba sinika inkantolo amandla okukhipha nomi imuphi umyalelo okuhlanganisa ukuvala ubufakazi bomangalelw, lapho yenze khona kanjalo, emveni kokuba uphenyo luthole ukuthi icala lingahlehliswa ngendlela engaweni umqondo. Ekuvalweni kwecala labasolwa, iNkantolo YoMthethosisekelo ithe kwakufanele ngenxa yokwenza kwabasolwa okwakungenamqondo. Iphinde yathola ukuthi iSigaba 342A nemiphumela yaso kwachazwa ngokuphele kubasolwa yabe isiyasichitha isicelo esifakiwe sokuphikisa isinquo seNkantolo Enkulu yaseFree State. -

nguSabelo Mbatha

**INkantolo Enkulu inqume ukuba iqembu i-ANC likhokhele inkampani izigidi**

INkantolo Enkulu iSouth Gauteng isiyalele iqembu elibusayo i-African National Congress (ANC) ukuba ikhokhele inkampani yezokumaketha eyayizela umsebenzi wokukhankasela ukhetho nyakenye izigidi ezi-R102 eyikweleta zona.

Le nkampani i-Ezulwini yenzela i-ANC izingqwembe (PVC banner) zokukhankasa yaphinde yazifaka eziyizi-30 000 njengengxene yeqinghasu le nhlangano lokunqoba ukhetho lukazwelonekwe Iwangowez-2019.

Yafaka izingqwembe ezixgobeni emigwaqenii esifundazweni iWestern Cape sekusele isonto ukuba kubebokhetho. UKhongolose kwakufanele ukhokhe izi-R2 900 ngokufaka uqwembe ngalunye nama-R70 okuzisusa emveni kokhetho.

Kodha emveni kokhetho uKhongolose wenqaba ukukhokhela le nkampani nakuba yabe seyenze imizamo eminingi ukuba ikhokhetho.

iSikhulu Esiphezulu sale nkampani yaKwaZulu-Natal, uMnu uRenash Ramdas, emaphenephi eNkantolo uvezu ukuthi izincwadi abazibhalela uNobhala jikelele we-ANC, uMnu u-Ace Magashule noMengami wayo uMnu uCyril Ramaphosa, aziphendulwanga.

Ngakolunye uhangolothi i-ANC ithe ayinawo umthwalo wokukhokhela le nkampani. Ithe isivumelwano le nkampani ekhuluma ngaso asinaso isibophele ngoba sasingagunyaziwe uMgcinimafa weqembu uMnu uPaul



**UMnu uFikile Mbalula**

Isithombe: nguVeli Nhlapo

Mashatile.

The abukho ubufakazi bokuthi uMgcinimafa wasigunyaza isivumelwano noma ubufakazi besiqiniseko sokuthenga.

Ithe: "URamdas wayazi noma kwakufanele ukuba wayazi ukuthi nguye kuphela onelungelo lokwenza isivumelwano."

Abameli be-Ezulwini bakwaSarlie & Ismail Inc, benze ngakho konke okusemandleni ukuvele ukuthi izikhulu uMnu uNhlanhla Mabaso (iMeneja yezezimali) noMnu uLebohang Nkhollise (obhekele ukuthengwa kwempahla) babegunyazwe i-ANC.

Amaphipha ale nkampani athulwe eNkantolo aveza ukuthi uMabaso noNkhollise bayavuma ukuthi bayithola imiyalezo evela kuRamdas kephayakuphaka ukuthi bayiphendula kodwa mhlala zingama-27 kuMbaswe wezi-2019 ngele-12 emini uNkhollise waphendula ngesithombe esiveza isithupha okucacisa ngokusobala ukuvuma izingqwembe eziyizi-20 000 Ramdas athi zasezingatholakala.

Uqhuba athi incwadi uMabaso noNkhollise abayinika uRamasdi ziysi-9 kuMbaswe wezi-2019 njengobufakazi bokuthi konke kuhamba kahle igcizelola okushivo i-Ezulwini ukuthi laba babegunyaziwe.

Yathunyelwa kuMashatile nguMnu uFikile Mbalula owayeyiNhloko Yohetho ku-ANC icela usizo ngokukhokhela wkeqembe eziyizi-30 000 ezaqidzengelwa umkhankaso wokhetho. Ivezu nokuthi kwakudingeka izigidi ezingama-R87, izi-R2 900 uqwembe ngalunye futhi le ncwadi yayihambisana neyokukhokhela komsebenzi evela ku-Ezulwini Investments.

UMehluleli uBhoola unqume ukuthi ubufakazi obuphambi kweNkantolo buqinisekisa ukuthi uMabaso noNkhollise babegunyaziwe ukuba bangene ezyivumelwani.

UKhongolose uba usuyalelwu ukuba ukhokhe imali engaphezu kwezigidi ezi-R102 nenzalo. -

## Inhlangano iSocio-Economic Rights Institute ithakasela isinquo seNkantolo Enkulu

Nakuba kuwumsebenzi wamaphoyisa ukuba agasele ezindaweni ezihlala abantu noma okusethenzelwa kuzo ukuyopequlula nokuthatha impahla uma kuhona ulwazi alufunayo kepho ekwenzeni kwalo lokhu kunemithetho egunyaziwe eNingizimu Afrika okumele amaphoyisa ayilande ukwenza lokhu.

Okokuqala kumele abe nencwadi egunyazwe yinkantolo okufanele ayivezelo lowo okusethwa indawo yakhe ngaphambi kokuba aqale umsebenzi.

Ngowezi-2020 iNkantolo Enkulu iSouth Gauteng inqume ukuthi akuhambisani noMthethosisekelo wezwe ukuba amaphoyisa apequlule futhi athathie impahla noma imiqingo emizini yabantu ngaphandle kwencwadi ekhishwe.

Lesi sinquo silandela izigameko eziningi ezivamise ukuba nodlame zokugasela ezindaweni okuhlala kuzo abantu ngokungemthetho edolobheli iGoli. Lezi zindawo kusukela ngoNhlangulana wezi-2017 noNdasa wezi-2018 bezinomasitende abangekho emthethweni abahalisa kuzo abantu bakhokhe imali encane.

ENkantolo amaphoyisa athe ezobuhnloli ziveze ukuthi izindawo iHillbrow, iBerea neJoubert Park eGoli zinezigmameko eziphezelu zamacula anodlame afaka phakathi ukubalala, ukubanjiwa kwenkuni kuhloniye, ukushaya ngenhlosa yokulimaza nokuphucwa kwabahamba ngezimota impahla.

Amaphoyisa athe lezi zigameko zandile ezindaweni eziseduze kwazi zakhiwo ezidilikayo okuhlala kuzo abantu ngaphandle kwemvume yabanizki bezakhiwo kanti kwezinye izikhathi

ziqhwaga abantu abakhokhisa ngokungemthetho abahlala kuzo.

Aphinde athi izigilamkhuba ezinodlame zisebenzisa lezi zakhiwo njengizindawo zokucasha.

Ukugasela kulezi zindawo kwensiwa amaphoyisa elekelewa awoMkhandlu iJohannesburg, izikhulu zoMnyango Wezasekhaya lapho kwatholwa abantu bokufika kuleli abahleli ngokungemthetho baboshwa.

Inhlangano elwela amalungelo okuhalisa kwabantu iSocio-Economic Rights Institute (SERI) emele

abantu abayizi-3 000 abahlala ezakhiwi ezili-11, iquoqebufakazi obuveza izigameko zokugasela kwamaphoyisa aphula iminyango, alimaza impahla kwathi abahlala bakhishewa ngaphandle

wabagilwa



ongowesifazzane osekhlule wasola amaphoyisa oMkhandlu ngokumkhumulisa phambi kwelinje elanqaba ukuphuma egumbini lakhe ukuze lona wesifazzane ezokumula ingubo ayiqqoka uma elala kanti umhlo womphakathi yena wahanjiswa eqoshembe ekhishwa kwesinye sezakhizo egokhe sangaphansi kuphela.

INkantolo ibe isithi ukugasela kwamaphoyisa kwensiwa ngaphansi komthetho ngendlela enonya, eyehlisa isithunzi.

The kwakuqondwe ngakho ukuhukumeza nokwesabisa abamangali ukuze baphume kulezi zakhiwo "eziqhwagiwe" kwensiwa sengathi izakhivo sezithengwe ngabanizki abasha.

Iqhube yathi amaphoyisa kuhlanganisa nakaMasipala asabisa abanye abahlali ngokubakhipha ezakhiveni aphinde athwebula izithombe zokuxhunywa kwamanzi nogesi.

"Baphinde balimaza ezinye izindlu. Ezinye izinto zabamangali okufaka imali kwantshontshwa ngesikhathi kugaselwa. Aekho cubahlali owagunyaza ukuthi kupeqebulwe izindlu zabo," kufundeka isinquo seNkantolo.

Amaphoyisa ayalelwu ukuba akhokhe izakhamuzi eziyizi-3 000 ngasinye i-R1 500 njengesinxephezelu ngokulahlelwa impahla nokungaphathwa kahle abadlule kukho.

Isinquo seNkantolo sishayelwe ihlombe elikhulu

yisERI njengoba uNks uKhululiwe Bhengu (osesithombe) wayo le nhlangano ethi siyisinyathelo esikhulu esibhe emgudwini omuhle ukutqinisekisa ukuthi bonke abantu bayalingana phambi komthetho hhayi kuphela laba abahlala ezindaweni zabadla izambane likaPondo.

"Lokhu kuletha umuzwa wokunethenze ka kwabahlala edolobheni ukuthi baphophile emakhaya abo ikakhulukazi ingesikhathi semvalewakhaya," kusho uNks uBhengu.

**Indlela esemthethweni yokugasela**

Ukupeqululwa nokuthathwa kwempahla amaphoyisa kungensiwa ngalezi zindlela ezilandelayo:

■ Umnikazi wesakhivo unika amaphoyisa ilungelo

■ Uma umnikazi enqaba ukunika ilungelo kanti iphoyisa linezizathu ezinqala elikholelwu ukuthi incwadi yokusesha ikhishwi nokuthi ubambezeleka ukugasela esakhivo kungaphazamisa inholo yokugasela nokuthathwa impahla.

Amaphoyisa anikwe amandla amakhulu ukubophpha nangesikhathi sokusesha nesokuthathwa impahla. Kukudo mhlala zingama-27 kuMbaswe wezi-2019 ngele-12 emini uNkhollise waphendula ngesithombe esiveza isithupha okucacisa ngokusobala ukuvuma izingqwembe eziyizi-20 000 Ramdas athi zasezingatholakala.

Uqhuba athi incwadi uMabaso noNkhollise abayinika uRamasdi ziysi-9 kuMbaswe wezi-2019 njengobufakazi bokuthi konke kuhamba kahle igcizelola okushivo i-Ezulwini ukuthi laba babegunyaziwe.

Yathunyelwa kuMashatile nguMnu uFikile Mbalula owayeyiNhloko Yohetho ku-ANC icela usizo ngokukhokhela wkeqembe eziyizi-30 000 ezaqidzengelwa umkhankaso wokhetho. Ivezu nokuthi kwakudingeka izigidi ezingama-R87, izi-R2 900 uqwembe ngalunye futhi le ncwadi yayihambisana neyokukhokhela komsebenzi evela ku-Ezulwini Investments.

# Umlando weCosmos awuyibeki lapho ikhona

nguSihle Ndlovu

## ■ EZIKANOBHUTSHUZWAYO

IJomo Cosmos ingelineyamaqembu abehlonishwa kakhulu kuPremier Soccer League (PSL) kumasizini amanangi edlule.

Lokhu bekungadala kuphela ukuthi iCosmos iyiqembu lengwevu edume umhlaba wonke ngonobhutshuzwayo, uJomo Sono, ngenxa yamagalelo ayo (le ngwewu). Kodwa kubuye kwenziswa ukuthi Ezenkosizikiqize inqwawa yabadlali abagcine bedlalela amaqembu athathwa njengamakhulu ebholeni laseNingizimu Afrika. Laba badlali iningi labo liggine lidlalela iqembu lesizwa iBafana Bafana, abanye bayibamba nasemaqenjini aphesheya kwezilwandle.

Kulaba badlali singabala uHelman Mkhalele, oke wayibamba ku-Orlando Pirates naseTurkey, uMark Fish odalle kuPirates nase-England, uSizwe Motaung (ongasekho) odalle kuMamelodi Sundowns, iKaizer Chiefs, iPirates naphesheya kwezilwandle eSwedens noPhilemon Masinga (ongasekho) odalale iSundowns wabuye wayibamba phesheya kwezilwandle e-Italy nase-England.

Bonke laba badlali bakhathule indima ebonakalo egenjini lesizwe iBafana. Babekhona ngesikhathi iBafana iphakamisa indebe ye-Africa Cup of Nations (Afcon) kuleli ngowe-1996.

ICosmos iphindie yazakhela igama ngokufinyelela emidlwani yamanqamu nokuhincisela nxanye amaqembu alhoniwayo kuleli. Lokhu kwenze ukuthi ingathathwa kancane ikakulukazi uma kukhulunywa ngemidlalo yemikhumulajezi.

EzibaSono sezike zanqoba iTelkom Knockout kathathu ngowezi-2002, 2003 nowezi-2005. Le ndebe yayaziwa ngeCoca Cola Cup ngaleso sikhathi. ICosmos inqobe iNedbank Cup ngowe-1990 isabizwa ngeBob Save Super Bowl. Ngowe-1987 Ezenkosizadla isicoco seNational Soccer League (NSL).

Kuyazicacela ukuthi umlando weCosmos unothile impela. Nokho kudumazile ukubona leli qembu lehlelwu wudumo Iwalo kumasizini edlule ngesikhathi ilokhu lidliwa yizembe libuye



UJomo Sono Isithombe: Twitter

likhuphuke ngaphansi kwakhe uSono.

Kukhona abathandi bakanothutshuzwayo abebeze bantele bathi uSono kumele axoshe umqeqeshi ngoba iqembu lakhe bese lishaya ukuthi iqembu.

USono uthe akasoze ezwe ngabantu yena uma kukhulunywa ngokueqesha iCosmos. Ebuzwa yintatheli ukuthi ngabe ucabanga ukuyeka nini ukucija Ezenkosizikiqize.

"Ngiyoyeka ukueqesha iJomo Cosmos uma sengifile. Usengathathake omunye aqeqesha uma sengingasekho," kusho uSono efa yinsini.

Abanye bakhuluma ngokuthi ashene nje uSono, yingoba iqembu selihlale amasizini amathathu kuGladAfrica Championship. Kumasizini amabili edlule kucishe kwahwalala kwEzenkosizikiqize ukungadliwa yizembe khona

ehlathini lapho sezihlale khona amasizini amathathu.

USono uvumile ukuthi bekuvalwa amehlo egenjini lakhe kula masizini amabili edlule.

"Inkinga enkulku ebisibhekene nayo eyemali. Amasizini amabili edlule abenziya kakhulu kithina. Wonke amabhizimini aseke abhekana nesimo ebisukusona. Ngethemba ukuthi izinto zizoshintsha njengoba sibheke ukuthi iqembu lenze kangcono ngesizini ezayo," kusho uSono.

Nokho lo mphathi weCosmos akafuni nokuyizwa eyokuthi abantu bathini ngqeqembu lakhe nokuthi liqeleshwa yena.

"Sengihlale iminyaka emithathu esigabeni esiphansi kodwa aekho umuntu okufanele ngipendule kuyena mayelana nalokho. Angiphenduli

abantu. Abantu bahlale bekhuluma kodwa uthole ukuthi abazi lutho. Angisoze ngizibeki esimeni sokuthi ngilokhu ngipendulana nabo," kugcizelela uSono.

Uthe akukho okunye abafuna ukukulweli ngesizini ezayo ngaphandle kokunyukela kuPremiership.

"Uma ungulunguza kusizindalwebu sethu uzobona ukuthi bakhona abadali esesivele sibasayinisile. Nakanjani iqembu lizolwela ukunyukela kuPremiership ngesizini ezoqala. Angifuni ukukhulumaka kakhulu kodwa uze uthule ubheke wena," kusho uSono ngokuzethemba.

Imizamo yokubuya kuPremiership ayizoba lula kuCosmos. Amaqembu afana ne-Ajax Cape Town, iTshakhumma (esizobizwa ngeSekhukhune) ne-University of Pretoria, akungabazeki ukuthi azobhukula kakulu kunakuqala ngesizini ezayo.

## OwaseRussia ungamfaka emlandweni wokulingana noSchumacher

nguSabelo Maphumulo

## ■ EZEFORMULA ONE

Umlando weRussian Grand Prix emjahweni weFormula One (F1) uvuna ingqungqulu yalo mndlalo edabuka eBritish, uLewis Hamilton.

IRussian Grand Prix eyamiswa kusukela ngonyaka we-1915 kwaze kwaba unyaka wezi-2013, ikwaze ukuthi igijinye kayisi-8 nje kuphela. UHamilton oshayela ngaphansi kweMercedes useyinqobe kane, ngonyaka wezi-2014, 2015, 2018 nangowezi-2019.

Abanye aseke bayinqoba uNico Rosberg oshayela iMercedes ngonyaka wezi-2016, uValterti Bottas oshayela iMercedes ngowezi-2017. Emiyakeni edlule yanqontshwa uGeorgy Surorin ngowe-1913 noWilly Scholl ngowe-1914.

UHamilton oneminyaka yobudala engama-33 uvunwa umlando nje uzebo ebekwe kakhulu ukuthi anqobe lo mqhudelwano ozokuba ngeSonto ngele-13:10 ntamabama eSochi, eRussia.

Okwenza ukuthi abekwe kakhulu uHamilton ophusha umkhankaso weBlack Lives Matter, ukuthi ukunqoba kwakhe kobe ukusho ukulinganisa irekhodi elabekwa uMichael Schumacher.

USchumacher owathatha umhlala phansi ngowezi-2012, wanqoba imiqhudelwano engama-91 uHamilton yena usenqobe imiqhudelwano engama-90.

UHamilton uya kulo mqhudelwano nje uyena ozihola phambili ngokwezilekiso zakulo nyaka kuF1, unamaphuzu ali-190, elandelwe uzakwabo ashayela naye kwaMercedes uValterti Bottas onamaphuzu ali-135, kubo uMax Verstappen oshayela iRed Bull ngali-110. Ngokwezimotu iMercedes ihamba phambili ngamaphuzu angama-325, kulandale iRed Bull eshayeletwa uVerstappen no-Alexander Albon ngamaphuzu ali-173, iMcLaren eshayeletwa uLando Norris noCarlos Sainz Jr ngali-106.

URalf Schumacher ongumfowaboka Michael, uncome uHamilton wambiza ngompetha walo mndlalo. "UHamilton njengoba esekwazi ukuphala cishe wonke amarekodi kamfowethu, ngingasho ngaphandle kokunanza ukuthi aekho umshayeli ofika kuyena kulesi sikhathi sakhe. Njengoba esaqhube ntokwenza ezbukwaya ngibona emaningi amarekodi asezozibekela wona okusazothatha isikhathi ukuba aficwe. Okukhombisa ukuthi ungumpetha wangempela uHamilton ingoba isikhathi ashayela kuso ukuncintisanu kuningi kodwa uykawza ukuzinqobela kalula" kusho uRalf.

UHamilton irekhodi elikhulu abekwe ukuba alifice nonyaka elokuba ngumpetha okwesi-7 alingane noMichael Schumacher. Usebe ngumpetha kayisi-6 uHamilton ngonyaka wezi-2008, 2014, 2015, 2017, 2018 nangowezi-2019, uMichael Schumacher wanqoba ngonyaka we-1994, 1995, ngowezi-2000, 2001, 2002, 2003 nangowezi-2004.

UHamilton uthe: "Angikage ngicabange ukuthi kofika lesi sikhathi sokuthi kubo yimi okuthiwa usalelwu imiqhudelwano ethize ukuze kuphuleke irekhodi likaSchumacher. Yize kuzokwenzekwa kodwa ngeke kuphela ukumhlonipha, kuningi engukufunde kuyena ngezikathathi zakhe. Ngibonga uBottas engishayela esitebeleni esisodwa naye ngokuhleli engikhuthaza ekutheni ngingqobe. Ngizimisele ukunqoba ngeSonto ukuze ngandise amathuba okuvikela isicoco sokuba ngumpetha womhlaba."

Lo mshayeli unamaphuzu ayizinkulungwane ezi-3 621 kusukela aqala ukushayela. Ukwaze ukualo umqhudelwano izikhathi ezingama-95.

Emva kweRussian Grand Prix kuzosalu imiqhudelwano eyisi-6 okuyi-Eifel Grand Prix, iPortuges Grand Prix, i-Emilia Ramagna Grand Prix, iTurkish Grand Prix, iSakhir Grand Prix ne-Abu Dhabi Grand Prix.



ULewis Hamilton Isithombe: Planet F1

## Zibuyela eringini zimabokoboko wukhuvetha ezamankomane kuleli

nguSabelo Maphumulo

## ■ EZAMANKOMANE

Liphume nobomvu ezinhlakeni zebihakela uHulumeni wakuleli ezinika ignuya lokubuyela eringini.

Ezamankomane nazo kazisalanga ngaphandle ngesikhathi uMengameli uCyril Ramaphosa evala yonke into kuleli ngoNdasa ngenxa yokuhlasela kokhuvetha.

Abaheli bezimpi abathile baggemeke ingozi engeqiwia ntawala njengoba bese bezikhokhe zonke izindleko zokuhlele imiqhudelwano. Laba baqhati ngoDouglas Sibya weDMZ Sotobe Promotions obezohathha eChatsworth, eThekwini, iTLB Promotions kaJoyce Kungwane ngokubambisana noLehlohonolo "Hands of Stone" Ledwaba umqhudelwano wabo obuzoba seGoli nezimpi zeGolden Gloves kaRodney Berman obezi zoba se-Emperors Palace khona kwaNdongaziyaduma.

Lezi zipi bezizoba ngoNdasa.


Abanye abashandekile iTono Promotions kaNokwanda Mbatha waseMpangeni ne-Insane Promotions abebezobza nemiqhudelwano ngoMbasa.

Ngesifanayo nakumabokisa ebese eqokeye ekubeni yingxene yalezi zimpi. Asebenzise imali eningi ezelungiselela.

UMoruti "Babyface" Mthalane oyingwele ye-International Boxing Federation (IBF) Flyweight, utshele elaboHlanga ukuthi ukhuvetha lumphuce iqatha emlyneni njengoba maphakathi nalo nyaka ebezolwala empini ebizohlanganisa amabhande amabili.

Ubezohimfana no-Artem Dalakian wase-Azerbaijan obezoza nelakhe leWorld Boxing Association (WBA) Flyweight besu uMthalane afake nelakhe esitikini. Le mpi negeke isaba khona.

Omunye oshayekile uZolani "Last Born" Tete obesemangisellewensi okuxhimpfana no-Emmanuel "Manny" Rodriguez wasePuerto Rico empini abezozama kuyo ukumphuca isicoco



UNks uCindy Nkomo weBSA

seWBC Silver Bantamweight. Obezonqoba lapha ubezotholana phezulu nozonqoba phakathi kwenxele elinguNordin Oubaali waseFrance noNonito "The Filipino Flash" Daire wasePhilippine kweyeWorld Boxing Council (WBC) Bantamweight.

Njengoba isibhakela sesibuyile emazweni amanangi, iWBC isimemezele ukuthi impi kaDaire no-Oubaali izoba mhla zili-12 kuZibandlela, eMohegan Sun Casino, eMelika.

UNks uCindy Nkomo ibamba leSikhulu Eisphezulu kuBoxing South Africa (BSA) wazise iBAYEDE ukuthi ziayabuya izimpi ngoMfumfu. Uthe basathole icicelo ezzine zophromotha abafuna ukuqatha. Basaphasise ezimbili ekungeyeGolden Gloves enikwe umhla ziliishumi neyeTLB enikwe umhla zili-17.

Nakuba uNks uNkomo engawashongo amagama alezi ezimye izinkampani kodwa

leli phephandaba liyazi ukuthi iDMZ Sotobe ingenye yezinkampani eziphinde zafaka icicelo sokuqhatha.

"Nakuba silimele kokuningi kodwa kuyasijabulisa ukubuya kwesibhakela. Okubalulekile njengamanje ukubambisana nezinhlaka zethu sigcine imithetho esivunyelwe ngaphansi kwayo efana nokungavumeli izibukeli. Okunye ukuhlolwa amabokisa ngaphambi nangemuva kokulwa. Ngesifanayo nasezindaweni okuzolwelwa kuzo. Okuhle ukuthi emasontweni eddlule kuwowonke amajimtu ukulele bese sizihambisile izinto eziyilanza ukhuvetha," kubeka uNks uNkomo.

Umqhudelwano weGolden Gloves owaziwa nge-4@War uzobanjewa e-Emperors Palace, eGoli. Uma kungashintsha uJonas Sultan wasePhilippines uzotholana phezulu

noRicardo Malajika kweyebhande elingaphethwe mutu le-IBO Intercontinental Junior-Bantamweight.

Enye iphakathi kukaJabulani Makhes ozovikela iWBA Pan African ne-IBF Africa Junior-Welterweight kuHarry Simon waseNamibia.

Khona lapha uBoyd Allen uzovikela iWBA Pan African Junior-Middleweight kuBrandon Thysse. ULedwaba weTLB utshele ElaboHlanga ukuthi ahamba kahle amalungiselelo omqhudelwano wabo nakuba bengeke benze nzuko. Sebecabangela amabokisa ukuze kuzothi uma kuvulwa konke aqhubekile phambili.

Uthe izimpi zabo zibiza seKlispruit, ngaseMapony Mall, eSoweto.

ULedwaba owazakhela igama evikela i-IBF Super Bantamweight kahlanu phakathi konyaka we-1999 kuya kwezi-2001, uthe bazoba nezimpi eziyisikhombisa ngalolu suku. Phezulu eghulwini ngekaThulani "Tulz" Mbenge waseMdantsane, e-Eastern Cape ozobanga noKatembo Kuvesa waseDemocratic Republic of Congo (DRC) ibhande elingaphethwe mutu le-African Boxing Union (ABU) Welterweight.

Kubukeka uMbenge kuzomele anqobe nomu kanjani kule mpi. Uphuma esibhaxwini sikaSebastian Formella waseGermany omphuce ibhande le-International Boxing Organisation (IBO) Welterweight empini ebisekuhambeni ngoNtulikazi wanyakeny.

UKuvesa akanamlando otheni. Akakaze alwele nelifoluda ibhande. Ugcine elwe ngokulingana no-Obodaa Sai waseGhana ngoNcwaba. UZandile Malinga weStarline Promotions uveze ukuthi bahlela ukwenza umqhudelwano ngasekualleni konyaka oyazo. Kuwo bafuna uGcina Makhaba avikele ibhande leWBF International Junior Bantamweight. Walithatha eshaya uMsawenkosu Ndwandwe ekuqaleni kwalo nqaya.

# Ezemidlalo



**EZIKANOBHUTSHUZWAYO**  
UMLANDO WECOSMOS  
AWUYIBEKI LAPHO  
IKHONA  
Ikhasi 19

## Uphuphuma injabulo nethemba uNtshosho ngesikhundla kuChiefs

Kubhekwe ukuthi abe usizo olukhulu kuZimpofana kwazise unomlando nolwazi olunzulu ngaleli qembu lasePhefeni

### nguSihle Ndlovu

■ EZIKANOBHUTSHUZWAYO

Abalandeli beKaizer Chiefs basale bethwele izandla emakhandha ngemuva kokuthi iqembu labo lihluleke ekugcineni ukunqoba indebe ye-Absa Premiership ekupheleni kwestini yowezi-2019/2020.

Lokhu akugcinaanga ngokwephula izinhliziyo zabalandeli baMakhosi kodwa kuphinde kwaholela ekutheni abaphathi beqembu bathathe izinquo eziqala. Kukhonje indlela obengumqequeshi weqembu u-Ernst Middendorp nobengumsizi wakhe uShaun Bartlett.

Ngesonto eledlule iChiefs iqashe uGavin Hunt njengomqequeshi wayo omusha. Lokhu kwenze abalandeli beChiefs besasa kakhulu ngoba ayaziwa amagalelo kaHunt. La mquechesi ogcine ukucija ngeBidvest Wits, osekupheli ngayo, usedle izicoco ezine zePremiership. Esokucina usinqobe nayo iWits ethengwe yizikhulu teTshakhuma ngesizini esanda kusongwa. Ngaphambi kokujoyina iZitshudeni uHunt wayesenqobe izicoco ezintathu zeligi neSuperSport United.

Osekuphende kwajabulisa abalandeli baMakhosi kuleli sonto, ukuqashwa kuka-Arthur "1011" Zwane noDillon Sheppard njengamaphini kaHunt. Kuyinto eyaziwayo ukuthi uHunt ubevele esizwa uSheppard kuZitshudeni kumasizini edule. Nokho okubeka kujabulisa kakhulu abalandeli beChiefs ukuqashwa kukaZwane njengephini.

Mhlawumbi okujabulisa kakhulu abazifelayo ngeZimpofana ukuthi sewubonakale kaningi umsebenzi kaZwane egenjini abeliqeqesha ligijima kuMultichoice Diski Challenge (MDC).

UZwane ufana nendodana kuChiefs uma kubhekwa isikhathi asehlalile. Ube ngumdlali weqembu wasophondweni kusukela ngowez-2000 kuya kwezi-2010. Udlale imidlalo engama-252 washaya amagoli angama-32. Unqobe izicoco ezil-12 neqembu laseNaturena.

Ngesikhathi eyibambe kuMDC u-10111 uqequeshe waphinde wakphuphlela egenjini elikhulu abadlali abafana noBruce Bvuma, uSiphosakhe Ntiya-Ntiya, uSiyabonga Ngezana, uNkosingiphile Ngcobo, uHappy Mashiane, uWiseman Meyiwa, uNjabulo Blom, uBontle Molefe, uKeletso Sifama, uGiven Thibedi, u-Itumeleng Shopane, u-Ayanda Rorwana noSizwe Twala.

UThibedi, uShopane, uRorwana noTwala babolekiswe kuSwallows FC ngesizini edlule. Bayisize kakhulu iSwallows ukuthi idle isicoco seGladAfrica Championship, yenyukela kuPremiership.

UZwane uphinde wanqoba iShield Cup neqembu labafana bakhe beMDC ebelyabamba kuchwaze izihlweli ezingundleni ezahlukene eNingizimu Afrika.

Amagalelo kaZwane aphinde abonwa umqequeshi weBafana Bafana, uMolefi Ntseki, osewayele ukumbiza ukuthi nomzisa egenjini lesizwe. Akwaziwa-ke nomu uzoqhube kaZwane yini nokukwenza lokho njengoba esenysusele egenjini elikhulu.

Ukunyuswa kukaZwane kuchaza kona ukuthi uHunt ubekubuka kakhe konke abekwenza. Okunye okungenzeka ukuthi kugquqquzele uHunt ngoZwane, ukuthi iChiefs ingase izithola isebeenzisa kakhulu abadlali abebegijima kuMDC ngenxa yesigwebe seFifa esthole ngokusayinisa uDax Andrinarimanana, okuthiwa bekungeko emthethweni.

Kwavela ukuthi lo mdlali wayenenkontileka neqembu lakhe laseMadagascar ngakho iChiefs kwakumele ikhokhe imali ethile ngaphambi kokumsayinisa.

Ngexa yalokhu iChiefs ihlawuliswe ukuthi ingasayinisi noyedwa umdlali kuze kudlule amawindi okusayinisa abadlali amabili. Ilidlusele phambili icala kodwa iFifa ibingakacacisi ukuthi kukhona okuzoshintsha kulesi sigwebo esigixabeze Amakhosi.

Ngabe uZwane uzoza nesisombululo enkengeni yeChiefs yokuhuleka ukunqoba izicoco? Ngabe futhi laba badlali abebacaja kuMDC yibona abazofika bajike izinto eNaturena?

UZwane useke waba yiphini likaVladimir Vermezovic egenjini elikhulu, phakathi kwezi-2010 nowezi-2012, ngakho akamusha neze ekuhlaleni ebhentshini leChiefs.

U-10111 uthe uzzwa ekhetekile ngokunika elinye ithuba lokuba yiphini lomqequeshi kuChiefs.

"Kuhale kuyinto enkulu ukunkwa ithuba lokusebenza nabantu abakhulu. Njengoba wazi kuningi okubekiwe futhi imiphumela iyadingeka. Kuyakusiza njengomqequeshi ukuthi ukhule. Ngiyabula kakhulu ukuthi ngingikwe leli thuba," kusho uZwane.

Nokho uvumile lo mquechesi ukuthi izinto ngezifane nangeskathi esasiza uVermezovic ngoba ukuhamba kweminyaka kwenza izinto zishintshe ebholeni.

"Uma ubuka ibhola uliqhathanisa nangalesiya sikhathi uyabona ukuthi kukhona ushintsho. Ukunkwa leli thuba lapho iqembu kumele libuyise udumo lwawa nokuthi siqinisekiso ukuthi liba sezingeni elilifanele, kuyinselelo enkulu," kubeka uZwane.



**ITHEMBA ALIBULALI:** Kubuye ithembu kubalandeli baMakhosi kuqashwa u-Arthur Zwane njengephini lomqequeshi

Isithombe: nguSamuel Shivambu/BackpagePix

Ephawula ngokusebenziana noHunt noSheppard asebesebenze ndawonye isikhathi eside kuWits, uthe ubona kukhona abazokuzua ngokubambisana.

"Umqequeshi uGavin nomqequeshi uSheppard sebesebenze ndawonye isikhathi eside. Siyazi ukuthi yini asebeyenzile ndawonye kuBidvest Wits. Benze kakhe kakhulu futhi siyakujabulela ukuba nabo lapha. Ngikubheke ngabovo ukusebenza nabo. Njengoba sengibe

kuChiefs isikhathi eside ngizobatshela izinto eziningi engaziyo. Lapha ngikhuluma ngokuthi yini elindlelele nosiko lweqembu," kuchaza uZwane.

Ingcindezi yinkulu ethimbeni elisha labaqequeshi njengoba iChiefs ingakaze iphakamise neyodwa indebe eminyakeni emihlanu edlule. UZwane uthe ukuqonda kakhe konke lokho.

"Uma ungayijabuleli ingcindezi njengomdlali noma umqequeshi, ngeke

wenze into efanele. Ngicabanga ukuthi ngiyayijabulela ingcindezi. Ukwazi ukuthi ngizobie ngisibeni nomqequeshi ongomunye wabahama phambili kuleli kungenza ngazi ukuthi ngizofunda lukhulu kuyena. Ngiyalibonga kakhulu leli thuba engiliniwe.

"Njengomdlali, ngemuva kokudlala iminyaka eyishumi, ngifunde lukhulu. Abantu balinande lukhulu uma kukhulunyuwa ngomsebenzi ongawenzela iqembu. Ngiyazi ukuthi balinande thina njengethimbala labaqequeshi ukuthi sibalethele izindebe. Nokuthi balinande ukuthi iqembu lidlale ibhola eliehayo. Siyazi abalandeli bafuna ukukuthokozela ukubuka iKaizer Chiefs. Kuzoba yinselole enkulu leyo kithina njengethimbala labaqequeshi kodwa ngiyakholwa ukuthi sizokwazi ukukwenza," kusho uZwane.

Ngabe yini ngempela abalandeli abangayilindela kuChiefs ngesizini ezoqala ngokubona kukaZwane?

"Siza kule sizini lapho besinethuba elihle kakhulu lokunqoba iligi ngesizini edlule. Ekugcineni kufane nokushaywa ngomngqimuzo womlahla phansi sesihuleka ukuwina isicoco. Yisizini entsha nthimba elisha labaqequeshi. Lokho kusho ukuthi kuzoba noshintsho endleleni esidlalo ngayo futhi nemiqondo yabadlali izoshintsha. Nakubalandeli futhi kumele kubeku njalo. Wonke umuntu kumele adlale indima yakhe ukuze iqembu liphumelele," kugcizela uZwane.

Ucele abalandeli ukuthi babanike ithuba babona ukuthi beza nani njengethimbala elisha labaqequeshi. "Ngicabanga ukuthi ukwenza yikona okubalulekile kunokukhuluma isikhathi esiningi. Sihla sitimbasha ukuthi sizongena enkundleni senze konke okusemandleni ethu nokuthi sibenze bajabule abalandeli bethu. Uma sibabona bemamatheka kwenza umsebenzi wethu ube lula. Ngakho sizokwenza konke okusemandleni ukuthi siyawina, ikakhulukazi kule midlalo esaziyo ukuthi zisobiza kwelinye izinga. Uma ngithi kwelinye izinga angichaka ukuthi sizokhetha imidlalo. Yonke imidlalo izobeku kubeku njengethimbala labaqequeshi," kuphetha uZwane.

Akungabazeki ukuthi abalandeli balinande lukhulu kuHunt, uZwane noSheppard. Sekuzocaca uma sekuqala isizini ukuthi Amakhosi azobe ekulungele yini ukushaya ngonyawo olwehlukile uma kughathaniswa namasizini amahlau edlule.

Okune okuzohalalwa ukuthi abadlali kuzobathatha isikhathi esingakanani ukujwayela indlela yokudlala kaHunt nthimba lakhe.

## Intokazi yaseMzimkhulu ibona isingalihola iqembu

### nguSabelo Maphumulo

■ EZOMNQAKISWANO

Ukulungele ukuhola iqembu iKingdom Queens elizigijima okokuqala kuligi enkulu kuleli iTelkom Netball League (TNL). Lowo nguFezeka Sondzaba ongukaputeni waleli qembu laKwaZulu-Natal oveze lokhu ngesikhathi enengxoxo nelaboHlanga.

IKingdom Queens iliqembu lesibili kwaqhamuka KwaZulu-Natal, elinye iKingdom Stars.

UKuba yingxenele kulo mqhadelwano kwaleli qembu kuvele kuleli sonto ngesikhathi inhlango ephethe lo mdalo iNetball South Africa (NSA) yethula ngokusemthethweni owakulo nyaka.

Midlalo yeTNL ngabe kade yaphothulwa ngoba kwakumele iqale ngoNhlaba nonyaka kodwa ukufika kokhuvetho kwabambezela.

"Ukuba nethimba elinamava nadabdlali abazimisele, ngiyathemba ukuthi ikhona okuzokwena umsebenzi wami be lula. Emiyakeni edlule ngisibenzile noBongiwe Msomi, lapho ngangiwukaputeni woMgungundlovu District yena eyisekela lami

emqhudelwaneni iSpar National Championship. Ngafunda lukhulu kuyena engikhuthaza," kusho uFezeka.

Umqequeshi weKingdom Queens nguMagdu du Plessis onesifitketi sikaLevel 3 ekuqequesheni kanti uneminyaka engapehazel kweli-15 equechesha.

UFezeka oneminyaka yobudala engama-29 odabuka eMzimkhulu, uthi waqala ukudlala lo mdalo ngonyaka wezi-2003 enza ibanga lesi-5. Ufundu eZwibanzu Primary School waphothula eClydesdale High School.

Akagcinanga lapho waqhube ka wayofunda eDurban University of Technology (DUT) lapho ayenza khona izifundo zeSport Management.

Iqhube le ntokazi ichaza, ithe ngesikhathi ithola ingane yesibili yathwala kanzima ukubuya emqiqgwemi wayo.

"Kwaba nzima kakhulu ngasengithi ngeke ngiphinde ngibuyele kulo muntu engiwuyena namhlange. Ukuthola kwami ingane ngakhaluphala kakhulu emzimbeni kwadingeka ukuba ngisibenzise kakhulu ekutheni ngibuyele esimweni sami. Ngibonga iqembu iPMB Giants Club elanginika ithuba lokuthi ngizilolonge nalo esikhathini esinzima," kusho

Abadlali bonke mhla ziysi-8 kuMfumfu bazobe sebekubu-bubble, lapho kuzobezukulandela imigomo kaHulumeni yokuthi abadlali ngaphambi kokuthi badlale kumele kuqinisekiswe



**UFezeka Sondzaba**

ukuthi abanalo ukhuvetho.

Amaqembu azobe ebanga inkomishi i-Aloes yase-Eastern Cape, iCrinums yaseFree State, iGolden Fireballs neFaguers okungawaseGauteng, iBaobas yaseLimpopo, iSunbird yaseMpumalanga, iDiamonds yaseNorthern Cape, iFlames yaseNorthern West, iSouthern Stings neTornadoes wona adabuka eWestern Cape. Esewonke amaqembu ali-13 okubalwa neKingdom Stars kanye neKingdom Queens. Iqembu elivikela isicoco iJaguers esisinqobe kathathu. Kula maqembu kuzobakhona nelesizwe labaneminyaka engama-21.

UMengameli weKwaZulu-Natal Netball, uGugu Ngema, uthi kumjabulise kakhulu ukuba kubeku khona iqembu lakulesi sifundazwe eliba yingxenele yale ligi enkulu.

"Izithelo ezinhle ziyanakala njengoba sesizoba nelinye iqembu kulesi sifundazwe. IKingdom Queens izokwakhwa abadlali abasebancane abazofuna ukuzakhela igama, bazobe belwela ukuba banyukele kuKingdom Stars. Kuyajabulisa ukuthi abaxhasi iTelkom ivuselele inkontileka yokuxhassa lo mdalo. Okubeka obala ukuthi isasasa likhona," kusho uMengameli.